# Okuqukethwe

1. Ukuphunyuka Okumangalisayo.......................................................5
2. Ngenkuthalo Ekhuphuka Isitebhisi...............................................10
3. Kuyinhlonipho Ukubeka Abanye Kuqala......................................15
4. Injongo Ephakeme..............................................................................20
5. Ukuqinisekisa......................................................................................25
6. Ethola Amandla Eqinisweni Lanamuhla.......................................31
7. Isiprofetho Senzuzo Yethu..................................................................36
8. Ubumsulwa Esikhathini Esonakele...............................................41
9. Ukuthokozela Ukukhanya Kwasezulwini......................................46
10. Ukuqinisa Ingqondo Yethu..............................................................52
11. Isikhathi Esingeziwe Ngenjongo......................................................57
12. Abantu Abanjani-na?........................................................................62
13. Ephikelela Kuze Kube Sekupheleni.................................................67

- SOUTH AFRICA: Office 1302 Bram Fisher Towers

  20 Albert Street

  Marshaltown

  2001

- Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265

  Website: www.sdarmsa.org.za

  Email: admin@sdarmsa.org.za

- POSTMASTER: P. O. Box 7950
  Johannesburg
  2000

# Isingeniso

Ingabe ufuna ukunqoba ekuphileni kwakho kobuKrestu-na? Ngakho-ke ufike endaweni efanele:

"Encwadini yesibili kaPeter ukhuluma ngalabo abamukele 'ukukholwa okuyigugu' njengaye, umpostoli ubeka phambili icebo elingcwele lokukhuliswa kwesimilo soMkrestu."-*The Acts of the Apostles,* p. 529.

"Isahluko sokuqala sencwadi yesibili kaPeter sigcwele izeluleko, futhi sigadla izihloko ezibalulekile zokunqoba. Iqiniso ligcizelelwa ngenhlonipho phezu kwengqondo ngendlela lilethwa ngayo kulesahluko. Masivumele kakhulu ukuhlolwa kwalamazwi, futhi sisebenzise izimiso zawo."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 7, p. 942.

Kubaluleke kangakanani ukukhulisa isimilo sobuKrestu ngempela kulesikhathi somlando lapho masinyane sizokuma ngaphandle koMlamuli oncenga ngenxa yethu endaweni engcwele ngcwele kwitabanakeli lasezulwini! Ngalomcabango othobekile engqondweni, abafundi besikolo seSabatha emhlabeni wonke bazogxila kwi-*Izifundo Ezivela Ezincwadini zikaPeter* (II).
"Asikaze sibekhona isikhathi esibaluleke kangaka okufanele sidele umina sithabathe isiphambano imihla ngemihla ukudlula namuhla. Kungakanani ukudela umina esizimisele ukukwenza-na?"-*Testimonies for the Church*, vol. 9, p, 186.

"Kufanele sibe ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, sibalekele ukonakala okusezweni ngenxa yezinkanuko….
"Ayikho into Ezwini likaNkulunkulu enjengokhetho olungenambandela-kanye emseni, njalo emuseni. Kwisahluko sesibili sikaPeter isihloko senziwe sabasobala futhi sahluka….

"ImiBhalo yenza kubesobala ukuthi labo abake bazi indlela yokuphila futhi bajabulela iqiniso basengozini yokuwela ohlubukweni, futhi baduke. Ngakho-ke kukhona isidingo esinqumayo, sokukhulumisana imihla ngemihla noNkulunkulu.
"Bonke abafuna ukugcina imfundiso yokukhetha, ukuba semuseni kanye, nokuba njalo emuseni, benza futhi lokhu kubesobala, 'Isho njalo iNkosi'…

"Labo abathe baphenduka ngempela bafa noKristu ngokufanayo ngokufa Kwakhe, futhi bavuswa ethuneni lamanzi befana nokuvuka Kwakhe, ukuba bahambe ekuphileni okusha. Ngokulalela okuthembekile iqiniso kufanele benze ubizo lwabo lukhetheke futhi luqiniseke."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 6, pp. 1114, 1115.

"Ngokubheka nokulingisa ukuphila [kukaKristu] sizokwenziwa basha emfanekisweni Wakhe. Inkazimulo yasezulwini izokhanya ezimpilweni zethu futhi ibonakale nakwabanye. Esihlalweni somusa kufanele sithole usizo esiludingayo lokusisiza siphile ngalo. Lokungcweliswa kweqiniso, futhi ngezinga eliphakeme kakhulu abafayo bangafisa ukuhlala noKristu njengegatsha elihlala emvinini?"-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p, 306. Amen!

*Igatsha leSikolo seSabatha leGeneral Conference*

ISABATHA, NTULIKAZI 6, 2024

# *Umnikelo weSabatha Lokuqala*

## *Owendlu Yokukhonzela, Isikolo, kanye nehovisi eLiberia*

Ngezinye izikhathi beyaziwa ngokuthi ingenye yemingcele yokugcina eAfrica, iLiberia ilizwe eligcwele amahlathi ngasentshonalanga kogu esifundeni saseAfrica, izungezwe iSiera Leone, Ivory Coast, Guinea, kanye neAtlantic Ocean. Phakathi kwabakhileyo abangaphezu kwezigidi ezinhlanu, 85.3% bafakazela inkolo yobuKrestu (abaningi ngamaProtestanti, ngisho namaSeventh Day Adventist), 12, 6% ngamaIslam, 1, 5% abangakholwa, I 0, 6% nabakholelwa emadlozini. .

Isifunda esidala saseAfrica, iLeberia isazama ukubuyela esimeni seminyaka engu 14 ngenxa yempi enkulu (1989-2003) eyabhubhisa indwangu engumkhiqizo welizwe, uma lilinganiswa lingele-shumi (10) ngobumpofu emhlabeni wonke. Ezolimo zachithwa, izakhiwo nezimboni zashiywa zonakele.

Phakathi kobunzima obukhulu, ngonyaka ka 2011, abazalwane eLiberia badonselwa kwinsindiso yeSeventh Day Adventist Reform Movement nge-website yeSDARM, www.sdarm.org, nomsebenzi wahlelwa lapha ngonyaka ka-2012. Kusukela ngalesosikhathi, isigijimi sakhula kusukela kwinhloko-dolobha iMonrovia yafinyelela ezifundeni ezintathu kwezingu-15 zaseLiberia.

Noma ubunzima bezimpi sebuphelile, izimpawu zezilonda ziyabonakala ezweni lonke. Umnotho ulimele, futhi kunzima ukuthola umsebenzi lapha uma umuntu engathobeli inkonzo yezepolotiki. Izimo yizona ezikhubazayo, kodwa inkolo yethu iqhubekela phambili.

Ukukhulisa umsebenzi eLiberia, kukhona isidingo esiphuthumayo sendlunkulu kanye nendlu yokukhonzela nokuthuthukisa umsebenzi wokwelapha. Futhi kubalulekile ukunikeza izinga eliphansi lesikolo sabantwana bethu ababhekana nezinselela ngoba kufanele balahlekelwe izivivinyo kanye nezifundo ezingeziwe ezihlelelwe ukufundisa ngeSabatha.

Ngonyaka ka 2019, umzalwane (osewashona) wanikela ngomhlaba ukuba kwakhiwe isikolo, isibhedlela, nehovisi. Ukuze kuqalwe ukwakhiwa indlu yokukhonzela kanye neminye imisebenzi, sibusisekile ngomhlaba eNyanforla (Collins Farm) ezanzi kweBong County, kanye nesinye isiqephu esilinganiswa ne ¼ acre eMonrovia.

Ngalokhu kukhanya, siyacela ngomusa kubazalwane nodade emhlabeni wonke uMnikelo weSabatha Lokuqala ukusiza ukuthi sifinyelele kumgomo odingekayo ukukhulisa umsebenzi weNkosi eLiberia. Siyanibonga ngaphambili.

*Abazalwane benu nodade abavela eLiberia*

# Ukuphunyuka Okumangalisayo

**IVESI LEKHANDA: "Esiphiwe ngakho izithembiso eziyigugu nezikhulukazi, ukuze ngazo nibe ngabahlanganyeli nesimo sobuNkulunkulu, nibalekele ukubhubha okusezweni ngezinkanuko" (2 Peter 1:4).**

"Maye, ukuthi labo abanokuphila kwesimoya okuncane kangaka bangaqonda ukuthi ukuphila okuphakade kunikezwa kuphela labo abangabahlanganyeli bemvelo engcwele futhi babalekele ukonakala okusezweni ngezinkanuko."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, p. 155.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 737-746.
*Thoughts from the Mount of Blessing,* pp. 76-78.

## *NgeSonto* *Nhlangulana 30*

### 1. INCWADI ENENJONGO

**a. Kukubani-futhi kungani-lencwadi iqondiswe kubo, futhi yenziwa kanjani yonke yaba impumelelo-na? 2 Peter 1:1.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Isihloko esikhulu kangakanani esingazindla ngaso-ukulunga kukaNkulunkulu noMsindisi wethu uJesu Kristu. Ukuzindla ngoKristu nokulunga Kwakhe akushiyi indawo yokuzithandela, noma ukuzidumisa. Kulesahluko akukho ukuma ndawonye. Kukhona ukuthuthuka okuqhubekayo kwenyathelo ngalinye lolwazi ngoKristu."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 7, p. 942.

**b. Njengoba ngobuqotho, sifuna uNkulunkulu ngokushiseka eZwini Lakhe, mvuzo muni omkhulu ogelezela ezinhliziyweni zethu-na? 2 Peter 1:2.**

______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________
______________________________________________________________________________

"Uma umuntu ebambelela kwimvelo engcwele, esebenza phezu kwecebo lokwengeza, enezela umusa emuseni siphelelise isimilo sobuKrestu, uNkulunkulu uzosebenza phezu kwecebo lokuphindaphinda. Uthi ezwini Lakhe: 'Umusa nokuthula makwandiswe kini ngokumazi uNkulunkulu, noJesu iNkosi yethu.' "-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 148.

## 2. ISIBUSISO SOKWAZI UNKULUNKULU

**a. Isiphi isiqinisekiso esibusisekile esiza kithi sonke-futhi esamukeleka kakhulu ezikhathini ezinzima-na? Jeremiya 24:7; Jobe 22:21-23, 29.**

---

"Ithemba lethu ukuba siqiniswe njalo olwazini lokuthi uKristu ungukulunga kwethu. Ukukholwa kwethu kugxile phezu kwsisekelo, ngoba kuzokuma kuqinile ingunaphakade. Esikhundleni sokuhlala ebumnyameni bukaSathane wesabe amandla akhe, kufanele sivule izinhliziyo zethu ukuthola ukukhanya okuvela kuKristu futhi kukhanyele emhlabeni, simemezela ukuthi ungaphezu kwamandla onke kaSathane, nokuthi isandla Sakhe esilondolozayo sisize bonke abathembela Kuye."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 742.

**b. Njengoba siqhubekela phambili sijwayelana noJesu, iyini imiphumela? Hoseya 13:4; Efesu 3:17-19.**

"Imibono emincane abaningi abaye babanayo mayelana nesimilo esiphakeme nesikhundla sikaKristu kuthe kwanciphisa amava okukholwa kwabo futhi kwavimbela intuthuko enkulu ekuphileni okungcwele. Inkolo yomuntu ngamunye phakathi kwethu njengabantu isezingeni eliphansi. Kukhona isimo esiningi, izinsimbi zemishini eziningi, inkolo yolwimi oluningi; kodwa into ejulile neqinile kufanele ilethwe kumava okukholwa kwethu."-Ibid., p. 743.

"UJesu wathi: 'UBaba uqobo uyakuthanda.' Uma ukukholwa kwethu kugxile phezu kukaNkulunkulu, ngoKristu, kuzofakaza 'njengehange lomphefumulo, kokubili isiqinisekiso namandla, futhi kungene ngaphakathi kweveyili; noma uManduleli engene ngaphambili ngenxa yethu.' Kuyiqiniso ukuthi ukudangala kuyeza; izihlupho kufanele sizilindele; kodwa kufanele sinikele ngakho konke, okukhulu nokuncane, kuNkulunkulu. Akadideki ngezinhlobo eziningi zezikhalo zethu noma ahlulwe isisindo semithwalo yethu. Ukulinda Kwakhe kufinyelela emakhayeni wonke futhi uzungeza umuntu ngamunye; ukhathalela imisebenzi yonke yethu nosizi lwethu. Uphawula zonke izinyembezi; uthinta ngomuzwa ubuthakathaka bethu. Zonke izinhlupheko nezilingo eziwela phezu kwethu ziyavunyelwa, ukusebenza inhloso Yakhe yothando kithi, 'ukuze sibe ngabahlanganyeli bobungcwele Bakhe' futhi kanjalo sibe ngabahlanganyeli bokugcwala kwenjabulo etholakala ebukhoneni Bakhe.

"'Unkulunkulu walelizwe uthe waphuphuthekisa izingqondo zabo ezingakholwa, hleze ukukhanya kwevangeli elikhazimulayo likaKristu, elingumfanekiso kaNkulunkulu, lingakhanya phezu kwabo.' Kodwa iBhaybheli ngohlelo olunamandla lubeka phambi kwethu ukubaluleka bokuzuza ulwazi ngoNkulunkulu."- Ibid., p. 742.

## 3. UKUFUNA NOKUTHOLA

**a. Chaza isimo somhlaba namuhla. 1 Johane 5:19. Noma kunjalo, kungakanani uNkulunkulu akunikezile ezwini Lakhe-na? 2 Peter 1:3.**

____________________________________________________________________________

---

"Kuyimfundo njalo kaSathane ukugcina izingqondo zabantu zimatasa ngalezo zinto ezizobavimbela ekutholeni ulwazi ngoNkulunkulu. Ufuna ukubagcina kulokho okuzofiphaza ukuqonda futhi kudangalise umphefumulo. Sisezweni lesono nelonakele, elizungezwe imifutho ethambekela ekuyengeni noma ekudumazekeni kubalandeli bakaKristu. Umsindisi uthi, 'Ngenxa yokwanda kokubi, kuzakuphola uthando lwabaningi.' Abaningi babhekisa amehlo abo ebubini obesabekayo obukhona obubazungezile, uhlubuko nobuthakathaka yonke indawo, futhi bakhuluma ngalezinto izinhliziyo zabo zize zigcwale usizi nokungabaza. Bagcina engqondweni ukusebenza kobungcwethi bomkhohlisi futhi bagxile kwizimpawu ezidumazayo zamava abo, kuyilapho belahlekelwa umbono wamandla kaBaba osezulwini nothando Lwakhe olungenakulinganiswa. Konke lokhu kunjengoba uSathane ekuthanda. Kuyiphutha ukucabanga ngesitha sokulunga njengesembathiswe amandla amakhulu, kuyilapho sihlala kancane othandweni lukankulunkulu namandla Akhe. Masikhulume ngamandla amakhulu kaKristu. Asinawo amandla okuziphephisa ngokwethu ekubambeni kukaSathane; kodwa uNkulunkulu uyikhombile indlela yokuphepha. INdodana yoPhakeme inamandla okusilwela izimpi, 'Ngaye owasithanda' singaphuma 'singabanqobi."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 740, 741. 20

**c. Ukunqoba kwesimoya kuhlobana kanjani ngokuqondile nokufuna ngobuqotho ulwazi olukhulu lukaNkulunkulu-na? Izaga 9:10; 15:14 (inxenye yokuqala).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Ulwazi ngoNkulunkulu luyisisekelo sayo yonke imfundo yeqiniso kanye nayoyonke inkonzo yeqiniso. Isona sivikelo kuphela sangempela esiphephile esilingweni. Yilokhu kuphela okungasenza sifane noNkulunkulu ngesimilo.

"Lolu ulwazi oludingwa yibobonke abasebenzela ukuphakamisa abanye abantu. Ukuguqulwa kwesimilo, ukuphila okuhlanzekile, ukusebenza ngempumelelo, ukubambelela ezimisweni ezilungile, konke kweyame olwazini olufanele ngoNkulunkulu. Lolwazi amalungiselelo abalulekile kulokuphila kanye nokuphila okuzayo."-*The Ministry of Healing,* p. 409.

## *Ngolwesithathu* **_Ntulikazi 3_**

## 4. ISITHEMBISO ESIKHULU KAKHULU NESILIGUGU

**a. Kuyini esingakubukela phansi ngokudabukisayo ekuphileni kwethu kobuKrestu-na? 2 Peter 1:4.**

"Uma singabalekela amava angaphilile, kufanele siqale ngokukhuthala singalibali ukusebenzela insindiso yethu ngokwesaba nangokuthuthumela. Baningi abangalethi ubufakazi obunqumayo bokuthi baqinisekile ezifungweni zabo zombhaphathizo. Ukushisekela kwabo kupholile ngenxa yomkhuba, ukufisa ilizwe, ukuzigabisa, nokuzithanda. Ngezinye izikhathi imizwa yabo iyanyakaziswa, kodwa abaweli eDwaleni, elinguKristu Jesu. Abezi kuNkulunkulu ngezinhliziyo eziphukile zokuphenduka nokuvuma izono. Labo abathola umsebenzi wokuguquka kweqiniso ezinhliziyweni zabo bazokwembula izithelo zikaMoya ekuphileni kwabo."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, p. 155.

"Uma sigxile kuKristu, sinamandla lawo okungekho muntu ongawathatha kithi. Kungani kunjalo-na? Kungenxa yokuba singabahlanganyeli bemvelo engcwele, njengoba sibalekekele ukonakala okusezweni ngezinkanuko, abahlanganyeli bemvelo Yakhe lowo oweza emhlabeni ezokwembatha ubuntu, ukuze eme ekhanda lesizwe soluntu futhi akhulise isimilo esingenabala noma isici sesono.

"Kungani abaningi bethu bebuthakathaka futhi bengasebenzi kahle-na? Kungoba sibheka kithina, sicwaninga imvelo yethu simangale futhi sizibuze ukuthi singazenzela kanjani indawo, ubuntu bethu, ukwehluka kwethu, esikhundleni sokufunda ngoKristu nesimilo Sakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 9. p. 187.

**b. Yiluphi ushintsho olwenzeka kithi lapho sizibamba ngempela lezithembiso-na? Roma 3:31; 8:14.**

"NjengamaKrestu senzile isifungo sokubheka nokugcina ukuziphendulela kwethu, nokubonisa umhlaba ukuthi sinokuxhumana okuseduze noNkulunkulu. Kanjalo ngamazwi okwesaba uNkulunkulu nemisebenzi yabafundi Bakhe, uKristu kufanele afanekiswe. UNkulunkulu ufuna kithi ukulalela okuphelele umthetho Wakhe-ukugcizelelwa kwesimilo Sakhe….Lomthetho ungukuzwakala kwezwi likaNkulunkulu, elithi kithi, UNgcwele, yebo ungcwele njalo. Langazelela ukugcwala komusa kaKristu; futhi, ufise–ulambe futhi womele-ukulunga Kwakhe. Nasi isithembiso, 'Nizakusuthiswa.' Izinhliziyo zenu mazigcwaliswe ngesifiso salokhu kulunga, umsebenzi lowo Izwi likaNkulunkulu elikhuluma ngalo ukuthi lingukuthula, nomphumela wakho ungukuthula nokuqiniseka kuze kube phakade.

"Kuyilungelo lethu ukuba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, ababalekela ukonakala okusezweni ngezinkanuko."-*Bible Training School,* Nhlolanja 1, 1904.

## *Ngolwesine* ***Ntulikazi 4***

## 5. IHLUKANISWE NGOKUMANGALISAYO

**a. Chaza intando kaNkulunkulu ngomntwana ngamunye woluntu-na? Johane 17:17; Amahubo 119:151.**

"UNkulunkulu ufuna ukuba sivumelane nomfanekiso Wakhe. Ubungcwele ukubonakala kwabantu Bakhe ngemisebe ekhanyayo yenkazimulo Yakhe. Kodwa ukuze sifanekise lenkazimulo kufanele sisebenze noNkulunkulu. Inhliziyo nengqondo kufanele zithukulule konke okuholela ebubini. Izwi likaNkulunkulu kufanele lifundwe futhi lihlolisiswe, ngesifiso esikhuthele ukuzuza kulo amandla esimoya. Isinkwa esivela ezulwini kufanele sidliwe futhi setshiswe, ukuze sibe yinxenye yokuphila kwethu. Kanjalo sizozuza ukuphila okuphakade. Ngokunjalo-ke uyaphenduleka umkhuleko woMsindisi, 'Bangcwelise ngeqiniso; Izwi Lakho liyiqiniso.'

"Izingelosi angeke zithathe izindawo zethu; kodwa zimile zilindele ukusizana nathi ekudonseleni imiphefumulo kuKristu; futhi ziyasincenga ukuba sisebenze ngokuhlangayela nazo."- *Bible Training School,* Nhlolanja 1, 1904.

"UNkulunkulu ukubeke kwakhanya ukuthi ufuna siphelele; futhi njengoba ekufuna lokhu, wenzile amalungiselelo okuba sibe ngabahlanganyeli bemvelo engcwele. Yiyona ndlela kuphela esingaphumelela emizameni yethu ukuzuza ukuphila okuphakade. Amandla siwaphiwa nguKristu."-Ibid.

**b. Luyini ubizo lukaNkulunkulu kithi khona manje-na? 2 Korinte 6:15-18; 7:1.**

"UMdali wezulu nomhlaba enimbiza ngokuthi uBaba onothando. Uma nihlukana nomhlaba othandweni lwenu, futhi nihlale nikhululekile ekugcolisweni kwalo, nibalekele ukonakala okusezweni ngezinkanuko, uNkulunkulu uzakuba nguYihlo kini, uzokwamukela emndenini Wakhe, futhi uzakuba indlalifa Yakhe. Esikhundleni somhlaba, ukuze niphile, ukuphila kokulalela, umbuso phansi kwezulu lonke. Uzakuninika isisindo senkazimulo engunaphakade nokuphila okuphakade."-*Testimonies for the Church,* vol. 2. p. 44.

## *Ngolwesihlanu* ***Ntulikazi 5***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ukukholwa okukhulu kuvelaphi-na?**
2. **Ngehluleke kuphi ukuthokozela ngokuphelele uthando lukaNkulunkulu kimi-na?**
3. **Kukanjani namuhla 'umuthi wokwazi okuhle nokubi" kungiphazamisa-na?**
4. **Kuyini okuzokwenzeka uma ngokuqinile ngizinze kuKristu ukudlula ngaphambili-na?**
5. **Ngokuya ngalesifundo, kungayiphi indlela isimilo esinesici singapheleliswa ngayo-na?**

**Isifundo 2** **ISabatha, Ntulikazi 13, 2024**

# Ngenkuthalo Ekhuphuka Isitebhisi

**"IVESI LEKHANDA: "Ngalokho nengezela inkuthalo yonke nelekele ubuhle ekukholweni, nasebuhleni ukwazi, nasekwazini ukuzithiba, nasekuzithibeni ukukhuthazela, nasekukhuthazeleni ukumesaba uNkulunkulu" (2 Peter 1:5, 6).**

"UPeter usethulele isitebhisi sokungcwaliswa kweqiniso, isisekelo saso siphezu komhlaba, kuyilapho umjikelezo ongaphezulu ufinyelela esihlalweni sobukhosi Songapheliyo. Asikwazi ngomzamo owodwa ukufinyelela ngaphezu komjikelezo walesitebhisi. Kufanele sikhuphuke nxazonke. Kulomzabalazo sisengozini yokuba nesiyezi, siquleke futhi siwe, ngaphandle kokuba sigcine amehlo ethu ebheke phezulu, sibhekile kuJesu, umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu."-*The Review and Herald,* Zibandlela 1, 1885.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Ministry of Healing,* pp. 497-502.

## *NgeSonto* ***Ntulikazi 7***

### 1. IMFANELO EBALULEKILE YOBUKRESTU

**a. Yisiphi isinyathelo esilandelayo lapho sakha ukholo lwethu ngenkuthalo? 2 Peter 1:5 (inxenye yokuqala).**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Emva kokwamukela ukukholwa kwevangeli, umsebenzi wethu wokuqala kufanele sifune ukwengezela inkuthalo nezimiso ezihlanzekile, futhi kanjalo sizohlanza ingqondo nenhliziyo ukwamukela ulwazi lweqiniso."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 552.

"Kungumzabalazo oqhubekayo wokuhlala uqaphile ukumelana nobubi; kodwa kuyasiza ukuthola ukunqoba emva kokunye phezu kukamina kanye namandla obumnyama….

"Ngaphandle kobuhle obumsulwa, obungangcoliswanga, akukho muntu ongakhuphukela kunoma yisiphi isikhundla esihloniphekile. Kodwa ukulangazelela okuhle nothando lokulunga aluzuzwa njengefa. Isimilo angeke sathengwa; kufanele sakhiwe ngemizamo eqinile yokumelana nesilingo. Ukwakhiwa kwesimilo esilungile ngumsebenzi wokuphila konke, futhi umphumela wokuzindla ngumkhuleko ohlangane nenhloso enkulu. Ubuhle besimilo kufanele ube ngumphumela wemizamo yakho. Abangane bangakukhuthaza, kodwa angeke benza umsebenzi wakho. Ukufisa, ukububula, ukuphupha, akusoze kwakwenza ubemkhulu noma obemuhle. Kufanele ukhwele. Bopha izinkalo zengqondo yakho, futhi uhambe uyosebenza ngawowonke amandla entando yakho."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 187.

## 2. ULWAZI OLUDINGEKAYO UKUZE USINDISWE

**a. Chaza uhlobo lolwazi esibizelwe ukulizuza ngokukhuphuka isitebhisi sikaPeter. 2 Peter 1:5 (inxenye yokugcina); Johane 17:3.**

____________________________________________________________________________

"Umpostoli uletha phambi kwabakholwayo isitebhisi sokuphelelisiwa kwamaKrestu, inyathelo ngalinye elifanekisa ukukhula okuqhubekayo olwazini ngoNkulunkulu, futhi ekukhuphukeni okungeke kume….

"Sesithole ukukholwa ngevangeli, umsebenzi olandelayo wokholwayo ukwengeza esimilweni sakho ukukhuthazela, futhi ngokwenzenjalo uhlanza inhliziyo alungise nengqondo yokwamukela ulwazi lukaNkulunkulu. Lolwazi luyisisekelo sawowonke amaqiniso emfundiso nokusebenza konke kweqiniso. Yiyona kuphela indlela ephephile yokumelana nesilingo; futhi yilokhu kuphela engenza omunye afane noNkulunkulu ngesimilo. Ngolwazi lukaNkulunkulu neNdodana Yakhe uJesu Kristu, kunikeziwe kokholwayo 'zonke izinto maqondana nokuphila ngokumesaba uNkulunkulu.' Asikho isipho esihle esigodliwe kuye ofisa ngenkuthalo ukuthola ukulunga kukaNkulunkulu."-*The Review and Herald,* Mandulo 19, 1912.

"Kufanele sifunde kuKristu. Kufanele sazi ukuthi ungubani kulabo abahlengileyo. Masiqonde ukuthi ngokukholwa Kuye kuyilungelo lethu ukuba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, futhi masibalekele ukonakala okusemhlabeni ngezinkanuko. Kanjalo siyahlanzwa ezonweni zonke, ebuthakathakeni bonke besimilo. Akudingeki ukuba sigcine nomkhuba owodwa wesono….

"Njengoba singabahlanganyeli bemvelo engcwele, uhlanga nokukhulisa imikhuba emibi kuyasuswa esimilweni, kwenziwa abanamandla ngokuhle. Sihlala sifunda njalo kuThishela ongcwele, nsuku zonke sihlanganyela emvelweni Yakhe, sisizana noNkulunkulu ekunqobeni izilingo zikaSathane. UNkulunkulu uyasebenza, nomuntu uyasebenza, ukuze umuntu abemunye noKristu njengoba uKristu emunye noNkulunkulu."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 7, p. 943.

**b. Yisho uhlobo lwesibili lolwazi oludingekayo ekukhuleni koMkrestu. Amahubo 77:6; 2 Korinte 13:5.**

____________________________________________________________________________

"Ukuze samukele usizo oluvela kuKristu, kufanele siqonde isidingo sethu. Kufanele sibenolwazi lweqiniso ngathi. Yilowo kuphela ozaziyo ukuthi uyisoni uKristu angamsindisa. Kuphela uma sibona ukungakwazi ukuzisiza ngempela silahle konke ukuzethemba, esingabambelela ngokuqina emandleni angcwele."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 316.

## 3. UKUZITHIBA, HAYI ONGALAWULEKI

**a. Isiphi isihloko sendaba abafundisi bevangeli abaphefumulelwe abahlala phezu kwasona? Izenzo 24:24, 25; Filiphi 4:5.**

___________________________________________________________________________

"Ngikhulumile kubantu ihora elilodwa nesigamu ngesitebhisi sikaPeter sokungcweliswa esinamanyethelo ayisishiyagalombili. Ngagxila phezu kokuzithiba nokubaluleka kwemfundiso yabazali kubantwana ukuba bazincishe, bazibambe, beqaphela ukufisa nokunambitha ngokuzitika ngokulahlekelwa amandla engqondo, ukuziphatha, nawomzimba.

"Izifundo phezu kokuzibamba nokuzincisha kufanele zamukelwe ngokufundiswa, kusukela ebuntwaneni nasebusheni. Ukufisa kufanele kuvinjelwe futhi kufundiswe, lona ngumsebenzi wokuziphendulela odluliselwa kubazali. Abasha ezizukulwaneni ezedlule bayinkomba yomphakathi.

"Uma abazali bewenzile owabo umsebenzi wokwendlala itafula ngokudla okunempilo, balahle ukudla okuhlukumeza nokuvusa umzimba, futhi ngaleso sikhathi befundisile abantwana babo ukuzibamba, bafundisa izimilo zabo ukukhulisa amandla okuziphatha, manje akusona isikhathi sokubamba ingonyama yokungazithibi. Emva kokuba umkhuba wokuzitika sowakhiwe, futhi wakhula ngawo ekukhuleni waba namandla emandleni abo, kunzima kanjani kulabo abangafundiswanga ebusheni babo ukushiya imikhuba emibi futhi bazifundele ngokwabo ukuzithiba nonambitho lwemvelo yabo. Kunzima kanjani ukufundisa abanjalo ukwenza bazizwe benesidingo sokuzithiba koMkrestu, baze bafinyelele ekukhuleni. Izifundo zokuzithiba kufanele ziqale kumntwana osembelelweni."-*The Review and Herald,* Nhlaba 11, 1876.

**b. Kuyini okulandelayo esitebhisini-futhi kungani-na? 2 Peter 1:6 (inxenye yokuqala).**

"UNkulunkulu akanikezi muntu ilungelo lokwephula imithetho yobuntu bakhe. Kodwa umuntu, ngokuzinikela ezilingweni zikaSathane zokuzitika ngokungazithibi, kuletha imizwa ephakeme ngaphansi kwezifiso zobulwane kanye nentshiseko, futhi lapho lezi-zithola ukuphakama, umuntu, owenziwa waba mncinyane kunezingelosi, ngemizwa etshekele ekukhulisweni okwaphezulu, azinikele ekulawulweni nguSathane. Futhi uthola indlela yokungena kalula kulabo abasebugqilini bokuthanda ukudla. Ngokungazithibi, abanye badela inxenye, abanye okubili kokuthathu, emzimbeni wabo, engqondweni, nasemandleni okuziphatha. Labo abafuna ukuba nomqondo ophusile wokubona amaqhinga kaSathane, kufanele umzimba wabo maqondana nokudla ubengaphansi kolulawulwa ingqondo nonembeza. Isenzo sokuziphatha esinamandla aphezulu engqondo sibalulekile ekupheleliseni isimilo soMkrestu."-*The Health Reformer,* Ndasa 1, 1878.

## 4. UKUBEKEZELA AKWENZEKI NGAPHANDLE KOKUZITHIBA

**a. Kungayiphi indlela ukuzithiba kuholela endaweni elandelayo ebalulekile esitebhisini-na? 2 Peter 1:6 (inxenye engaphakathi); Luka 21:19.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Noma yimuphi umkhuba osebenza ukwenza buthakathaka umuzwa namandla engqondo noma amandla omzimba uvimbela ukusetshenziswa komusa olandelayo ongena emva kokuzithiba-ukubekezela....

"Umuntu ongakwazi ukuzibamba, lowo ozitika ngokudla okushukumisa umzimba-utshwala, iwayini, uphuzo olunamandla, itiye nekofi, umuntu ophuza okudambisa ubuhlungu, ugwayi, noma yikuphi ukudla okulimaza impilo-angeke abe ngumuntu obekezelayo. Kanjalo ukuzithiba esinye sezinyathelo zesitebhisi okufanele sibeke izinyawo zethu ngaphambi kokube sengezele umusa wokubekezela. Ekudleni, ekwembatheni, emsebenzini, ngamahora ajwayelekile, ekuzilolongeni okunempilo, kufanele kuhambisane nolwazi okungumsebenzi wethu ukulizuza ukuze, ngomzamo ophikelelayo, sizibeke kubudlelwano obufanele bokuphila nempilo."-*Our High Calling*, p. 69.

**b. Kungayiphi indlela ukuzithiba kusiza ekukhuliseni ukubekezela-futhi kungani kokubili kubalulekile kangaka ezinsukwini zokugcina zembali yomhlaba-na? Isambulo 14:12.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ukuhlukunyezwa kwesisu ngokuthokozisa inkanuko yokudla yiwona mthelela wezilingo eziningi ebandleni. Labo uma badla basebenzise ukungazithibi futhi bengenangqondo, bakhulume futhi benze ngokungenangqondo. Umuntu ongazithibi akasoze abe ngumuntu obekezelayo. Asikho isidingo sokuphuza utshwala ukuze ube ngobekezelayo. Isono sokungazithibi ekudleni, ukudla ngezikhathi zonke, ngokwedlulele, nokudla ukudla okunothile, okungenampilo, kubulala ukusebenza okunempilo komgudu wokudla, kuthinta ingqondo, kuhlanekele ukwahlulela, kuvimbele ukuqonda, ukuthula, ukucabanga nokwenza okunempilo. Lona ngumthelela wezilingo ebandleni. Ngakho-ke ukuze abantu bakaNkulunkulu babe sesimeni esamukelekayo Kuye, lapho bangakhazimulisa Yena emizimbeni yabo nasemoyeni okungoKwakhe, ngentakazelelo nangentshiseko badele ukuzithokozisa ngokudla, basebenzise ukuzithiba ezintweni zonke. Bangazindla ngeqiniso ebuhleni balo nasekucwebeni kwalo, balithwale ekuphileni kwabo, ngokuqaphela, ngokuhlakanipha, indlela eqondile ayinikezi izitha zenkolo yethu ithuba lokuhlambalaza indlela yeqiniso."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 618.

## *Ngolwesine* ***Ntulikazi 11***

### 5. UMPHUMELA OMUHLE WOKUBEKEZELA

**a. Kuyini ukubekezela okumele kukukhuliswe kithi-na? 2 Peter 1:16 (inxenye yokugcina).**

___________________________________________________________________________

"Ukungabekezeli kuletha umbango nokusola kanye nosizi; kodwa ukubekezela kuthulula ikhambi lokuthula nothando kumava okuphila kwasekhaya. Uma sisebenzisa umusa oyigugu wokubekezelela abanye, bazobona umoya wethu, futhi sizobuthela ndawonye noKristu. Ukubekezela kudinga ubunye ebandleni, nasekhaya, nasemphakathini. Lomusa kufanele uthandelwe ezimpilweni zethu. Umuntu ngamunye kufanele enyuke lendlela ezungelezayo, engezele ekukholweni, inkuthalo, ukuzithiba, nomusa wokubekezela.

"'Nasekukhuthazeleni, ukumesaba uNkulunkulu.' Ukumesaba uNkulunkulu yisithelo sesimilo soMkrestu. Uma sihlala eMvinini, sizoveza izithelo zikaMoya. Ukuphila koMvini kuzoziveza ngokwayo kumagatsha azo. Kufanele sibe nokuxhumana okuseduze nezulu, uma sithwele umusa wokwesaba uNkulunkulu. UJesu kumele abeyisihambi emakhayeni ethu, abe yilunga lomndeni wethu, uma sibonisa umfanekiso wakhe sibonisa futhi ukuthi singamadodana namadodakazi kaSomandla. Inkolo yinto enhle ekhaya. Uma iNkosi ihlala nathi, sizozizwa ukuthi singamalunga omkhaya kaKristu osezulwini. Sizobona ukuthi izingelosi zisibhekile, nokuziphatha kwethu kuzobamnene futhi kube nokubekezela. Sizolungela ukungena ezigodlweni zezulu, ngokukhulisa ubumnene nokwesaba uNkulunkulu. Ukukhuluma kwethu kuzobangcwele, nemicabango yethu izocabanga izinto zasezulwini.

"U-Enoki wahamba noNkulunkulu. Wahlonipha uNkulunkulu kuzozonke izindaba zokuphila. Ekhayeni lakhe nasemsebenzini wakhe, wayebuza, 'Ingabe lokhu iNkosi izokwamukela-na?' Futhi ngokukhumbula uNkulunkulu, nangokulandela izeluleko zakhe, isimilo sakhe saguqulwa, waba ngumuntu owesaba uNkulunkulu, lowo izindlela zakhe ezithokozisa iNkosi."-*The Review and Herald,* Nhlolanja 21, 1888.

## *Ngolwesihlanu* ***Ntulikazi 12***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kungani kufanele ngihlakulele ubuhle bobuKrestu obusebenzayo nobungenzi lutho-na?**
2. **Ngingamazi kanjani uNkulunkulu kangcono-futhi kungani lokhu kubalulekile njenga-manje-na?**
3. **Yiziphi izici zokuphila okufanele ngibonise ukuzithiba okwengeziwe kuzo-na?**
4. **Kungani ukubekezela kubalulekile kangaka emphakathini okhulayo nonodlame-na?**
5. **Kukuphi futhi kanjani ukumesaba uNkulunkulu kwembulwa ngakho, okwaboniswa nguEnoki-na?**

# Kuyinhlonipho Ukubeka Abanye Kuqala

**IVESI LEKHANDA "Thandanani ngenhliziyo ngothando lobuzalwane, ekwazisaneni nandulelane" (Roma 12:10).**

"Khulisa isimo sokwazisa abanye ngcono kunawe. Yehlisa ukuzenelisa, unciphe ekuzethembeni, thanda ukubekezela, ukunyamezela, nothando lobuzalwane."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 133.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 167-177.

## *NgeSonto* *Ntulikazi 14*

### 1. UMUSA

**a. Kuyini okufanele kugeleze njengomphumela wemvelo yobudlelwane obuhlakaniphile noNkulunkulu-na? 2 Peter 1:7 (inxenye yokuqala); Marako 12:28-31.**

"Phakamisa ibhanela, uliphakamisele phezulu, phezulu kakhulu. Qondisa abantu kwisahluko samashumi amabili kuEkodusi, lapho umthetho kaNkulunkulu ubhalwe khona. Imithetho emine yokuqala Emithethweni Elishumi uchaza umsebenzi wethu kuMdali wethu. Lowo okhohlisa uNkulunkulu wakhe angeke abaneqiniso kumakhelwane wakhe. Lowo othanda uNkulunkulu kakhulu uzothanda umakhelwane njengalokhu ezithanda yena. Ukuzigabisa kuzikhukhumeza ngeze, kuholela ukuba isithunywa soluntu sizenzele uNkulunkulu wakhe. Ivangeli likaKristu lingcwelisa umphefumulo, lixoshe ukuzithanda."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, pp. 211, 212. [Ukugcizelela koMbhali.]

"Akukho noyedwa othanda uKristu bese ezonda abantwana Bakhe. Uma nimunye kuKristu, ninomqondo kaKristu. Ukuhlanzeka nothando kuyakhazimula esimilweni, ukuthobeka neqiniso kulawula ukuphila. Ukubonakala kobuso kuyaguquka. Ukuhlala kukaKristu emphefumulweni kucindezela amandla aguqulayo, nesibonelo sangaphandle sithwala ubufakazi bokuthula nenjabulo ebusa ngaphakathi. Siphuza othandweni lukaKristu, njengegatsha elithola ukudla kwalo emvinini. Uma sihlumelela kuKristu, umucu nomucu uhlangana noMvini Ophilayo, sizonikeza ubufakazi bomcijo wokuthwala ihlukuzo elinothile lesithelo esiphilayo. Uma sixhumene nokuKhanya, sizoba imizila yokukhanya, ngamazwi ethu nemisebenzi yethu izobonisa ukukhanya emhlabeni."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 337.

## 2. UMUSA OSUKA ENHLIZIYWENI

**a. Umusa wobuzalwane uxhumene kanjani ngokusondelene nokholo lweqiniso kuNkulunkulu-nobufakazi obufanele ngoKristu-na? 1 Johane 4:20, 21; Jakobe 3:17.**

______________________________________________________________________________

"Siyanxuswa ukuba sengezele ukumesaba uNkulunkulu, nomusa kubuzalwane. Maye sidinga kangakanani ukuthatha lenyathelo, sengeze lesimo esimilweni sethu! Kumakhaya ethu amaningi kukhona ubulukhuni, umoya oboniswayo wokuthanda ukulwa. Amazwi abukhali nezenzo ezingenamusa ziyanengeka kuNkulunkulu. Imiyalo ephoqayo nemikhuba yokuzidla, ukuziphatha okukhahlamezayo akwamukeleki eZulwini. Isizathu sokubakhona kokungezwani okuningi phakathi kwabazalwane ukuthi bahlulekile ukwengeza umusa wobuzalwane. Kufanele sibe nothando kwabanye lolu uKristu analo kithi. Umuntu ulinganiswa ngenani lakhe langempela yiNkosi yasezulwini. Uma engenamusa ekhayeni lakhe lasemhlabeni, akalilungele ikhaya lasezulwini. Uma efuna indlela okungeyakhe, kungakhathaleki ukuthi uzwisa bani ubuhlungu, angeke aneliseka ezulwini, ngaphandle kokuba abuse lapho. Uthando lukaKristu kufanele lulawule izinhliziyo zethu, nokuthula kukaNkulunkulu kuzohlala emakhayeni ethu. Mfune uNkulunkulu ngomoya owaphukile nodabukile, futhi uzothambisa ukuhawukela abazalwane."-*The Review and Herald,* Nhlolanja 21, 1888.

**b. Yisho isinyathelo esiyisisekelo sokuhlakulela umusa wobuzalwane-na? Mathewu 6:12, 14, 15; Efesu 4:32**

______________________________________________________________________________

"Siyanxusa ukuthi umusa kaNkulunkulu maqondana nathi ungalinganiswa nomusa esiwululela kwabanye. UKristu uthi lo ngumthetho iNkosi ezosiphatha ngawo. [Mathewu 6:14, 15 ngokuphindwa.] Amagama amangalisayo! Kodwa mancane kangakanani aqondwayo noma alalelwayo. Esinye sezono ezivamile kakhulu, futhi esinye sazo esihanjelwa imiphumela eyingozi kakhulu, ukuzitika ngomoya ongathetheleli. Bangakhi abathokozela inzondo noma impindiselo futhi baguqa phambi kukaNkulunkulu bacele intethelelo njengoba bethethelela. Impela abanako ukuqonda ngempela okungeniswa yilomthandazo noma bebengeke bakhuluma ngawo ngezindebe zabo. Sencike phezu komusa othethelelayo kaNkulunkulu nsuku zonke kanye nehora ngalinye; singathokozela kanjani ubuhlungu benhliziyo kanye nenzondo ebhekiswe kwabonayo esikanye nabo! Uma, kukho konke ukuhlangana kwabo kwansuku zonke, amaKrestu azothwala izimiso zalomkhuleko, yinguquko ebusiseke kanjani ezokwenzeka ebandleni nasemhlabeni! Lokhu kungaba ubufakazi obenelisa kakhulu obunganikezwa ngeqiniso lenkolo yeBhayibheli."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 170.

*Ngolwesibili* ***Ntulikazi 16***

## 3. UKUNQOBA IZIHIBE ZOMUSA WOBUZALWANE

**a. Chaza ububanzi nokujula komusa wangempela wobuzalwane. Roma 12:9, 10; Filiphu 2:3.**

____________________________________________________________________________

"UPawule uyathanda ukuba sihlukanise phakathi kothando olucwebile, olungazicabangeli olufunzelelwa ngomoya kaKristu, kanye nokuzenzisa okungaqondile, okuyinkohliso lokhu okuvamile emhlabeni. Lenkohliso eyisisekelo idukise imiphefumulo eminingi. Izosusa umehluko phakathi kokuhle nokubi, ngokuvumelana nowephula umthetho esikhundleni sokumbonisa ngokwethembeka amaphutha akhe. Indlela enjalo ayiveli kubuhlobo beqiniso. Umoya ofunzelelwa ngayo uhlala kuphela emhliziyweni yenyama. Lapho uMkrestu ezohlala njalo emnene, enozwelo, ethethelela, akazizwa enobudlelwano nesono. Uzonyanya okubi anamathele kulokhu okuhle, emhlatshelweni wokuzihlanganisa nabo noma ubungani babantu abangamesabi uNkulunkulu. Umoya kaKristu uzosiholela ukuba sizonde isono, futhi kuyilapho sithanda ukwenza noma yimuphi umhlatshelo wokusindisa isoni."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 171.

**b. Kuyini ngokuvamile okuvimbela umusa wobuzalwane-futhi singakhululwa kanjani ogibeni olunjalo-na? Luka 6:45; Heberu 12:15.**

____________________________________________________________________________

"Ukusikisela kuyalethwa nokugxekana okuqinile omunye komunye, kodwa ngesikhathi esifanayo bona kanye labo abaletha lokusikisela nokugxeka ababoni ukwehluleka kwabo.*"*-Ibid., vol. 4. p. 222.

"Ukuhleba kuyisiqalekiso esiphindwe kabili, esiwela kakhulu kulowo okhulumayo kunalowo ozwayo. Lowo osakaza imbewu yokungezwani nokuxabana uvuna emphefumulweni wakhe izithelo ezibulalayo. Yeka umunyu walowo ohambisa izindaba, ozindla okubi! . . .

"Isono sokuhleba siqala ngokuthokozela imicabango emibi. Ubuqili buhlanganisa ukungcola kwezinhlobo zonke zako. Umcabango ongcolile uma ubekezelelwa, isifiso esingcolile siyathokozelwa, futhi umphefumulo uyangcoliswa, ubuqotho baso busengozini….Uma singadeli isono, kufanele sigweme ukuqala kwaso. Konke ukuzizwa nezifiso zonke kufanele zilethwe ngaphansi kwesizathu kanye nonembeza. Yonke imicabango engcolile, kufanele ivinjelwe ngokushesha. Ekamelweni lakho, mlandeli kaKristu. Khuleka ngokukholwa nangenhliziyo yonke. USathane ubhekile ukucupha izinyawo zakho. Kufanele uthole usizo oluvela phezulu ukuze ukuphunyuka kumacebo akhe."-Ibid*.,* vol. 5, pp. 176, 177.

## *Ngolwesithathu* ***Ntulikazi 17***

## 4. UBUFAKAZI OBUQINISEKILE BOBUFUNDI

**a. Njengoba uthando lwabaningi luphola, yisiphi isimiso seBhaybheli esivame ukusikhohlwa-na? Thithu 3:2. Kuyini okuzokwenzeka uma sisihlonipha-na? Johane 13:35.**

"Uma 'ummangaleli wabazalwane' ethola intuba enhliziyweni -yomunye-walabantu [benkolo eyodwa], ukulawula ingqondo nemicabango; umona uyadaleka, ukusola nenzondo kuyangeniswa; futhi lowo owayezibheka elondekile othandweni nakubungani bomzalwane wakhe, uzithola ephathwa kabi futhi nakuqondile kuyaphambaniswa. Umzwalane onephutha uyakhohlwa ubuthakathaka bakhe, uyakhohlwa isibopho sakhe sokucabanga nokungakhulumi okubi hleze ahlambalaze uNkulunkulu alimaze uKristu ebuntwini bobungcwele Bakhe, futhi isici ngasinye esingacatshangwa noma kuzindlwe ngaso kukhulunywa ngaso ngaphandle komusa, nesimilo somzalwane sifanekiswa njengesimnyama futhi esisolekayo.

"Kukhona ukukhaphela kwethemba elingcwele. Izinto ezikhunywa ngesibindi ngomzalwane ziyaphindwa futhi ziyahlanekezelwa; futhi izwi ngalinye, isenzo ngasinye, noma simsulwa noma incazelo ifanelekile, icutshungulwa ngokugxeka okubandayo, okunomhawu kwalabo ababhekwa njengebahlonipheke kakhulu, bahlonipheke kakhulu ukuba basebenzise okungenani inzuzo yobungani noma ukwethenjwa kobuzalwane. Izinhliziyo zivalele ngaphandle umusa, ukwahlulela, nothando lukaNkulunkulu; futhi ukubanda, insini, umoya wendelelo lowo uSathane awubonakalisa kulabo abahlaselayo uyembulwa.

"UMsindisi welizwe waphathwa kanjalo, futhi nathi sembulelwe kumfutho womoya ofanayo wenzondo. Isikhathi sifikile lapho kungaphephile ukubeka ithemba kumngani noma umzalwane.

"Njengasezinsukwini zikaKristu izinhloli zazimlandela, manje zilandela thina. Uma uSathane angasebenzisa amakholwa azishoyo ukuba abe ngabamangaleli babazalwane, ujabula kakhulu; ngoba abenza lokhu bamkhonza ngeqiniso njengo-Judasi lapho ekhaphela uKristu, noma bekwenza bengazelele."-*The Review and Herald,* Nhlangulana 3, 1884.

"Uma isono somzalwane sisobala, ungatsheli omunye, kodwa ngokuthanda umphefumulo womzalwane, nangenhliziyo egcwele uzwelo, nangezibilini zomusa, mtshele isiphambeko, bese ushiya indaba kuye neNkosi. Ngalokho uzobe uwenzile umsebenzi wakho. Akufanele ukhiphe isigwebo.

"Yenziwe yabalula kakhulu indaba yokubamba umzalwane, ukuze amlahle, futhi ambeke ngaphansi kokulahlwa. Ikhona intshiseko ngoNkulunkulu, kodwa kungesikho ngolwazi. Uma ngamunye emisa eyakhe inhliziyo ohlelweni, uma abazalwane behlangana ndawonye ubufakazi babo buzolungela futhi buvela emphefumulweni ophelele, futhi abantu abamzungezile abangakholwa yiqiniso bazoshukunyiswa. Ukubonakaliswa koMoya kaNkulunkulu kuzotshela izinhliziyo zabo ukuthi ningabantwana bakaNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 165.

## *Ngolwesine* ***Ntulikazi 18***

### 5. YONKE INDLELA KUZE KUBE SEKUPHELENI

**a. Yisiphi isicelo esenziwa ebandleni kuze kube sekupheleni kwesikhathi-na? Heberu 13:1.**

"Uthando nokuhle yilokho kuphela okuzobakhona uma izindlela zethu zivunywa ngabangane bethu njengezilungile, azisizi ngalutho, ngoba lokhu kuyimvelo ezinhliziyweni zalabo abangaphendukanga. Labo abazisho ukuthi bangabantwana bakaNkulunkulu futhi bahamba ekukhanyeni akufanele bazizwe becunukile noma bethukuthele uma ukuhamba kwabo kweqiwa.

"Uyalithanda iqiniso futhi umaganga ngentuthuko yalo. Uzobekwa kwizimo ezahlukahlukene ukuze uzame futhi uvivinywe. Ungakhulisa isimilo soMkrestu weqiniso uma uzozithoba ekuqeqeshweni. Intakazelelo yakho enamandla isengcupheni. Okudinga kakhulu ubungcwele bangempela nomoya wokuzidela. Singathola ulwazi lweqiniso futhi sifunde izimfihlakalo zalo ezemboziwe, futhi sinikele imizimba yethu ukuba ishiswe ngenxa yalo; nokho uma singenalo uthando nesisa, sinjengethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo….

"Wazi okuncane ngezilingo zenhliziyo yemiphefumulo empofu eboshiwe ngamaketanga obumnyama neswela izixazululo namandla okuziphatha. Lwela ukuqonda ubuthakathaka babanye. Siza odingayo bethela umina, vumela uJesu athathe indawo emphefumulweni wakho, ukuze uthwale izimiso zeqiniso imihla ngemihla. Kanjalo uzoba, ukudlula ngaphambili, isibusiso ebandleni nakubo bonke osondelana nabo."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 133.

"Uma abazalwane bethu noma odade bangaba ngabahambisa ivangeli likaNkulunkulu, bahambele abagulayo nabasosizini, futhi basebenze ngesineke nangomusa kulabo abaphambukayo-kafushane, uma bengalingisa uMfanekiso-ibandla belizoba nempumelelo kuyo yonke imingcele."-Ibid., vol. 5, p. 176.

## *Ngolwesihlanu* ***Ntulikazi 19***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Chaza lokho abanye abangase bakubone esimeni somuntu othanda uNkulunkulu.**
2. **Ngingahlakulela kanjani umuzwa oqinile womusa wobuzalwane enhliziyweni yami-na?**
3. **Phakathi kwalabo engibaziyo, ngubani engifanele ukubonisa umusa ojulile?**
4. **Ngingabiza kanjani isono ngegama laso kodwa ngigweme umoya wokusola-na?**
5. **Emcabangweni wami, kungani ngivame ukuba lukhuni kwabanye okungenzeka ukuba babuthakathaka-na?**

# Injongo Ephakeme

**IVESI LEKHANDA: "Kepha phezu kwakho konke lokho yembathani uthando oluyisibopho sokuphelela."(Kolose 3:14).**

"Lapho abakholwayo abazingcwelisile behlangana, inkulumo yabo angeke yaba phezu kobuthakathaka kwabanye noma babonise ukukhononda noma ukusola; umusa, uthando, isibopho sokuphelela, sizobazungeza."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 509.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 154-157,
547-549.

## *NgeSonto* ***Ntulikazi 21***

### 1. NGAPHEZULU NANGAPHESHEYA KOTHANDO LWEMVELO

**a. Kungani umusa kukhulunywa ngawo kuphela emva kothando lobuzalwane-na? 2 Peter 1:7 (inxenye yokugcina); Roma 5:7, 8; Jakobe 3:17.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Simelwe ukuthanda abantu ngenxa kaKristu. Kulula ngenhliziyo yenyama ukuthanda izintandokazi ezimbalwa, nokuba yinxenye yalaba abambalwa abakhethekile; kodwa uKristu uyasiyala ukuthi sithandane njengoba Naye wasithanda."-*Testimonies to Ministers,* p. 156.

**b. Kuyini uJesu akuhlanganisa nokuphelela-na? Mathewu 5:43-48; Luka 6:36; Kolose 3:14.**

____________________________________________________________________________

"Abantu besaba ukuhlanzeka nokuziphatha okunesithunzi koMsindisi wethu, lapho uthando Lwakhe olungazicabangeli nomusa omnene kwazuza izinhliziyo zabo. Wayengumfanekiso wesimilo Sakhe esiphelele."-*Gospel Workers,* p. 73. [1892 okwengeziwe.]

"Ungawazisi umuzwa wokuphakama okuphezulu, uzibone ungcono kunabanye. 'Lowo ocabanga ukuthi umile makaqaphele angawi.' Ukuthula nokuphumula kuzoza kuwe njengoba uletha intando yakho ngaphansi kwentando kaKristu. Khona-ke uthando lukaKristu luzobusa enhliziyweni."-*Messages to Young People,* p. 73.

## 2. ISIMO SASEZULWINI ESINIKEZIWE

**a. Chaza ukujula kwesimo seqiniso sobuKrestu maqondana nabanye. Amahubo 101:2; Filiphu 2:1-4.**

____________________________________________________________________________

"Amawala, intukuthelo evuka kalula izodanjiswa futhi ithotshiswe amafutha omusa kaKristu. Umuzwa wezono ezithethelelwe uzoletha lokho kuthula okudlula ukuqonda konke. Kuzobakhona umzama oqotho wokunqoba konke okumelana nokuphelela kobuKrestu. Ukungezwani kuzonyamalala. Lowo ngaphambili wayethola iphutha kulabo abamuzungezile uzobona amaphutha amakhulu akhona esimilweni sakhe."-*Messages to Young People,* p. 73**.**

**b. Uhlobo lwesimo esichazwe ngenhla lungahlala kanjani kuphela enhliziyweni yomuntu ngamunye wethu-na? Filiphu 2:5-8; 1 Korinte 2:16.**

"Ukuthanda umina yikhona okubulala ukuthula kwethu. Uma umina esaphila, sihlala simi ngomumo nokuqhubeka ukubuvikela ekuhlushweni nasekuthukweni; kodwa uma sesifile, nokuphila kwethu kufihleke ngoKristu kuNkulunkulu, angeke samukele ukunganaki noma ukubukela phansi. Sizokuba yizithulu ekuhlanzweni nezimpumputhe ekuklolodweni nasekuthukweni….

"Ukuthula kukaKristu kungukuthula okuqhubekayo nokuhlala njalo. Akweyami kunoma yiziphi izimo zokuphila, nangenani lempahla yasemhlabeni noma inani labangani basemhlabeni. UKristu ungumthombo wamanzi aphilayo, futhi injabulo etholakala Kuye ayisoze yaphela.

"Ubumnene bukaKristu, obubonakaliswa ekhaya, kuzokwenza abahlala khona bajabule; akudali ingxabano, akubuyiseli impendulo enolaka, kodwa kudambisa intukuthelo ecasukile futhi kudlulise ngomhawu ozwiwa yibo bonke abaphakathi kwesiyingi sawo esithokozile. Noma kukuphi lapho uthokozelwa khona, wenza imikhaya esemhlabeni ibe yinxenye yomkhaya owodwa omkhulu waphezulu.

"Bekungaba ngcono kakhulu kithi ukuhlupheka ngaphansi kokumangalelwa ngamanga kunokufaka phezu kwethu ukuhlupheka ngokuziphindiselela ezitheni zethu. Umoya wenzondo nokuziphindisela uvela kuSathane, ungaletha kuphela ububi kulowo owuthokozelayo. Ukuthobeka kwenhliziyo, lobumnene buyisithelo sokuhlala kuKristu, buyimfihlo yesibusiso sangempela. 'Uzokwenza kubekuhle ubumnene bensindiso."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 16, 17.

## *Ngolwesibili* ***Ntulikazi 23***

## 3. UTHANDO: IQINISO vs AMANGA

**a. Chaza uthando lweqiniso uNkulunkulu alungele ukulinikeza bonke abashisekela ukulubamba ngokuzimisela-beluthokozela ngokujulile. Mathewu 5:6; 1 Korinte 13:4-8.**

"Ukuze ibandla liphumelele kufanele kubekhona umzamo okhuthele wokufunda ohlangothini lwamalunga alo ukuthokozela isitshalo sothando esiyigugu. Makube nenzuzo yonke ukuze kuchume enhliziyweni. UMkrestu ngamunye uzokhulisa ekuphileni kwakhe izimpawu zothando olungcwele; uzokwembula umoya wokubekezela, wokuphana, nenkululeko kwinzondo kanye nomona. Lesimilo sikhula ngezwi nangesenzo esingeke sibuyele emuva, futhi angeke kube ongangeneki, obandayo, futhi angeke abeyilowo ongenandaba nezintakazelelo zabanye. Umuntu okhulisa isitshalo esiyigugu sothando uzoba nomoya wokuzidela, futhi angeke azinikele ekuzilawuleni ngisho noma echukuluzwa. Angeke afake okuqondiwe okungalungile nokuzimisela okubi kwabanye, kodwa uzozizwa ngokujulile esonweni lapho sitholakala kunoma yimuphi wabafundi bakaKristu.

"Uthando aluzigabisi. Luyisitho esithobekile; alivumeli umuntu ukuba azigabise, noma aziphakamise. Ukuthanda uNkulunkulu noma abazalwane bethu angeke kwembule izenzo ezisheshayo noma zibaholele ekubeni ongqongqoshe, ukuthola amaphutha, noma abaphoqayo. Uthando aluzikhukhumezi. Inhliziyo lapho uthando lubusa khona luzoholelwa endleleni ethobekile, ehloniphekile, ukuziphatha ngobubele kwabanye, kungakhathaleki ukuthi zivumelana nezimo zethu noma cha, kungakhathaliseki ukuthi siyahlonishwa noma siphathwa kabi. Uthando isimiso esisebenzayo; lugcina ubuhle kwabanye njalo phambi kwethu, okusivimbela ukuba singanaki izenzo hleze sehluleke injongo yethu yokuzuzela imiphefumulo kuKristu. Uthando aluzifuneli okwalo. Ngeke lushukumise abantu ukuthi bazifunele okwabo ukukhululeka nokuzitika. Yinhlonipho esinikela ngayo kumina evame ukuvimbela ukukhula kothando."-*Testimonies for the church,* vol. 5, pp. 123, 124.

**b. Sixwayisa kanjani ngokumelana nothando lwamanga-na? Jakobe 2:19; Juda 1:11-13.**

"UMdala B---ubonakala engumuntu ongcwele kakhulu. Okhuluma kakhulu ngothando. Ekhuluma ngokukholwa uthi, 'Okumele sikwenze ukuba sikholwe, noma yikuphi esikucela kuNkulunkulu sizokwenzelwa.' UMzalwane White waphendula wathi, 'Izithembiso ezithenjisiwe zinemibandela. Johane 15:7: Uma nihlala kimi, namazwi ami ehlala kini, niyakucela enikuthandayo nikwenzelwe. Imfundiso yakho yokukholwa ayisho lutho ifana nombhobho kafulawa ophume womabili amakhanda. Futhi maqondana nothando lweqiniso, ungumuntu onteketeke kakhulu, akalokothi asuke endleleni yeqiniso leBhayibheli.'"-Spiritual Gifts, vol. 2, p. 46.

## 4. UDABA OLUBALULEKILE

**a. Kubaluluke kangakanani kithi ukuhlala emuseni wonke obhalwe njengamanyathelo esitebhisi sikaPeter-na? 2 Peter 1:8.**

________________________________________________________________________

"Vumela umusa wobuKrestu uvame kuwe. Nikela kuMsindisi wakho uthando lwakho oluhle futhi olungcwele kakhulu. Nikela ukulalela okuphelele entandweni Yakhe. Angeke amukela lutho oluncane kunalokhu. Ungashukunyiswa ekuqineni kwakho ukuklolodelwa nokweyiswa kwalabo zizingqondo zabo zizinikele ezeni. Landela uMsindisi wakho ebubini bonke ngisho nakuwo umbiko omuhle. Kubale konke kube yinjabulo, nenhlonipho engcwele, yokuthwala isiphambano sikaKristu. UJesu uyakuthanda. Wakufela. Ngaphandle kokuthi ufune ukumkhonza ngothando lwakho oluphelele, uzohluleka ukuphelelisa ubungcwele ekwesabeni Kwakhe, futhi uzophoqelelwa ukuzwa amazwi okugcina asabekayo, Suka kimi."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 237.

**b. Kulomhlaba okhathazayo, kuyini esingakunaki-na? Isihlabelelo Sezihlabelelo 2:15.**

"Ucindezelwa ukunaka ngokushesha, imithwalo, nemisebenzi; kodwa uma ukucindezela kukukhulu phezu kwakho, nemithwalo enzima okumele uyithwale, yilapho udinga kakhulu usizo olungcwele. UJesu uzoba ngumsizi wakho. Udinga njalo ukukhanya kokuphila ukuze ukhanyise indlela yakho, besekuthi imisebe engcwele ibonakala kwabanye. Umsebenzi kaNkulunkulu uphelele, ngokuba uphelele kuzo zonke izinxenye zalo. Kungukunaka okucophelelayo kulokhu umhlaba okubiza ngokuthi izinto ezincane ezenza ubuhle obukhulu nempumelelo yokuphila. Izenzo ezincane zothando, amazwi amancane omusa, izenzo ezincane zokuzidela, ukuthuthukisa ngokuqonda amathuba, ukukhulisa ngokuhlakanipha amathalenta amancane, kwenza umuntu abemkhulu phambi kukaNkulunkulu. Uma lezinto ezincane zenziwa ngokuthembeka, uma lomusa ungaba kuwe, futhi uvame, zizokwenza uphelele kuyoyonke imisebenzi emihle.

"Akwanele ukuba uzimisele ukunikela ngokukhululekile izimali zakho emsebenzini kaNkulunkulu. Yena ubiza ukuzinikela okuphelele kwamandla onke akho. Ukuzibamba kube yiphutha lokuphila kwenu. Ungacabanga ukuthi sinzima isimo sakho sokugcina ubuhlobo eduze noNkulunkulu, kodwa umsebenzi wakho uzobanzima ngokuphindwe kashumi uma wehluleka ukwenza lokhu….

"UNkulunkulu ubiza ukuzinikela okuphelele ngempela, futhi noma yini esilela kulokhu angeke ayamukele. Lapho isikhundla sakho sinzima kakhulu yilapho umdinga kakhulu uJesu."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 543.

## *Ngolwesine* ***Ntulikazi 25***

### 5. UKUKHOHLWA OKUYINGOZI=UKUNGABONI

**a. Uma sisilela kunoma yimuphi umusa wobuKristu, kwenzekani-na? 2 Peter 1: 9; Isambulo 2:4.**

"Lowo ongakhweli isitebhisi esiqhubekela phambili futhi engezele umusa ukuya emuseni 'uyimpumputhe, ebona kalufifi,' uyehluleka ukuhlukanisa ukuthi ngaphandle kokuba athathe lamanyathelo alandelanayo ukukhuphuka isitebhisi esijikelezayo, ukukhula emuseni naselwazini lweNkosi yethu uJesu Kristu, akazibeki endaweni lapho ukukhanya kukaNkulunkulu okuphezulu kwesitebhisi kubonakala kuye. Njengoba engangezi umusa emuseni, ukhohliwe izimfuno zikaNkulunkulu phezu kwakhe, nokuthi kufanele amukele ukuthethelelwa kwezono ngokulalela izimfuno zikaNkulunkulu. Usendaweni yesoni phambi kukaNkulunkulu. Uma enomusa kaKristu uzosebenzela ukuwukhulisa, kodwa uma engatheli isithelo semisebenzi emihle ukudumisa uNkulunkulu uhlala ekwisimo sobumpumputhe nokuswela ulwazi, ukuzitika, nesono. 'Ubona kalufifi.'amehlo akhe anamathele emhlabeni, hayi kuNkulunkulu ophezu kwesitebhisi.

"Lelixuku lingaba namathuba emhlabeni kodwa lingabi nokwehlukanisa ilungelo nezibusiso zokuphila ngokukhanya okuvela kuNkulunkulu ngaphezu kwesitebhisi. Abazazi izinto ezibangela ukuthula kwabo. Abakwazi ukubheka emuva ngombono wesimoya osobala, ngoba ababoni izinto zokukhanya kwezulu. Ngaphambili bake bathokozela uthando lukaNkulunkulu; baphenduka ezonweni zabo futhi babhalwa njengezinceku zikaJesu Kristu, kodwa bakhohlwa izifungo abazenza kuNkulunkulu uma bebhapathizwa-zonke izibopho ezizothile abazamukele ngokufuna inkazimulo, udumo, nokuphila okuphakade."-*Manuscript Releases,* vol. 19, pp. 350, 351.

## *Ngolwesihlanu* ***Ntulikazi 26***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kungani futhi yiziphi izimo engisengozini yokubandlululwa ngokungafanele-na?**
2. **Futhi kungaphansi kwezimo ezinjani lapho umoya wami wokupha uvame ukwehluleka-na?**
3. **Singehlukanisa kanjani phakathi kothando lweqiniso nothando lwamanga-na?**
4. **Yiziphi izenzo ezincane, zokupha engivame ukungazinaki-na?**
5. **Kungani ngisilela emkhakheni wokusiza umphakathi-futhi kungani lokhu kubaluleke kangaka-na?**

# *Umnikelo weSabatha Lokuqala Ngowe GC Kwigatsha Lemfundo*

Imfundo, ngokufanayo nokungcweliswa, ngumsebenzi wempilo yonke, inxenye ebalulekile yamava omuntu. KuleSabatha sicela uxhaso lwenu lokwenza inxenye ebalulekile yebandla sandise ukufinyelelwa kwayo.

Kufanele sifunde ukuba ngabavangeli kusukela eminyakeni yobuntwana. "Wonke umfundi weqiniso uzalelwa embusweni kaNkulunkulu njengomvangeli" (*The Desire of Ages*, p. 195). "Ubafundise impela wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka" (Duteronomi 6:7). Uma ukunqoba sekuzuziwe, nesoni kanye nezoni zingasekho, umsebenzi wemfundo uyaqhubeka.

Manje ukudlula ngaphambili, ibandla kufanele lilungele ukuba nezincwadi lezo abazali abazozisebenzisa ukumisa imfundiso efanele yezisekelo zabantwana babo, abasha bangakhulela olwazini lwentando kaNkulunkulu, futhi abadala bangaqhubeka ngokukhula.

Ngeshwa, izikhungo zemfundo zisukile kwizisekelo zokufunda zaba yizindawo zemfundo yelizwe. Ngokubona ukuthi umfutho omkhulu ezikolweni uphezu kwabantwana bethu, abaningi bacela izincwadi ukusiza ekubafundiseni ukuba bahloniphe futhi bakhazimulise uNkulunkulu.

Ngakho-ke, igatsha lemfundo kuGenerala Conference lilungisa uhlu lonke lohlelo lwemfundo ngalenhloso nokuqondisa. Ngokuhlanganyela nothishela bethu kumaunion ahlukene enhlangano, umsebenzi wokulungisa izinhlelo zemfundiso usendleleni.

Nokho umsebenzi mkhulu kunesibalo esikhona. Sidinga iminikelo yokuzithandela ukulungiselela izincwadi, sizihumushe ngezilimi ezahlukene, senze zithengeke. Uxhaso lwenu luzokwenza kuphumelele ukuba silungise izincwadi zodidi oluphakeme ukuze abafundi abazisebenzisayo ezikolweni zethu "balungele ukuba lusizo kulokuphila nomsebenzi kaNkulunkulu izikhathi zaphakade."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students,* p. 495.

Siyaqonda ukuthi lomsebenzi mkhulu, kodwa ufanelekile. Ngoxhaso lwenu sizoletha izincwadi ukuhlomisa abancane kakhulu phakathi kwethu ukunikeza isigijimi sevangeli emhlabeni wonke ngempumelelo.

Siyanibonga ngaphambili futhi kwangathi uNkulunkulu angabusisa izipho kanye nabanikelayo.

*Abazalwane benu kwigatsha lemfundo leGC*

**Isifundo 5** **ISabatha, Ncwaba 3, 2024**

# Ukuqinisekisa

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho-ke bazalwane, khuthalelani kakhulu ukwenza kuqiniseke ukubizwa nokukhethwa kwenu, ngokuba uma nenza lokho, anisoze nakhubeka"(2 Peter 1:10).**

"Labo abaphenduke ngempela bangcwatshwa kanye noKristu ekufeni okufana noKwakhe, futhi bavuswa ethuneni elimanzi ngokufana nokuvukwa Kwakhe, ukuze bahambe ekuphileni okusha. Ngokulalela ngokwethembeka eqinisweni kufanele benze ukubizwa nokukhethwa kwabo kuqiniseke."-*SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 6, p. 1115.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 9,
pp. 186-188, 191-194.

## *NgeSonto* — *Ntulikazi 28*

### 1. UBIZO LOKUKHUTHALA

**a. Kuyini okuza kuqala ekuphileni kwethu kobuKristu-na? 2 Peter 1:10. Kungani lokhu kungenisa isiphambano emaveni ethu-na? Mathewu 10:38.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UNkulunkuulu ukhethile ubuhle obuthize besimilo; futhi ngamunye, lowo ngomusa kaKristu, ozofinyelela kwizinga lezimfuno Zakhe, uzothola ukungena ngokuvama embusweni wenkazimulo. Bonke abafinyelela kulezinga lesimilo, kufanele basebenzise izindlela uNkulunkulu azimisile kuze kube sekupheleni. Uma uzodla ifa lokuphumula okuseleyo kwabantwana bakaNkulunkulu, kufanele usebenzisane noNkulunkulu. Bakhethelwe ukuthwala ijoka noKristu-ukuthwala umthwalo Wakhe, ukuphakamisa isiphambano Sakhe. Kufanele sizimisele 'ukwenza ukubizwa nokukhethwa kwethu kuqiniseke.' Hlolani imibhalo, futhi nizobona ukuthi akuyona indodana noma indodakazi kaAdamu ekhethelwe ukusindiswa ngokungalaleli umthetho kaNkulunkulu. Umhlaba wenza ize umthetho kaNkulunkulu; kodwa amaKristu akhethelwe ukungcwelisa ngokulalela iqiniso. Akhethiwe ukuthwala isiphambano, uma ezofakwa umqhele."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 126.

"Lowo ogwema isiphambano ugwema umvuzo othenjiswe abathembekileyo."-*Sons and Daughters of God,* p. 248.

## 2. UKULWA NONKULUNKULU

**a. Njengoba sifuna ukunqoba ubuthakathaka besimilo sethu-kanjalo senza ukubizwa nokukhethwa kwethu kuqiniseke-yisiphi sibonelo uJesu asinika sona njengeNdodana yomuntu ngesikhathi elapha emhlabeni-na? Heberu 5:7, 8.**

________________________________________________________________________

"Lapho umuzi uthuliswa ngokubindeka, nabafundi babuyele emakhayeni abo ukuze bathole ukuqabuleka ngokulala, uJesu akalalanga. Ukunxusa Kwakhe okungcwele kwenyukela kuBaba Wakhe eNtabeni yemiNqumo ukuze abafundi Bakhe baphephe kwimifutho emibi abazohlangabezana nayo nsuku zonke emhlabeni, nokuthi umphefumulo Wakhe ungaphiwa amandla futhi uqine emisebenzini yezilingo zosuku oluzayo. Ubusuku bonke, lapho abalandeli Bakhe belele, yilapho uThishela ongcwele ekhuleka khona. Amazolo nesithathwa zihlala phezu kwekhanda Lakhe elikhotheme ngomkhuleko. Isibonelo Sakhe sishiyelwe abalandeli Bakhe.

"INkosi yasezulwini, ngesikhathi isemsebenzini Wayo, yayikhuleka njalo ngokushisekela. Yayingayi eNtabeni yemihlwathi njalo, ngoba abafundi Bakhe base beyazi indawo Yakhe yokuphumula, futhi kaningi babemlandela. Wayekhetha ukuthula kwasebusuku, lapho kungekho kuphazamiseka. UJesu wayelapha abagulayo avuse abafileyo. Yena ngoKwakhe engumthombo wezibusiso namandla. Wathulisa isivunguvungu, futhi samlalela. Ubengangcoliswanga ukonakala, eyisihambi esonweni, nokho wayekhuleka, ngokukhala okukhulu nangezinyembezi. Wakhulekela abafundi Bakhe futhi ezikhulekela Naye, kanjalo ezihlanganisa nezidingo zethu, ubuthakathaka bethu, ukwehluleka kwethu, okuvamile ebantwini. Wayengumceli onamandla, engenazo izinkanuko zobuntu bethu, kodwa ezungezwe ubuthakathaka obufanayo, elingwa ezintweni zonke njengathi. UJesu wabekezelela ubuhlungu obudinga usizo nokusekelwa nguBaba Wakhe.*"-Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 508.

"UKristu uyisibonelo sethu."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 508.

**b. Chaza umphumela waloluhlobo lokuphila ngomkhuleko onamandla. Izenzo 4:13**

________________________________________________________________________

"Ukuphila kukaJesu bekungukuphila kokwethemba okuqhubekayo, buqiniswa ukuxhumana okuqhubekayo; futhi umsebenzi Wakhe ezulwini nasemhlabeni wawungenakho ukuhluleka nokuntengantenga. Njengomuntu wanxusa isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, kwaze kwaba yilapho ubuntu Bakhe buthweswa amandla asezulwini ahlanganisa ubuntu nobungcwele. Ngokuthola ukuphila okuvela kuNkulunkulu, wanikeza abantu ukuphila."-*Education,* p. 80.

## *Ngolwesibili* ***Ntulikazi 30***

## 3. UKUQINA EKUKHOLWENI

**a. Kwenzekani lapho sehluleka ukugcina njalo ukukhuthala ukwenza ukubizwa nokukhethwa kwethu kuthembeke. Hezekeli 33:13. Nika isibonelo.**

"UNkulunkulu ubonisa ukungajabuli kuDavide ngokuthatha amakhosikazi amaningi, ngokumhambela ngezahlulelo, nokuvumela ububi buvuke bumelane nendlu yakhe. Isehlakalo esinzima uNkulunkulu asivumela ukuba size phezu kukaDavide, lowo, ngobuqotho bakhe, ebizwa ngomuntu ngokwenhliziyo kaNkulunkulu, singubufakazi bezizukulwane ezilandelayo ukuthi uNkulunkulu angeke anika ilungelo noma ngubani owephula umthetho Wakhe; kodwa ukuthi uzojezisa ngempela owonayo, noma wayelungile futhi ethandwa nguNkulunkulu hleze kungaba kungesikhathi elandela iNkosi ngenhliziyo ehlanzekileyo. Uma olungileyo ephenduka ekulungeni kwakhe enze okubi, ukulunga kwabo kwangaphambili angeke kwabasindisa olakeni lukaNkulunkulu olungile nongcwele."-*The Spirit of Prophecy,* vol. 1, p. 379.

"Kukhona iqiniso okumele lamukelwe uma imiphefumulo isindisiwe. Ukugcinwa kwemithetho kaNkulunkulu kungukuphila okuphakade koyamukelayo. Kodwa iMibhalo ikubeka ngokusobala ukuthi labo abake bayazi indlela yokuphila futhi bejabulela iqiniso basengozini yokuwela ohlubukeni, nokulahleka. Ngakho-ke kunesidingo sokunquma, sokuphendukela kuNkulunkulu nsuku zonke.

"Bonke abadinga ukusekela imfundiso yokukhetha, kanye ngomusa, njalo emuseni, benze lokhu bemelene nokusobala, 'Isho njalo iNkosi.' "-*The SDA Comments* [E.G.White Comments], vol. 6, p. 1114.

**b. Ngokwehlukile, chaza ukuthi kufanele isimo sethu sibenjani-futhi kungani kufanele sigcine amandla eqiniso emkhumbulweni. Hezekeli 18:21; 1 Korinte 15:1, 2 (inxenye yokuqala).**

__________________________________________________________________________

"Abaningi bacabanga ukuthi kuyizaba ezanele ngenxa yezono ezinkulu kakhulu ukukhohlwa. Kodwa abanazo, kanjalo nabanye, banawo amakhono obuhlakani-na? Kanjalo kufanele baqeqeshe izingqondo zabo ukuba zibambe. Kuyisono ukukhohlwa, kuyisono ukunganaki. Uma wakha umkhuba wokunganaki, ungase udembesela insindiso yomphefumulo wakho futhi ekugcineni utholakale ukuthi awuwulungele umbuso kaNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons,* p. 358.

"Gcina iBhayibheli lakho kuwe. Njengoba unethuba, lifunde; gcina amazwi engqondweni yakho. Nalapho uhamba emgwaqeni ungafunda umusho uzindle ngawo, kanjalo uzobe uwaqinisa engqondweni."-*Steps to Christ,* p. 90.

## *Ngolwesithathu* ***Ntulikazi 31***

## 4. ESIKHETHWE NGEZINQUMO ZETHU

**a. Uma sivuma imibandela esenza ngayo ukubizwa nokukhetheka kwethu kuqiniseke, uzoba yini umphumela-na? 2 Peter 1:10 (inxenye yokugcina), 11.**

"Isifiso sikaNkulunkulu ngabantwana Bakhe siphakeme ukudlula umcabango ophakeme kakhulu womuntu angafinyelela kuwo. 'Ngakho-ke manibe ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo osezulwini ephelele.' Lomyalo uyisithembiso. Icebo lokuhlengwa licabanga ukukhululwa kwethu ngokuphelele emandleni kaSathane. UKristu kaningi uhlukanisa umphefumulo ophendukile esonweni. Weza ukuba achithe imisebenzi kaSathane, futhi wenzile amalungiselelo wokuthi uMoya Ongcwele wabelwe wonke umphefumulo ophendukile, ukuze ungoni.

"Isithunywa somlingi akufanele sithathwe njengezaba sesenzo esisodwa esingalungile. USathane uyajabula lapho ezwa labo abathi bangabalandeli bakaKristu bebeka izaba zobuthakathaka besimilo sabo. Yilezi zaba eziholela esonweni. Akukho-zaba zokona. Ukuziphatha okungcwele, ukuphila okufana nokukaKristu, kuyafinyelelwa yiwo wonke umntwana kaNkulunkulu, okholwayo."-*The Desire of Ages,* p. 311.

**b. Kunjani ukukhetha komusa ngamandla ethu okukhetha okwabonakala ekuphileni kukaJakobe noEsawu-na. 1 Peter 1:2 (inxenye yokuqala); Roma 9:10-14; 11:4, 5.**

"UEsawu noJakobe babefundisiwe ngokufanayo ulwazi ngoNkulunkulu, futhi bobabili bekhululekile ukuhamba emithethweni Yakhe futhi bathole umusa Wakhe; kodwa bobabili abakhethanga ukwenza lokhu. Izelamani ezimbili zahamba ngezindlela ezihlukene, futhi nezindlela zazo zazizoqhubeka ziphambene futhi zihlukile kakhulu.

"Kwakungekho ukunganaki umthetho ohlangothini lukaNkulunkulu lokhu uEsawu avalelwa ngaphandle kwesibusiso sensindiso. Izipho zomusa Wakhe ngoKristu zikhululekile kubo bonke. Akukho ukukhethwa kodwa kungokwakhe noma ngubani ozobhubha ngakho. UNkulunkulu ubekile ngaphambili ezwini Lakhe imibandela leyo wonke umphefumulo ozokhethelwa ukuphila okuphakade-ukulalela imithetho Yakhe, futhi noma ngubani ozofinyelela kwizinga lezimfuno Zakhe uzothola intuba yokungena embusweni wenkazimulo….'Babusisiwe abahlanza izingubo zabo ukuba bathole ilungelo labo emthini wokuphila, bangene emzini ngamasango.' Isambulo 22:14. Mayelana nensindiso yokugcina yomuntu, lolu ukhetho kuphela olwethulwa ezwini likaNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 207.

## *Ngolwesine* ***Ncwaba 1***

## 5. UKUBAMBELELA EKUNQOBENI

**a. Kungayiphi indlela umpostoli uPawule echaza uhambo lwakhe oluqonde phezulu-na? Filiphu 3:12-14.**

______________________________________________________________________________

**b. Kungani sinolwazi lokuthi ukunqoba kungenzeka kuKristu-na? Filiphu 1:6; Juda 24; 1 Korinte 1:30.**

______________________________________________________________________________

"Sisindiswa ngokwenyuka sizungeleza isitebhisi. Sibheke kuKristu, sinamathele kuKristu, senyuka inyathelo ngalinye kubude bukaKristu, ukuze eNziwe kithi ukuhlakanipha nokulunga nokungcweliswa nokuhlengwa. Ukukholwa, amandla, ulwazi, ukuzithiba, ukubekezela, ukwesaba uNkulunkulu, umusa wobuzalwane, kanye nesisa ngumjikelezo walesitebhisi.

"Akuyona indaba elula ukuzuza ingcebo engenakulinganiswa yokuphila okuphakade. Akukho muntu ongakwenza lokho bese apheshulwe ngumsinga welizwe. Kufanele aphume ezweni ahlukane nalo angathinti okungcolileyo. Akekho ongenza okuthandwa yilizwe ngaphandle kokucindezelwa phansi ngumsinga welizwe. Akekho ozokwenza inqubekela phambili ekhuphukayo ngaphandle komzamo ophikelelayo. Lowo ozonqoba kumele abambelele ngokuqina kuKristu. Angabheki emuva, kodwa agcine iso lakhe libheke phezulu, athola umusa emva komunye. Ukuqaphela komuntu ngamunye kuyinani lokuphepha. USathane udlala umdlalo ngokuphila komphefumulo wakho. Ungaphendukeli ohlangothini lwakhe nangomzuzu owodwa, funa azuze ithuba phezu kwakho.

"Uma sifika ezulwini, kuzakuba sengathi sihlanganisa imiphefumulo yethu kuKristu, sitshekele Kuye, futhi sizehlukanisa nomhlaba, kubuthutha nokuzijabulisa kwawo. Kufanele kubekhona ohlangothini lwethu ukusizana nezihlakaniphi zezulu."-*Testimonies for the Church*, vol. 6, pp. 147, 148.

## *Ngolwesihlanu* ***Ncwaba 2***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Isiphambano sinakwenza kuni nokuphila kwami-na?**
2. **Kungani amandla omkhuleko wokuphila ebalulekile ensindisweni yami-na?**
3. **Kuyini okubangela umuntu ukuba awe phambi kwesilingo-na?**
4. **Chaza ukuthi kungani uJakobe onephutha amukelwa nguNkulunkulu, kodwa uEsawu wenqatshwa.**
5. **Yisho ezinye izithembiso esingazingcina engqondweni uma sizama ukunqoba.**

**Isifundo 6** **ISabatha, Ncwaba 10, 2024**

# Ethola Amandla Eqinisweni Lanamuhla

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho-ke ngiyakuba yilokhu nginikhumbuza njalo ngalezo zinto, nakuba nizazi, nime niqinile eqinisweni elikhona" (2 Peter 1:12).**

"Asingabazi, futhi asikaze singabaze eminyakeni edlule, ukuthi izimfundiso esinazo namuhla ziyiqiniso lanamuhla, nokuthi sisondela ekwahlulelweni. Silungiselela ukuhlangabeza Yena, lowo ephelekezelwa izingelosi ezingcwele, uzobonakala ngamafu ezulu ukunikeza abathembekile nabalungile ukuthinta kokugcina okungapheliyo."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 355.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Early Writings,* pp. 61-71.

## *NgeSonto* ***Ncwaba 4***

### 1. UKUKHULA LAPHA FUTHI NAMANJE

**a. Kuyini okwagcizelelwa ngumpostoli uPeter kwabakholwayo-na? 2 Peter 1:12-15.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Lalikhona iqiniso lanamuhla ezinsukwini zikaLuther-iqiniso laleso sikhathi lalibaluleke kakhulu; kukhona iqiniso lamanje lebandla namuhla. Lowo owenza konke ngokulandela iseluleko sentando Yakhe uthokozela ukubeka abantu ngaphansi kwezimeko ezingafani futhi athwalise phezu kwabo imisebenzi ekhethekile ezikhathini abaphila kuzo nangezimo ababekwe phansi kwazo. Uma bezothokozela ukukhanya abanikezwe kona, imibono ebanzi yeqiniso izovuleka phambi kwabo."-*The Great Controversy,* p. 143.

**b. Chaza ukuthi singakhula kanjani ekuqondeni kwethu ukukhanya okuvela eZulwini. Heberu 5:12-14; 6:1-3.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Inyathelo ngalinye lokukholwa nokulalela liletha umphefumulo eduze kokuxhumana nokuKhanya komhlaba, kulowo 'okungekho kuye ubumnyama nakanye."-*The Great Controversy,* p. 476.

## 2. UKUZIPHENDULELA

**a. Kungani futhi nakanjani kufanele siguqule indlela yethu yokwenza uma samukela ukukhanya okukhulu okuvela ezulwini-na? Jakobe 4:17; Izaga 4:18; Mathewu 6:23.**

"UNkulunkulu ufuna kubantu Bakhe ngokuya komusa neqiniso abaphe lona. Konke ukulunga Kwakhe kudinga kuhlangabezane nakho ngokugcwele. Izidalwa eziziphendulelayo kufanele zihambe ekukhanyeni okukhazimula phezu kwazo. Uma zehluleka ukwenza lokhu, ukukhanya kwazo kuphenduka ubumnyama, nobumnyama babo bukhulu ngezinga elilingana nokukhanya okuvamile. Ukukhanya okuqongelelwe kubonakele phezu kwabantu bakaNkulunkulu; kodwa abaningi badebesela ukulandela ukukhanya, futhi ngalesizathu basesimeni sesimoya esibuthakathaka kakhulu.

"Akukona ukuswela ulwazi ukuthi abantu bakaNkulunkulu manje bayabhubha. Angeke bajeziswa ngoba bengayazi indlela, neqiniso, nokuphila. Iqiniso elithe lafinyelela ekuqondeni kwabo, ukukhanya okubonakele emphefumulweni, kodwa okuthe kwanganakwa noma kwenqatshwa, yikhona okuzobajezisa. Labo abangazange babe nokukhanya abangakwenqaba angeke babekwa icala. Kuyini okunye okwengenziwa okungenzelwa isivande sikaNkulunkulu kunalokhu okwenziwe-na? Ukukhanya, ukukhanya okuyigugu, okukhanya kubantu bakaNkulunkulu; angeke kwabasindisa ngaphandle kokuthi bavume ukusindiswa yikho, baphile ngakho ngokugcwele, bakudlulisele kwabanye abasebumnyameni. UNkulunkulu ubiza abantu Bakhe ukuba basebenze. Ngumsebenzi womuntu ngamunye ukuba avume futhi ashiye izono abuyele kuJehova yilokhu okudingekayo. Akakho ongenza lomsebenzi enzela omunye. Ulwazi lwezenkolo lwandile kakhulu, futhi lolwazi lwandisa izibopho ezihambisanayo. Ukukhanya okukhulu kulokhu kukhanya ebandleni, futhi ngakho liyajeziswa ngoba liyenqaba ukuhamba ekukhanyeni. Uma bebeyizimpumputhe ngabe abanasono. Kodwa bakubonile ukukhanya futhi balizwa iqiniso kakhulu, kodwa abahlakaniphile futhi kaba-ngcwele. Abaningi iminyaka eminingi abathuthuki olwazini nobungcwele beqiniso. Bambashile esimoyeni. Endaweni yokuya phambili ekuphelelenі, babuyela emuva ebumnyameni bobugqila baseGibhithe. Izingqondo zabo azisetshenziswa ekumesabeni uNkulunkulu nobungcwele beqiniso. "Ingabe uIsrayeli kaNkulunkulu uzophaphama-na? Ingabe bonke abazisho ukuthi bayamesaba uNkulunkulu bafuna ukulahla konke okungalungile, ukuvuma kuNkulunkulu zonke izono ezifihlekile, bahluphe imiphefumulo phambi Kwakhe-na? Ingabe, ngokuzithoba okukhulu, bahlolisise zonke izenzo ezihlosiwe, futhi benolwazi lokuthi iso likaNkulunkulu lifunda konke, lihlola konke okufihlakele-na? Umsebenzi mawuphelele, ukuzinikela okuphelele kuNkulunkulu. Ubiza ukuzinikela okuphelele ngakho konke esinakho nesiyikho. Abafundisi nabantu badinga inguquko entsha, ukuguqulwa kwengqondo, ngaphandle kwalokho asilona iphunga lokuphila kube ngukuphila, kodwa elokufa kube ngukufa."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 123, 124.

## 3. IQINISO LANAMUHLA

**a. Nikeza izibonelo zezihloko okumele izifundo zigxilwe kuzo, lezo okufanele singaphazanyiswa kuzo. Daniyeli 7:9, 10; 8:14; Amahubo 119:33-35.**

__________________________________________________________________________

"Kukhona amaqiniso amaningi atholakala eZwini likaNkulunkulu, kodwa 'yiqiniso lanamuhla' elidingwa ngumhlambi manje. Ngibonile ingozi yezithunywa ezibalekela amaphuzu abalulekile eqiniso lanamuhla, ukugxila phezu kwezihloko ezinganqunyelwe ukuhlanganisa umhlambi futhi zingcwelise umphefumulo. USathane lapha uzosebenzisa konke okusemandleni ukulimaza imbangela.

"Kodwa izihloko zendawo engcwele, eziphathelene nezinsuku ezingu 2300, imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa kukaJesu, zibalwa ngokuphelele ukuze zichaze intshukumo yeAdvent edlule futhi zibonise ukuthi siyini isimo sethu sanamuhla, ziseka ukukholwa kongabazayo, zinikeze isiqiniseko senkazimulo ezayo. Lokhu, ngikubonile izikhathi eziningi, lapho izihloko eziphakeme lezo izithunywa okumele zigxile kuzo."-*Early Writings,* p. 63. [Ukugcizelela koMbhali]

**b. Iminyaka engu 180 (uma siqhathanisa kamuva isibonelo sembali yalomhlaba), yisiphi isibonelo esibalulekile seqiniso lanamuhla-na? Isambulo 14:6-13.**

__________________________________________________________________________

"Ukumenyezelwa kwesigijimi sengelosi yokuqala, eyesibili, neyesithathu kutholakala ezwini Elifunzelelwe. Akukho sikhonkwane noma intwana ezosuswa. Kungekho amandla omuntu anelungelo elikhulu lokuguqula indawo yalamazwi amise iTestamende Elisha endaweni yeTestamende eliDala. ITestamende Elidala yivangeli lemifanekiso nezimpawu. ITestamende Elisha yiyona ingqikithi. Enye ibalulekile njengenye. ITestamende Elidala liletha izifundo ezivela ezindebeni zikaKristu, futhi lezifundo azilahlekelwanga amandla azo noma ngayiphi indlela. Isigijimi sokuqala nesesibili zanikezwa ngonyaka ka1843 no1844, futhi manje singaphansi kwesimemezelo sengelosi yesithathu; kodwa lezimemezelo ezintathu kufanele zimenyezelwe namanje. Zibalulekile manje njengoba zazinjalo ngaphambili ukuze ziphindelwe labo abafuna iqiniso. Ngosiba nangamazwi kufanele sizwakalise isimemezelo, sibonise uhlelo lwazo, nokusebenza kweziprofetho ezisiletha kwisigijimi sengelosi yesithathu. Angeke kwabakhona eyesithathu ngaphandle kwesokuqala nesesibili. Lezigijimi kufanele sizinikeze emhlabeni ngezincwadi ezishicilelwe, ekuxoxisaneni, sibonise uhlelo lwembali yeziprofetho izinto eziye zaba ngakhona, nezinto ezizokwenzeka."-*Counsels to Writers and Editors,* p. 26.

## 4. UKULANGAZELELA UKUKHULA

**a. Chaza isimo esisiza ukuba sisingathe iqiniso lanamuhla njengoba lembuleka, noma abanye belenqaba. Jeremiya 29:13; Mathewu 18:3; Johane 7:17.**

____________________________________________________________________________

"Uma uba njengomntwana omncane, uzimisele ukuholwa, futhi lapho ukuqonda kwakho kungcweliswa nentando yakho nobandlululo selunikelwe, ukukhanya okunjalo kuzokwabiwa yonke indawo enhliziyweni yakho njengoba kuzokhanyisa imiBhalo futhi kubonise iqiniso elikhona nokuvumelana kwalo okuhle. Lizovela njengeketanga legolide, isixhumanisi esihlanganisiwe ukuze sixhumane ngokuphelele."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 448.

**b. Ukunganaki kaningi kwenza buthakathaka kanjani umthelela weqiniso lanamuhla-futhi liyini ikhambi-na? Isaya 56:9, 10; 1 Korinte 14:8; Isambulo 3:17-19.**

____________________________________________________________________________

"Sisengozini yokuletha isigijimi sengelosi yesithathu ngendlela engacacile kakhulu nengaqondwa ngabantu. Izintakazelelo eziningi zilethwa ngaphakathi ukuthi isigijimi sangempela okumele simenyezelwe ngamandla sithanjiswe futhi singezwakali."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 60.

"Siphila ngempela ezinsukwini zokugcina zembali yalomhlaba. Kufanele sinikele isikhathi esiningi kwintakazelelo yesimoya, uma sizoba namava esimoya akhulayo lawo adingeka namuhla. Kufanele senze izinguquko ezinqunyiwe. Kusho Izwi: Umlindi kudingeka aphaphame, futhi anike icilongo umsindo othile. Ukusa kuyeza; kanye nobusuku. Phaphama, Mlindi wami. Amazwi manje okumele azwakale aletha iqiniso lanamuhla athulile. Imiphefumulo iyabhubha ezonweni zazo, futhi abafundisi nodokotela namathishela balele. Phaphamani balindi!"-*The Pacific Union Recorder,* Nhlolanja 20, 1908.

"UFakazi Oqinisileyo umemezela ukuthi lapho ucabanaga ukuthi usesimeni esihle sokuchuma unesidingo sakho konke. Akwanele ukuthi abafundisi baletha izihloko zokucabangela; kufanele balethe nalezo zihloko ezisebenzayo. Kudingeka bafunde izifundo zoqobo uKristu azinikeza abafundi Bakhe futhi basebenzise okufanayo emiphefumulweni yabo nakubantu. Ngoba uKristu uthwele lobufakazi obukhuzayo, ingabe sizocabanga ukuthi uswele uthando olumnene kubantu Bakhe-na? Cha nakanye! Lowo owafa ukuze ahlenge umuntu ekufeni, wamthanda ngothando lwaphezulu, futhi lowo amthandayo uyamkhuza."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 257.

## *Ngolwesine* ***Ncwaba 8***

### 5. UMHLABA UKHANYISWE NGENKAZIMULO

**a. Chaza ukuthi iqiniso lanamuhla likhula futhi lishesha kanjani ngaphambi kokubuya kukaJesu kulomhlaba. Isambulo 18:1-5.**

_______________________________________________________________________________

"[Isambulo 18:1, 2, 4 ngokuphndwa.] Lombhalo ukhomba phambili esikhathini lapho isimemezelo sokuwa kweBhabhilona, njengoba senziwa ingelosi yesibili kaSambulo 14 (vesi 8) kufanele siphindwe, ngokwengeziwe okukhulunywa ngokonakala obekungena emabandleni ahlukene aseka iBhabhilona, kusukela ekunikelweni kwesigijimi okokuqala, ehlobo ngonyaka ka 1844."-*The Great Controversy,* p. 603.

**b. Kufanele siziphathe kanjani ekukhanyeni lokho umhlaba ngobubanzi elibheka ngayo isigijimi seqiniso lanamuhla njengesingalungile-na? 1 Korinte 2:12-16.**

_______________________________________________________________________________

"Kumava ethu ngabanye kufanele sifundiswe ngoNkulunkulu. Uma simfuna ngenhliziyo eqotho, sizovuma Kuye ubuthakathaka besimilo sethu; futhi uthembisile ukwamukela bonke abeza Kuye ngokuncika okuthobekile. Lowo ozinikela kwizimfuno zikaNkulunkulu uzothola ubukhona obuhlalayo bukaKristu, futhi lobudlelwano buzoba kuye njengento eyigugu. Ukubamba ukuhlakanipha okungcwele, ubalekela ukonakala okusezweni ngezinkanuko."-*Testimonies to Ministers,* p. 483.

"Uma uza kuKristu awusoze uziqhayise, 'Ngingcwele Mina.' Yekela uNkulunkulu akhulume lokho kuwe, ngoba awuyazi inhliziyo yakho. Lokhu kuziqhayisa ubufakazi obuqinisile bokuthi aniyazi iMibhalo namandla kaNkulunkulu. Vumela uNkulunkulu abhale ezincwadini Zakhe, uma ethanda, ukuthi ungumntwana olalelayo, ogcina izimiso Zakhe ngenhliziyo ejabulile, futhi imibiko uzokwembula phambi kwezingelosi nabantu ngosuku lomvuzo."-*The Signs of the Times,* Zibandlela 2, 1887.

## *Ngolwesihlanu* ***Ncwaba 9***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kungayiphi indlela iqiniso lanamuhla lihlukile kunezikhathi ezidlule-na?**
2. **Kungani nginecala kuNkulunkulu lokuphila iqiniso lanamuhla-na?**
3. **Kungani kufanele ngenze kube umgomo ukwabela abanye iqiniso lanamuhla-na?**
4. **Kungayiphi indlela isimo-sami maqondana nokukhanya okukhulu kuthinta ngayo ukukhula kwesimoya sami-na?**
5. **Kufanele kube yini ukuqina kwami maqondana nesenzo-sami phambi kwezitha-na?**

# Isiprofetho Senzuzo Yethu

**IVESI LEKHANDA: "Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu" (2 Peter 1:19).**

"Ekwamukeleni isigijimi sengelosi yesithathu kusho ukuthi asilalelanga izinganekwane, kodwa 'izwi eliqinisekile lesiprofetho.' Manje siphila ekukhanyeni okugcwele kokukhanya kweqiniso leBhayibheli."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 592.

**Incwadi Enikeziwe:** *Selected Messages,* bk. 1, pp, 15-23.

## *NgeSonto* ***Ncwaba 11***

### 1. UKHOLO, HAYI IZINGANEKWANE

**a. Kungani uPeter abanakho ukuqinisa ubuNkulunkulu bukaJesu Kristu-na? Mathewu 17:1-7.**

"Phezu kwentaba umbuso wenkazimulo wesikhathi esizayo wafanekiswa kancane-uKristu iNkosi, uMose omela abangcwele abavusiwe, noEliya omela abaguquliwe. "Abafundi nokho abasiqondi lesehlakalo; kodwa bajabulela ukuthi uThishela obekezelayo, omnene futhi othobekile, othe wazula ehla enyuka njengesihambi esilahlekile, uhlonishwa ngabathandiweyo basezulwini."-*The Desire of Ages,* p. 422.

"Ubusuku bonke base budlulile besentabeni; kwathi ekuphumeni kwelanga, uJesu nabafundi Bakhe behlela ethafeni. Bejulile ngomcabango, abafundi babethukile futhi bethulile. Ngisho noPeter akabanga nazwi."-Ibid., p. 426.

**b. Kuyini uPeter akwazi ukukumemezela ngokuqiniseka-futhi thina, ngokholo, kufanele sinanele kanjani isibonelo sesibindi sakhe-na? 2 Peter 1:16-18.**

__________________________________________________________________________

"Awekho amanga eqinisweni. Uma silandela izinganekwane ezenziwe ngobuqili, sihlangana namandla esitha simelane noNkulunkulu noKristu….

"Zonke izinhlobo zobubi zilindele ithuba lokusihlasela. Ukukhohlisa, ukufumbathisa, ukuvumisa, izithembiso zokuphakanyiswa okumangalisayo, zizosetshenziswa ngesineke esikhulu.

"Izinceku zikaNkulunkulu kuyini ezikwenzayo ukuphakamisa isivimbelo esithi 'Isho njalo iNkosi' ukumelana nalobubi."- *Selected Messages,* bk. 1, p, 194.

## 2. UMTHELELA WESIPROFETHO

**a. Lapho isiphithiphithi sivama, kuyini esingakubonga, njengoba siboniswe indlela uKristu aletha ithemba ngayo kubafundi ababedumele besendleleni eya eEmawuse-na? Luka 24:15-21, 27, 32; 2 Peter 1:19.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Izinhliziyo zabafundi [endleleni eya e Emawuse] zashukunyiswa. Ukholo lokhelwa futhi. Baye 'bazalwa kabusha ethembeni eliphilayo' nangaphambi kokuba uJesu azembule kubo. Bekuyinhloso Yakhe ukukhanyisa ukuqonda kwabo futhi anike amandla ukholo lwabo ezwini eliqinisekile lesiprofetho. Wayefisa ukuba iqiniso ligxile ezinqondweni zabo, kungesikho nje ukuthi lisekelwe ubufakazi Bakhe ngempela, kodwa ngenxa yobufakazi obungangabazeki obethulwa ngezimpawu nezithunzi zomthetho ojwayelekile, kanye neziprofetho zeTestamende Elidala. Kwakudingeka kubalandeli bakaKristu ukuba babenokholo olukhaliphile, kungabi ngenxa yabo kuphela, kodwa ukuba bathwalele emhlabeni ulwazi ngoKristu. Njengenyathelo lokuqala lokwabelana ngalolwazi, uJesu waqondisa abafundi ku 'Mose nakuzo zonke iziprofethi.' Lokho kwakungubufakazi obanikezwa nguMsindisi ovukile ngobugugu obubalulekile kweMibhalo yeTestamende Elidala."-*The Great Controversy,* p. 349.

"Kuyicebo [likaNkulunkulu] ukuthi labo abahlanganyela insindiso enkulu ngoJesu Kristu kufanele babe ngabashumayeli Bakhe….Abantu kufanele baxwayiswe ukulungiselela ukwahlulela okuzayo. Kulabo abalalela kuphela izinganekwane, uNkulunkulu uzobapha ithuba lokuzwa izwi eliqinisile lesiprofetho, uma benza kahle ukuliqaphela njengokukhanya okukhanya endaweni emnyama. Uzoletha izwi eliqinisekile leqiniso ekuqondeni kwabo bonke abazoliqaphela; bonke bangalifanisa nezinganekwane ezilethwa kubo ngabantu abazishoyo ukuthi baqonda izwi likaNkulunkulu futhi balungele ukufundisa labo abasebumnyameni."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 631, 632.

**b. Yisho isixwayiso sikaPawule kuThimothi esiphathelene kakhulu nesikhathi sanamuhla-na? 1 Thimothi 6:20, 21.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Wona kanye umoya wokukhonza izithombe wobuhedeni udlangile namuhla, noma uphansi komfutho wezesayensi nemfundo uye wathatha isimo esicwengekile nesikhangayo. Nsuku zonke kwengezwa ubufakazi obudangalisayo bokuthi ukukholwa ezwini eliqinisekile lesiprofetho kuncipha ngokushesha, nokuthi esikhundleni sako izinkolelo zamanga nobuthakathi bukaSathane yibona obuthumba izingqondo zabantu."-*Testimonies for the Church,* vol*, 5,* p. 192.

## *Ngolwesibili* ***Ncwaba 13***

## 3. IHANGE LOMPHEFUMULO WETHU

**a. Singaqonda kanjani isiprofetho sangempela njengehange, insika eyisisekelo senkolo yamaKrestu-na? Amose 3:7; 2 Peter 1:20, 21.**

"Abaningi, abaningi kakhulu, babuza ubunjalo beqiniso leMibhalo. Umcabango womuntu kanye nemicabango yenhliziyo yomuntu kubukela phansi ukuphefumulelwa kweZwi likaNkulunkulu, futhi lokhu okumele kwamukelwe njengokuvunyiwe, kuzungezwe ifu lemfihlakalo. Akukho okugqamile futhi nokuhlukile nangemigqa, phezu kwedwala elijulile. Lesi esinye sezimpawu eziphawuliwe zezinsuku zokugcina."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 15.

"Kukhona abantu abalwela ukuba ngabokuqala, abahlakaniphile ukudlula lokhu okubhaliwe; ngakho-ke, ukuhlakanipha kwabo kungubuwula. Bathola ukubona izinto ezimangalisayo ngaphambili, imibono embula ukuthi basemuva kakhulu ekuqondeni intando engcwele nenhloso kaNkulunkulu. Uma befuna ukucacisa noma ukudalula izimfihlakalo ezifihliwe kusukela emandulo umuntu ofayo. Bafana nomuntu obhaduza odakeni, ongakwazi ukuzikhipha nokho utshele abanye indlela yokubakhipha olwandle lodaka nabo abaphakathi kwalo. Lona ngumfanekiso ofanelekayo wamadoda azibeka ekulungiseni amaphutha eBhayibheli. Akukho umuntu ongathuthukisa iBhayibheli ngokusikisela lokhu iNkosi eqonde ukukusho noma okumele kushiwo.

"Abanye basibheka kabi futhi bathi, 'Awucabangi ukuthi kungenzeka kube nephutha kofanekisayo noma kubahumushi-na?' konke lokhu kungenzeka, futhi ngomqondo omncane kangangokuthi uzoshesha ukungabaza futhi ukhubeke phezu kwalokhu okungenzeka kuzolungela ukukhubeka kwezimfihlakalo zeZwi eliphefumulelwe, ngoba izingqondo zabo ezibuthakathaka azikwazi ukubona inhloso kaNkulunkulu."- Ibid., p. 16.

"INkosi ikhuluma nabantu ngolwimi olungaphelele, ukuze imizwa eyonakele, ebuthuntu, eqonda okomhlaba, abantu basemhlabeni ukuzindla amazwi Akhe. Kanjalo kubonisa ukuzikhothamisa kukaNkulunkulu. Uhlangana nabantu abawileyo lapho bekhona. IBhayibheli, liphelele njengoba linjalo ngobulula balo, aliphenduli imibono emikhulu kaNkulunkulu; ngoba imibono engapheli ayikwazi ukufakwa ngokuphelele ezintweni zomcabango ophelayo. Esikhundleni sokuba amazwi eBhayibheli enziwa ihaba, njengoba abantu abaningi becabanga, amazwi anamandla ahlehla ngaphambi kobukhulu bomqondo, nakuba umbhali akhetha ulimi oluveza obala ukuze adlulisele ngalo amaqiniso emfundo ephakeme."- Ibid., p. 22.

"Uma abantu bezama ukusola Izwi likaNkulunkulu. Baphikelela kumhlaba ngcwele, kumele babe nokwesaba futhi bathuthumele ngokufihla ukuhlakanipha kwabo njengobuwula. UNkulunkulu akamisanga umuntu ukuletha ukwahlulela eZwini Lakhe, ukukhetha ezinye izinto njengeziphefumulelwe futhi adelele ezinye njengezinga-phefumulelwe."- Ibid., p. 23.

## 4. UKULUNGISELELA KUKANKULUNKULU ABANTWANA BAKHE

**a. Chaza isimo esiyingozi esivame ukutholakala namuhla-nokuthi kufanele sibhekane kanjani naso. 2 Peter 2:1-3; 1 Thimothi 4:1, 2; Duteronomi 6:24, 25.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Akukaze, asikaze sibekhona isikhathi, lapho iqiniso lizohkupheka kakhulu ngokuhlanekezelwa ngokungeyikho, ukugxekwa, lihlehliswe ngenxa yezimpikiswano ezihlanekezelwe zabantu kunezinsuku zokugcina. Abantu bazilethele ngokwabo inqwaba ehlukahlukene yohlubuko abazimelela kuzo njengezibikezelo zabantu. Abantu bakhangwa yinto ethile eyinqaba, into entsha, futhi abanalo ulwazi ukuze bahlukanise isimilo semibono yabantu abangayisungula njengento ethile. Kodwa ukuyibiza njengento enomphumela omkhulu futhi uyibophele emazwini kaNkulunkulu akukwenzi kube yiqiniso….

"Kufanele sizwe iphimbo likaNkulunkulu eZwini Lakhe elembuliwe, izwi eliqinisekile lesiprofetho. Labo abazoziphakamisa futhi bafune ukwenza into emangalisayo kungaba ngcono bafinyelele emqondweni ehluzekile."- *The SDA Comments* [E.G.White Comments], vol. 6, pp. 1064, 1065.

"Umthetho kaNkulunkulu uyisisekelo sayo yonke inguquko ehlala njalo. Kufanele sethule emhlabeni ngemigqa ecacile isidingo sokuthobela lomthetho. Ukulalela umthetho kaNkulunkulu kuyisikhuthazo esikhulu embonini, emnothweni, eqinisweni, nasekuphatheni ngokulunga phakathi komuntu nomuntu….

"Labo abalela nokulalela izwi likaJehova bagcine imithetho Yakhe ngentokozo, bazakuba phakathi kwalabo abazombona uNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol*,* 8*,* p. 199.

**b. Yiziphi izibonelo eBhayibhelini uPeter azishoyo ukuze abonise isidingo-nesiqiniseko-sokukhulula kukaNkulunkulu ngomusa labo abamthandayo nabamesabayo. 2 Peter 2:4-8.**

______________________________________________________________________________

"Abantu bakaNkulunkulu, babekwe obala emandleni akhohlisayo nobubi obungalali benkosana yobumnyama, futhi bangqubuzana namandla onke omubi, aqinisekiswa ngokulinda okungapheli kwezingelosi zasezulwini. Futhi isiqiniseko asinikezwa ngaphandle kwesidingo. Uma uNkulunkulu enikeza abantwana Bakhe izithembiso zomusa nesivikelo, kungoba kukhona izithunywa ezinamandla uma ububi buhlangabezana nazo-izithunywa eziningi, ezizimisele, ezingakhathali, ulunya lwazo olunamandla okungekho noyedwa ongaphepha uma enganaki futhi angaqapheli."-*The Great Controversy*, p. 513.

## *Ngolwesine* 			***Ncwaba 15***

## 5. UKUBONGA UMKHULULI WETHU

**a. Yikuphi ukukhululwa okuyigugu kakhulu uNkulunkulu asinika kona-na? 2 Peter 2:9 (inxenye yokuqala); 1 Korinte 10:13; Amahubo 50:15.**

"UNkulunkulu uzogcina bonke abahamba endleleni yokulalela; kodwa ukuchezuka kuyo kungukuphendukela emhlabeni kaSathane. Lapho ngokuqinisekile sizowa. UMsindisi uyasincenga, 'Lindani nikhuleke, ukuba ningangeni ekulingweni.' Marako 14:38. Ukuzindla nokukhuleka kungasigcina singagijimeli endleleni enqatshelwe neyingozi, kanjalo-ke kufanele sisindiswe ngokunqoba okuningi.

"Nokho akufanele siphelelwe amandla lapho sihlaselwa isilingo. Ngokuvamile lapho sibekwa esimweni esivivinyayo siyangabaza ukuthi uMoya kaNkulunkulu osiholayo. Kodwa kwakuyiMimoya eyaholela uJesu ehlane ukuze alingwe nguSathane. Uma uNkulunkulu esiletha esilingweni, unenhloso yokuthi kuzuze thina. UJesu akazange acabange ngezithembiso zikaNkulunkulu uma engena esilingweni angacelwanga, futhi akazange aphelelwe amandla lapho isilingo simehlela. Nathi akufanele."-*The Desire of Ages*, p. 126**.**

"Isilingo akusona isono. UJesu ungcwele futhi ucwebile; kodwa walingwa ngezindlela zonke njengathi, kodwa ngokuqina nangamandla lawo umuntu angeke abizelwa ukusibekezelela. Ngempumelelo Yakhe yokumelana usishiyele isibonelo esikhanyayo, sokuthi silandele emanyathelweni Akhe. Uma sizethemba noma sinokulunga okungokwethu sizoshiywa ukuba siwe ngaphansi kwamandla esilingo; kodwa uma sibheka kuJesu simethembe Yena sibiza amandla osizo Lwakhe athe anqoba ngalo isitha enkundleni yempi, futhi isilingo ngasinye sizokwenza indlela yokuphepha. Lapho uSathane eza njengesikhukhula, kumele sihlangabezane nesilingo sakhe ngenkemba yoMoya, noJesu uzakuba ngumsizi wethu futhi asiphakamisele ibhanela elimelana naye. Uyise wamanga uyathuthumela futhi aqhaqhazele lapho ithemba likaNkulunkulu, ngamandla avuthayo, liphonswa ebusweni bakhe."-*Testimonies for the Church,* vol*,* 5*,* p. 426.

## *Ngolwesihlanu* 			***Ncwaba 16***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ukuqonda siprofetho seBhaybheli kungangisiza kanjani ezinsukwini ezizayo-na?**
2. **Kungani uJesu abelana ngesiprofetho nabafundi endleleni eya eEmawuse-na?**
3. **Yiziphi izindlela uSathane azama ngazo ukucekela phansi ukuthembela kwethu emiBhalweni-na?**
4. **Kungani kubalulekile kangaka ukubambelela ngokuqina emazwini aphefumulelwe-na?**
5. **Lapho sihlaselwa isilingo, yisiphi isinyathelo okufanele sikhumbule ukusithatha-na?**

**Isifundo 8** **ISabatha, Ncwaba 24, 2024**

# Ubumsulwa Esikhathini Esonakele

**IVESI LEKHANDA: "Kwabahlanzekileyo konke kuhlanzekile; kepha kwabangcolileyo nabangakholwayo akukho lutho oluhlanzekile, kodwa kungcole ingqondo yabo nonembeza wabo." (Thithu 1:15).**

"Ukuba ngohlakaniphile, ozigcinayo, ongazibusi, nokunakwa okungadingeki, kodwa ugcine ubuqotho obuhle nokuba nesithunzi, ububi obuningi bungagwenywa."-*The Adventist Home,* p. 331.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol, 5, pp. 137-148;
191-199.

## *NgeSonto* ***Ncwaba 18***

### 1. UKUBHEKA ISIMO SETHU

**a. UNkulunkulu wamjezisa kanjani udadewabo kaMose ngenxa yomona-futhi lokhu kuyisixwayiso kanjani namuhla-na? Numeri 12:1, 2, 6-10; Jakobe 4:11; 2 Peter 2:9 (inxenye yesibili), 10.**

________________________________________________________________________

"Ukube umona nokunganeliseki kukaMariya kwakungasolwanga ngendlela ephawulekayo, kwakuzoba ngumphumela omubi kakhulu. Umona ungenye yezimpawu zobuSathane ezingabakhona enhliziyweni yomuntu, futhi ungenye yezinto ezimbi kakhulu emiphumeleni yawo. Kusho indoda ehlakaniphile, 'Ulaka lulunya, nentukuthelo iyisikhukhula, kepha ngubani ongema phambi komhawu-na? Umhawu yiwona owaba yimbangela yokungezwani ezulwini, futhi ukuzitika ngawo kwaletha ububi obungachazeki phakathi kwabantu. Ngokuba lapho kukhona umhawu nombango, kukhona isiyaluyalo nezenzo zonke ezimbi.'Jakobe 3:16.

"Akufanele kuthathwe njengento elula ukukhuluma kabi ngabanye noma ukuzenze abahluleli ngalokhu abakuqondile noma abakwenzayo. 'Ohleba umzalwane wakhe, noma ahlulele umzalwane wakhe, uhleba umthetho, ahlulele umthetho: kepha uma wahlulela umthetho, awusiye owenza okomthetho kodwa ungumahluleli.' Jakobe 4:11. Munye kuphela umahluleli….lowo othathela kuye ukwahlulela noma alahle abanye abantu uthathela kuye igunya Lomdali.

"IBhayibheli liyasifundisa ngokuqondile ukuthi siqaphela ukubeka icala kalula labo uNkulunkulu ababizile ukuba babe amanxusa Akhe."-*Patriachs and Prophets,* pp. 385, 386.

## 2. UKUZIDLA

**a. UNkulunkulu uxwayisa kanjani labo abazidlayo abazishaya isifuba ngenkanuko yabo-ikakhulu uma bezama ukungena phakathi kwabantu Bakhe-na? 2 Peter 2:11-13.**

________________________________________________________________________

"Lapho amandla obuthakathi kaSathane elawula umuntu, uNkulunkulu uyalibaleka, nomuntu ogcwele izinhloso ezimbi uyadunyiswa. Ukungcola okuyizimfihlo zangasese kwenziwa yile ekhohlisiwe imiphefumulo njengento enhle. Lolu uhlobo lobuthakathi. Umbuzo wompostoli kwabaseGalathiya ungabuzwa: Ngubani oniloyileyo, ukuba ningalaleli iqiniso, nina-enalotshelwa phambi kwamehlo enu umfanekiso kaJesu Kristu ebethelwe esiphambanweni-na?' Kuhlala kunamandla okuthakatha enkolweni yamanga nasezenzweni zokuziphatha okubi. Ingqondo ikhohliswa kangangokuthi ayikwazi ukucabanga ngokuhlakanipha, futhi inkohliso ilokhu iyiholela ekuhlanzekeni. Ukubona kwesimoya kufiphaziwe, futhi abantu abanesimilo esingangcoliswanga kuze kube manje badideka ngaphansi kobuqili benkohliso balezo zithunywa zikaSathane ezizibiza ngokuthi ziyizithunywa zokukhanya. Yilenkohliso enikeza lezithunywa amandla. Uma ziphuma ngesibindi futhi ngokusobala ziqhubeka zizozanyazanyiswa ngaphandle kokungabaza; kodwa zisebenza kuqala ukuzuza uzwelo nesibindi esiphephile kubona njengabangcwele, abantu bakaNkulunkulu abazidelayo. Njengezithunywa ezikhethekile ziqala umsebenzi wazo ngobuqili ukudonsela kude imiphefumulo endleleni yokulunga ngokuzama ukwenza ize umthetho kaNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol*,* 5*,* p. 142.

**b. Kuyini okufanele sigxile kukho uma sibhekana nezingozi ezinjalo-na? Isaya 51:7, 8; Thithu 1:15.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Kulesikhathi senkohlakalo lapho isitha sethu uSathane, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo, sifuna esingamgwinya, ngibona isidingo sokuphakamisa izwi lesixwayiso. 'Lindani nikhuleke, ukuba ningangeni ekulingweni.' Kukhona abanamathalenta akhaliphile abawanikela ngenkohlakalo emsebenzini kaSathane. Yisiphi isixwayiso engingasiletha kubantu abazishoyo ukuthi baphumile ezweni bashiya izenzo zalo zobumnyama-na….Abaningi bathokozela imicabango engcolile, imibono eyonakele, izifiso ezingcolile, kanye nezinkanuko zenyama. UNkulunkulu uyasizonda isithelo esitholakala emthini onjalo. Izingelosi, ezicwebile nezingcwele, zibheka lendlela ngokunyanyeka okukhulu, lapho uSathane ejabula khona. Maye, ukuba abesilisa nabesifazane bangabheka umphumela wokweqa umthetho kaNkulunkulu! Ngaphansi kwazo zonke izimo, ukweqa umthetho kungukuhlambalaza uNkulunkulu futhi nesiqalekiso kumuntu. Kufanele siyibheke kanjalo, noma ilungile kangakanani, futhi nanganoma ngubani okwenzile."-Ibid., p. 146.

## *Ngolwesibili* ***Ncwaba 20***

### 3. UKUZIPHENDULELA NGOKUKHANYA OKUKHULU

**a. Ukuphefmulelwa kuchaza kanjani siphelo sababulali abafuna ukungcolisa abantu bakaNkulunkulu-na? 2 Peter 2:14; 2 Thimothi 3:5-9.**

____________________________________________________________________________

"Ukungajabuli nokwehliswa kwesithunzi okulandela uhide lokuziphatha okubi akunakulinganiswa. Umhlaba ungcolile ngaphansi kwabakhileyo kuwo. Sebecishe bagcwalisa isilinganiso sobubi babo; kodwa lokhu okuzoletha isijeziso esinzima kakhulu esokwenza ububi ngaphansi kwengubo yokwesaba uNkulunkulu. Umhlengi welizwe akazange akulahle ukuphenduka kweqiniso, noma ngabe likhulu kangakanani icala; kodwa uphonsa isijeziso esivuthayo kubaFarisi nabazenzisi. Likhona ithemba ngesoni esisobala kunalolu hlobo.

"Futhi ngenxa yalokhu [bengamukeli uthando lweqiniso] uNkulunkulu uzobathumela inkohliso, ukuze bakholwe amanga: ukuze bonke balahlwe abangakholwa iqiniso, kodwa bejabuleka ukungalungi. Lomuntu nalabo abakhohliswe nguye abalithandi iqiniso kodwa bajabulela ukungalungi. Futhi yikuphi ukuduka okunamandla okungabehlela ngaphandle kokuthi akukho lutho okujabulisa uNkulunkulu njengokuziphatha okubi kanye nokuphinga-na? IBhayibheli liqukethe izixwayiso eziningi ngalezo zono."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 144, 145.

"Njengenxusa likaKristu, ngiyanincenga-nina enifakaza iqiniso lanamuhla nenisheshe nicasuke noma ngeyiphi indlela yokungcola futhi nigweme abangane abaphefumula imibono engcolile. Abafunga ngezono ezingcolisayo ngenzondo ejulile….

"Njengoba labo abenza lezono ezingcolisayo bekhula kancane kancane emhlabeni futhi bazongena emabandleni ethu, ngiyanixwayisa ukuba ningabaniki indawo. Fulathela lowo okuyengayo. Noma ezibiza ngomlandeli kaKristu, unguSathane osesimeni somuntu."-Ibid., p. 146.

**b. Yisho ingozi ebhekiswe kulabo abathi banokukhanya okukhulu. Roma 2:21-23.**

____________________________________________________________________________

"Isigijimi esinesizotha esikhulu esike sanikezwa kubantu abafayo siphathiswe labantu, futhi bangaba nomfutho onamandla uma bengangcweliswa yiso. Bafakaza ukuthi bemi endaweni ephakeme yeqiniso laphakade, begcina yonke imithetho kaNkulunkulu; ngakho-ke, uma bezitika esonweni, uma benza ubufebe futhi bephinga, icala labo likhulu ngokuphindwe kashumi kunalelo-xuku engikhuluma ngalo, elingavumi ukuthi umthetho kaNkulunkulu uyababopha."-Ibid., vol. 2, p. 450.

## *Ngolwesithathu* ***Ncwaba 21***

### 4. ISIKHATHI SOKULAHLA IZONO ZETHU EZIFUYIWE

**a. Siqhathaniswa nobani uma ngenkani senza noma yimuphi umkhuba wesono, futhi kungani-na? 2 Peter 2:15, 16; Numeri 22:9, 12, 21, 27, 28; 31:16.**

"Lapha kukhona isixwayiso esizothile sabantu bakaNkulunkulu namuhla, ukuba bangavumeli izici eziphambene nomthetho womkristu siphile ezinhliziyweni zabo. Isono njengoba sikhuliswa siba yinjwayelo; futhi, siqiniswa ngokwamukelwa, ngokushesha sicindezela umfutho olawulayo, sithobisa wonke amandla aphakeme. UBalamu wayethanda umvuzo wokungalungi. Isono sokuhaha, leso uNkulunkulu asihlanganisa nokukhonza izithombe, azange amelane naso noma asinqobe. USathane wamthola ngokuphelele ngalephutha elilodwa, elonakalisa isimilo sakhe."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 1, p. 1116*.*

**b. Yiziphi izindlela amaKristu angaqaphile ayengelwa ngazo ekonakaleni-na? 2 Peter 2:17, 18; Roma 6:12; Efesu 6:12.**

__________________________________________________________________________

"Isimoya siyaziqhenya ngokufuna inkululeko enkulu, futhi ngolimi olubusheshelezi, oluqhakazile sifuna ukujabulisa nokudukisa imiphefumulo engaqaphile ukuba ikhethe indlela ebanzi yokuzijabulisa nokuzitika okuyisono, kunendlela engumgcingo nendlela eqondileyo. Imimoya inokubiza izimfuno zomthetho kaNkulunkulu, futhi labo abayilalelayo baphila ukuphila kokwesaba ubugqila. Ngamazwi amnandi nangenkulumo ebusheshelezi baziqhayisa ngenkululeko yabo, futhi bafuna ukwemboza imicabango yabo eyingozi ngezingubo zokulunga. Bangenza ubugebengu obenyanyeka kakhulu bubhekwe njengesibusiso kumncintiswano.

"Bavula phambi kwesoni umnyango obanzi wokulandela ngokushesha inhliziyo yenyama, futhi baphule umthetho kaNkulunkulu, ikakhulu umthetho wesikhombisa. Labo abakhuluma lamazwi amakhulu okukhukhumala okuyize, futhi benqoba enkululekweni yabo yesono, bethembisa labo ababakhohlisayo ukuthokozelela inkululeko yokuhlubukela intando kaNkulunkulu embuliwe. Lemiphefumulo edukisiwe isebugqilini obahluka-hlukene bukaSathane futhi ilawulwa amandla akhe, futhi uthembisa inkululeko kulabo abazolandela indlela efanayo yesono leyo abazikhethele yona. "IMibhalo ngempela iyagcwaliseka ngalokhu, ukuthi izimpumputhe zihola ezinye izimpumputhe. Ngoba lokhu okunqoba umuntu, naye ulethwa ebugqilini. Lemiphefumulo edukisiwe ingaphansi kobugqila obudelelekile bentando yamademoni. Izihlanganisa ngokwayo emandleni obumnyama futhi ayinawo amandla okuhamba ngokuphambene nentando yamadimoni."-*The Review and Herald,* Mbasa 15, 1875.

## *Ngolwesine* ***Ncwaba 22***

## 5. UKUBUSISWA NGOKUSOLWA

**a. Chaza ukukhetha esinakho. 2 Peter 2:19; Roma 6:16, 19; Izaga 10:17.**

________________________________________________________________________________

"[UJohane] kaningi wayexwayiswa futhi ekhuzwa nguMsindisi; futhi lokhu kusolwa wakwamukela. Njengoba isimilo Salowo Ongcwele sabonakaliswa kuye, uJohane wazibonela ukusilela kwakhe, futhi wazithoba ngenxa yesambulo. Usuku, nosuku, ngokuphambene nomoya wakhe wobudlova, wabona ububele nokubekezela kukaJesu, futhi wezwa izifundo Zakhe zokuthobeka nokubekezela. Usuku nosuku inhliziyo yakhe yadonseleka kuKristu, waze walahlekelwa umina ngenxa yothando lweNkosi yakhe. Amandla nobumnene, ukuphakama nokuthobeka, ukuqina nokubekezela, abekubona nsuku zonke ekuphileni kweNdodana kaNkulunkulu, kwagcwalisa umphefumulo wakhe ngokubabaza. Wanikela ngokwenyanya kwakhe, intukuthelo yokufuna udumo yanikelwa emandleni kaKristu abumbayo, nothando olungcwele lwasebenza kuye ukuguqulwa kwesimilo.

"Ngokwehluke kakhulu ekungcwelisweni okwenziwe ekuphileni kukaJohane amava anawo ngabafundi bakhe, uJudasi….kaningi, lapho elalela amazwi oMsindisi, ukulahlwa yicala kweza kuye, kodwa akathobisanga inhliziyo yakhe noma avume izono zakhe. Ngokumelana nomfutho ongcwele wadelela iNkosi avuma ukuthi uyayithanda. UJohane walwa ngobuqotho aamaphutha akhe; kodwa uJudasi wephula unembeza wakhe futhi wazinikela esilingweni….

"UJohane noJudasi bafanekisa labo abavuma ukuthi bangabalandeli bakaKristu. Abafundi bobabili babethola amathuba afanayo okufunda futhi ukulandela uMfanekiso ongcwele. Bobabili babesondelene noJesu futhi babenelungelo lokulalela izimfundiso Zakhe. Ngamunye wayenobuthakathaka besimilo esikhulu kakhulu; futhi ngamunye wayenokufinyelela emseni ongcwele oguqula isimilo….ngamunye, kwakumele afe nsukuzonke kumina nokunqoba isono, wangcweliswa ngeqiniso; omunye, ngokumelana namandla aguqulayo omusa nokuzitika ngezifiso zokuzifunela, walethwa ngaphansi kobugqila bukaSathane."-*The Acts of the Apostles,* p. 558.

## *Ngolwesihlanu* ***Ncwaba 23***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kungayiphi indlela uMiriyamu abezosinda ngayo ehlazweni lochoko-na?**
2. **Umphakathi wanamuhla uzenza kanjani izixwayiso zikaPeter zibaluleke kangaka kithi namuhla-na?**
3. **Emhlabeni ohlanekezelwe, abantu bakaNkulunkulu bazohluka ngaziphi izindlela-na?**
4. **Ngingagwema kanjani isiphelo sikaBalamu-na?**
5. **Chaza umehluko wesimo phakathi kukaJohane owonayo noJudas owonayo-na?**

# Ukuthokozela Ukukhanya Kwasezulwini

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho owaziyo ukwenza okuhle engakwenzi kuyisono kuye " (Jakobe 4:17).**

"Kusho ingelosi: 'Uma ukukhanya kufika, futhi lokhu kukhanya kubekelwa eceleni noma kwenqatshwe, bese kulandela isijeziso nentukuthelo kaNkulunkulu; kodwa ngaphambi kokuba kufike ukukhanya, asikho isono, ngoba akukho ukukhanya abangakwenqaba."- *Counsels on Health,* p. 548.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 695-711.

## *NgeSonto* ***Ncwaba 25***

### 1. IZINKINGA ZESIMO SETHU

**a. UPeter uchaza kanjani isiphelo sobothishela bamanga-na? 2 Peter 2:20.**

"Abafundisi bamanga, abavuka phakathi kwebandla futhi babalwa njengabaneqiniso ngabazalwane babo abaningi enkolweni, umpostoli ubafanisa 'nemithombo engenawo amanzi, amafu aqhutshwa yisiphepho; kubona kugcinelwe inkungu yobumnyama ingunaphakade.' 'Khona isiphetho sakamuva sibi kakhulu kubo,' esho, 'kunesokuqala.'"-*The Acts of the Apostles,* p. 535.

**b. Yimaphi amazwi angaphelelwa yisikhathi asisiza ukuba sigcine umbono uvuthiwe nokukhetha okuhlakaniphile okunqumayo lapho abanye besibukela phansi noma belinga ukubekezela kwethu-na? Umshumayeli 7:8.**

"Abaningi bathanda ukududwa futhi babheka ngomona ukudikibala noma ukunganakwa. Kukhona umoya olukhuni, umoya ongathetheleli. Kukhona umona, ukuxabana, kanye nokulingisa….

"Lapho ulwa ngamandla ukuba ngowokuqala, khumbula ukuthi uzoba ngowokugcina emuseni kaNkulunkulu uma wehluleka ukwazisa umoya omnene nowokuthobeka. Ukukhukhumala kwenhliziyo kuzobangela abaningi ukuba behluleke lapho bebengase baphumelela khona. 'Ukuthobeka kwandulela udumo,' onomoya obekezelayo ungcono kunoziphakamisayo."- *Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 50.

## 2. IMIFANEKISO ETHOKOZISAYO

**a. Yikuphi uPeter abhekisa kukho ukusivusa-na? Izaga 26:11; 2 Peter 2:20-22.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Umhlaba usukulungele ukubhujiswa kwawo. UNkulunkulu angakwazi ukubekezelela izoni kodwa okwesikhashana. Kufanele baphuze indebe yolaka Lwakhe engaxutshwanga nesihe….Masinyane kuzokwaziwa ukuthi ngubani osehlangothini lweNkosi, lowo ongeke abenamahloni ngoJesu. Labo abangenaso isibindi sokuziphatha ngenxa kanembeza ukuthatha indawo yabo phambi kwabangakholwa, bashiye imfashini yomhlaba, futhi balingise ukuphila kukaKristu kokuzidela, benamahloni Ngaye, futhi abathandi isibonelo Sakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 287.

**b. UKristu usixwayisa kanjani indlela efanayo yokwehluleka ukulondoloza ukuxhumana okuthobekile, nokwencika Kuye-na? Luka 11:24-26.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Indlu ehlotshisiwe ifanekisa umphefumulo ozenzisayo. USathane uxoshwa nguKristu. Kodwa uzobuyela, ngethemba lokuthola intuba. Uma ethola indlu ingenalutho, ishaneliwe, futhi ihlotshisiwe. Ukuzenzisa kuphela okukhona lapho. 'Khona-ke abesehamba, azithathele abanye omoya abayisikhombisa ababi kunaye; bangene bahlale lapho, ukugcina kwalowomuntu kube-kubi kunokwakuqala.'

"Ukuzenzisa kuyisiqalekiso, ukuzivunulisa komuntu, lokho uSathane akusebenzisela udumo lwakhe. Labo abahlobisa umphefumulo ngokuzincoma nokuziduda balungisa indlela yemimoya eyisikhombisa emibi kakhulu kuneyokuqala. Ngokwamukela kwabo iqiniso lemiphefumulo iyazikhohlisa. Yakhela phezu kwesisekelo sokuzenzisa. Imikhuleko yebandla ingalethwa kuNkulunkulu ngomjikelezo wezinkonzo ezivamile, kodwa uma inikelwa ngokuzenzisa uNkulunkulu akahlonishwa yibo. INkosi ithi, 'Ngiyakumemezela ukulunga kwakho nemisebenzi yakho, ngokuba ayiyikukusiza, naphezu kwakho konke ukuzihlobisa kwabo, indawo yabo ehlotshisiwe uSathane ungena nebutho lezingelosi ezimbi futhi athathe indawo yakhe emphefumulweni, ukusiza enkohlisweni. Umpostoli uyabhala, uma emva kokuphunyuka ekungcoleni kwelizwe ngokwazi iNkosi noMsindisi uJesu Kristu, baphinde bahileleke kukho, futhi bahlulwe, isiphelo sabo sokugcina sibi kunesokuqala. Ngokuba ngabe kwabangcono kubo ukuba babengayazanga indlela yokulunga kunokuba sebeyazile bafulathele umyalo ongcwele abanike wona."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1093.

## *Ngolwesibili* ***Ncwaba 27***

### 3. UKUHLALA EKUKHOLWENI

**a. Kungani sitshelwa ngokusobala ukuthi "sihlale njalo" kuKristu-na? Kolose 1:21-23.**

"Akudingeki ukuthi ngabomu sikhethe inkonzo yombuso wobumnyama ukuze siphile ngaphansi kokubusa kwawo. Kufanele sidebesele ukuzihlanganisa nombuso wokukhanya. Uma singabambisani nezithunywa zezulu, uSathane uzothola indawo enhliziyweni, futhi ayenze ibe yindawo yakhe yokuhlala. Isivikelo sobubi singukuhlala kukaKristu enhliziyweni ngokukholwa ekulungeni Kwakhe. Ngaphandle kokuthi sixhumane ngempela noNkulunkulu, asikwazi ukumelana nemiphumela engcolile yokuzithanda, ukuzitika, kanye nesilingo sokona. Singase sihlukane nemikhuba eminingi emibi, noma kungaba isikhathi sokuhlukana nexuku likaSathane; kodwa ngaphandle kokuxhumana okubalulekile noNkulunkulu, ngokuzinikela kwethu Kuye umzuzu nomzuzu, sizonqotshwa. Ngaphandle kokwazana noKristu, kanye nokuxhumana okuqhubekayo, sisemseni wesitha, futhi sizokwenza intando yaso ekugcineni."-*The Desire of Ages,* p. 324.

**b. Chaza ukulingana okuhle okufanele sikuqonde ngokulungisiswa ngokukholwa egameni likaJesu. Roma 3:24-26; Heberu 6:4-6; 10:26, 27.**

____________________________________________________________________________

"Lowo owaphulukisa ogulayo futhi wakhipha amademoni lapho ehamba phakathi kwabantu usenguye uMhlengi onamandla nanamuhla. Ukukholwa kuvela ngezwi likaNkulunkulu. Ngakho-ke bamba isithembiso Sakhe, 'Ozayo Kimi angisoze ngamlahlela ngaphandle.' Ziphonse ezinyaweni Zakhe ukhale uthi, Nkosi, 'Ngiyakholwa; siza ukungakholwa kwami.' Awusoze wabhubha uma ukwenza lokhu-ngempela."-*The Desire of Ages,* p. 429.

"Njengoba isoni sibheka emthethweni, icala laso lenziwa sobala kuso, licindezelekile kunembeza waso, futhi siyalahlwa. Induduzo nethemba laso litholakala kuphela ekubhekeni isiphambano saseKhalvari. Lapho siphikelela ezithembisweni, samukela uNkulunkulu njengokwezwi Lakhe, impumuzo nokuthula kufika emphefumulweni waso. Siyamemeza sithi, Wena uthembisile ukusindisa bonke abeza Kuwe ngeNdodana Yakho. Ngidukile, ngiswele, anginathemba. Nkosi ngisindise, noma ngiyabhubha.' Ukholo lwaso lubambelela kuKristu, futhi siyalungisiswa phambi kukaNkulunkulu. "Kodwa noma uNkulunkulu elungile, nokho ulungisisa isoni ngokufaneleka kukaKristu, akukho umuntu ongemboza umphefumulo wakhe ngezingubo zokulunga kukaKristu uma esenza izono ezaziwayo, noma anganaki imisebenzi eyaziwayo. UNkulunkulu udinga ukuzinikela okuphelele kwenhliziyo, ngaphambi kokuba ukulungisiswa kuthathe indawo; futhi ukuze umuntu agcine ukulungisiswa, kufanele kubekhona ukulalela okuqhubekayo, ngesenzo, ukuphila ngokukholwa okusebenza ngothando futhi kuhlanze umphefumulo."-*Selected Messages*, bk. 1, pp. 365, 366.

## Ngolwesithathu *Ncwaba 28*

### 4. UKUPHILA EKUKHANYENI

**a. Sibusisekile ngokukhanya okukhulu okuvela eZulwini, kuyini okufanele sikukhumbule uma sizimisele ngensindiso yethu-na? Jakobe 4:17.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Uma kukhulunywa nabantu ngendaba yezempilo, bavame ukuthi: 'Sazi kangcono kakhulu okuphathelene nathi. Abaqapheli ukuthi banesibopho sayo yonke imisebe yokukhanya ephathelene nokuphila kwabo ngokomzimba, nokuthi yonke imikhuba yabo ivulekele ekukhlolweni kuNkulunkulu. Impilo yomzimba akufanele iphathwe ngendlela engahlelekile. Zonke izitho, yonke imisipha yomzimba, kufanele ivikelwe ngokungcwele emikhubeni eyingozi."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 372.

**b. Ngezimpawu eziningi zeqiniso lanamuhla ngeyiphi imvuselelo edingekayo (impilo isibonelo esisodwa nje), ifinyelela kude kangakanani imiphumela yezinqumo zethu zansuku zonke-na? Roma 14:21; Jeremiya 13:20.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Indaba yemvuselelo yempilo ithe yethulwa emabandleni; kodwa ukukhanya akuzange kwamukelwe ngenjabulo. Ukuzifunela, ukuzitika okubulala impilo yabesilisa nabesifazane kuthe kwamelana nomfutho wesigijimi esilungiselela abantu usuku olukhulu lukaNkulunkulu. Uma amabandla elindele amandla, kufanele aphile iqiniso lelo uNkulunkulu abanike lona. Uma amalunga ebandla enqaba ukukhanya kulendaba, azovuna umphumela oqinisekile wokuwohloka ngokwesimoya nangokomzimba. Nomfutho wamalunga amadala ebandleni azoletha umfuutho kulabo abasanda kungena enkolweni. INkosi ayisebenzi manje ukuletha imiphefumulo eminingi eqinisweni, ngenxa yamalunga ebandla angazange aphenduka nanini nalabo abake baphenduka kodwa babuyela emuva. Mfutho muni lamalunga angawuletha kwabasanda kuphenduka-na? Bebengeke yini benza ize isigijimi sikaNkulunkulu abantu Bakhe okufanele basishumayele-na?"-Ibid., p. 370.

**c. Ngenxa yokuziphendulela okusindayo okuphezu kwabo bonke abaphathiswe ukukhanya okuvela eZulwini-ukukhanya kwanamuhla, kuncenga kuni okuzwakalayo okwehlela kithi manje-na? Jeremiya 3:12, 13; Amahubo 32:5.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

## *Ngolwesine* ***Ncwaba 29***

## 5. UKUQHUBEKELA PHAMBILI

**a. Chaza okunye ukuncenga okufanele ibandla likaNkulunkulu eliphila ezikhathini eziyinselelo. Heberu 5:13, 14; 6:1; Filiphu 2:14, 15.**

"Emabandleni ethu wonke kufanele kubekhona ukuphenduka kabusha kanye nokuzinikela emsebenzini. Angeke yini, emsebenzini wethu esikhathini esizayo nasemihlanganweni esiyibambayo, sibe nhliziyo-nye-na? Angeke yini silwe noNkulunkulu ngomkhuleko, sicele ukuba uMoya Ongcwele ungene enhliziyweni ngayinye-na? Ubukhona bukaKristu, obubonakala phakathi kwethu, kuzokwelapha ubulephero bokungakholwa okwenza inkonzo yethu ibe-buthakathaka futhi inganelisi. Sidinga umoya wokuphila okungcwele uphefumulelwe kithi. Kufanele sibe imizila leyo iNkosi ezothumela ukukhanya nomusa emhlabeni. Abahlehlela emuva kufanele babuyiselwe. Kufanele sidele izono zethu, ngokuvuma nokuphenduka sithobise izinhliziyo zethu ezizidlayo phambi kukaNkulunkulu. Izikhukhula zamandla esimoya kufanele zithululwe phezu kwalabo abalungele ukuzamukele."-*Testimonies for the Church,* vol. 8, p. 46. [Ukugcizelela koMbhali.]

"Noma ngabe uyini umsebenzi wenu, bazalwane abathandekayo nodade, kwenzeleni iNkosi, nenze konke okusemandleni enu. Ungadembeseli amathuba amahle akhona manje futhi uvumele ukuphila kwakho kube ngubufakazi bokwehluleka lapho uhlezi ungenzi lutho uphupha ngokunethezeka nempumelelo emsebenzini uNkulunkulu angakaze akufake kuwo. Yenza umsebenzi oseduze kwakho. Wenze, ngisho nalapho uphakathi kwengozi nobunzima ensimini yokuvangela; kodwa, ngiyakuncenga, ungakhonondi ngobunzima nokuzinikela kwakho. Bheka amaWaldenses. Bona ukuthi yimaphi amasu ongawaceba ukuthi ukukhanya kwevangeli kukhanyise ezingqondweni zabangazi lutho. Masingasebenzi ngokulindela umvuzo kulokhu kuphila, kodwa ngamehlo ethu agxile ngokukhuthazela phezu komklomelo ekugcineni komjaho. Abesilisa nabesifazane bayadingeka manje ukuqinisekisa emsebenzini njengenaliti embotsheni, abesilisa nabesifazane abazosebenza ngaphandle kokuthi indlela yabo yenziwe bushelelezi nasosonke isikhubekiso sisuswe."-*Colporteur Ministry,* p. 68.

## *Ngolwesihlanu* ***Ncwaba 30***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ingabe ngiye ngacabanga okubi kakhulu lapho othile ebonakala engangamukeli-na?**
2. **Yziphi izindlela zokuzenza olungile ezizozembula ngayo kulezinsuku zokugcina-na?**
3. **Ngingathola kanjani futhi ngigcine ukulungisiswa ngokukholwa egazini likaKristu-na?**
4. **Yiziphi izindawo zokuphila izenzo ezidinga ukubonisa kangcono lokho engikwaziyo-na?**
5. **Lapho ngilingeka ukuba ngikhononde, kuyini okufanele ngikukhumbule-na?**

## *Umnikelo WeSabatha Lokuqala*
## *Uya kwiAngolan Union Headquarters*

I SDARM Northeast Angolan Field yahlelwa ngonyaka ka-2015 yiGeneral Conference, ukuphatha izifunda ezintathu- esaseKwanza-North, iUige, naseMalanje. I Latha yakhiwe phakathi kwendlunkulu ese-North Central Angolan Field. Isifunda sinendawo engange 181,110 km2 nesilinganiso sabantu abahlala kuso bangu 3,550,774. I SDARM yafika kulesifunda ngonyaka ka1978 yaqala kancane kancane. Nokho, ngonyaka ka 1990, ngomusa kaNkulunkulu, ekugcineni umsebenzi wasekwa kulesifunda futhi kusukela ngalesosikhathi isigijimi siqhubekela phambili. Ingqubekela phambili ebonakalayo yenziwe nesigijimi seqiniso lanamuhla sifinyelele ezindaweni eziningi eziseduze nesifunda.

Isidingo sethu namuhla isakhiwo sehovisi namagumbi ezisebenzi eziqhashiwe zeAngolan Union, negumbi lezincwadi, kanye neholo lemihlangano yombuthano.

Siye safuna umhlaba endaweni ehlala abantu lapho kuzobalula ukufinyelela kuyo. Siyathemba ukuthi kulendawo sizokwakha izakhiwo ezidingekayo ezizokwazi ukumela kahle umsebenzi kaNkulunkulu kulesifunda.

“Uma sicabanga ngomsebenzi ophambi kwethu, sidinga uhlelo lokuphatha oluzosivumela ukwenza amasu nokuceba izenzo zohlelo oluphelele-ngokugcina engqondweni ukuthi ‘[UNkulunkulu] udinga imfanelo nohlelo kuqashelwe ezindabeni zebandla namuhla ukudlula isikhathi esingaphambili. Ufisa ukuthi umsebenzi Wakhe uqhubekele phambili ngokucophelela nangomthetho ukuze abeke phezu kwawo uphawu lokuvuma Kwakhe. UMkrestu kufanele ahlangane noMkrestu, ibandla nebandla, izisetshenziswa ezingabantu ukusizana nobungcwele, isithunywa ngasinye sithobele uMoya Ongcwele, bonke bahlangane ekunikeni umhlaba izindaba ezimnandi zomusa kaNkulunkulu.”-*The Acts of the Apostles,* p. 96.

Isigijimi sensindiso kufanele sifinyelele ezizweni zonke, futhi siyazi ukuthi uJehova ‘akayikudangala, aphele amandla, aze amise ukwahlulela emhlabeni; neziqhingi ziyakuhlalela umthetho wakhe“(Isaya 42:4).

Ngalokhu sicela abazalwane nodade emhlabeni wonke basisize ngokunikela ngesihle umnikelo oqondene nalomsebenzi ukusisiza sihambise ivangeli kwimiphefumulo kulendawo ebanzi kangaka yaseAngola. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu inganibusisa kakhulu.

*Abazalwane nodade abavela eNorthren Angola Union*

**Isifundo 10** **ISabatha, Mandulo 7, 2024**

# Ukuqinisa Ingqondo Yethu

**IVESI LEKHANDA: "Lencwadi, bathandekayo, isingeyesibili enginilobela yona, engivusa ngazo ingqondo yenu emhlophe ngokunikhumbuza" (2 Peter 3:1).**

"Kufanele njalo sibale izibusiso zethu. Kufanele sizibuthele ndawonye futhi sizilengise kwiholo lezikhumbuzo. Sithombe sini ongasilengisa lapho namuhla."-*The Review and Herald,* Ndasa 26, 1889.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church* vol. 5, pp. 671-691.

## *NgeSonto* *Mandulo 1*

### 1. ISICELO KWIHOLO LENKUMBULO

**a. Kungayiphi indlela futhi kungani uPeter encenga amandla enkumbulo yethu-na? 2 Peter 3:1.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Uma abesilisa nabesifazane bangaqondisisa ngokuphelele ubukhulu bomhlatshelo omkhulu owenziwa INkosi yasezulwini ngokufa esikhundleni somuntu, khona-ke icebo lensindiso lizokhuliswa, futhi ukucabanga ngeKhalvari kuzovusa imizwa ethambile, engcwele, nephilayo enhliziyweni yamaKrestu. Ukudumisa uNkulunkulu neWundlu kuzoba sezinhliziyweni nasezindebenzi zabo. Ukuzigabisa nokuzazi angeke kuchume ezinhliziyweni ezigcina zizintsha izinkumbulo zezehlakalo zaseKhalvari. Umhlaba uzobonakala njengento encane kuphela kulabo ababonga inani elikhulu lokuhlengwa komuntu, igazi eliyigugu leNdodana kaNkulunkulu ethandekayo. Yonke ingcebo yomhlaba ayinalo inani elanele lokuhlenga umphefumulo owodwa obhubhayo. Ngubani ongalinganisa uthando lukaKristu aluzwa ngomhlaba odukile lapho elenga esiphambanweni, ehlupheka ngenxa yezono zabantu abanecala-na? Loluthando lwalungenakulinganiswa, futhi alunamkhawulo."-*Testimonies for the Church* vol. 2, p. 212.

"Maye, uma wonke amandla adukisayo ebenikezelwa kumgomo owodwa omkhulu-amalungiselelo anothile omusa kaNkulunkulu alokuphila-yibuphi ubufakazi obungalengiswa kumaholo enkumbulo, obulandisa ngomusa nesihawu sikaNkulunkulu!...Khona-ke lomkhuba wawuzothwala kanye nathi njengesimiso esihlala njalo ukukhulisa amagugu esimoya ngobuqotho nokuphikelela njengabathanda ilizwe abasebenzela izinto zasemhlabeni nezinto zesikhashana."-*Our High Calling,* p. 188.

## 2. OKUFANELE SIKUGCINE ENGQONDWENI YETHU

**a. Kuyini okufanele kuze kuqala kithi ukuba sikukhumbule, futhi kungani-na? 2 Peter 3:2. Amahubo 119:11.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Izilingo kaningi zibonakala zingenakuvinjelwa ngoba, ngenxa yokunganaki ukukhuleka nokufunda iBhayibheli, lowo olingwayo akanakho ukukhumbula ngokushesha izithembiso zikaNkulunkulu futhi ahlangabezane noSathane ngezikhali zeMibhalo. Kodwa izingelosi zizungeza labo abazimisele ukufundiswa izinto ezingcwele; futhi ngesikhathi esifanele ziletha emkhumbulweni wabo amaqiniso adingekayo. Kanjalo 'Ngokuba uyakufika njengomfula okhahlamezayo, uMoya kaJehova uzakuphakamisa ibhanela kuye.' Isaya 59:19.

"UJesu wathembisa abafundi Bakhe: 'Umduduzi, onguMoya Ongcwele, lowo uBaba ayakumthumela egameni lami, Uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona.' Johane 14:26. Kodwa izimfundiso zikaKristu kwakufanele zigciniwe engqondweni ukuze uMoya kaNkulunkulu usikhumbuze ngesikhathi sobungozi."-*The Great Controversy,* pp. 599, 600.

**b. Yisho izibonelo ezigcizelela ukubaluleka okunamandla kokugcina ezingqondweni zethu emlandweni nezimfundiso zeBhayibheli-na? Luka 1:67-70; Izenzo 3:20, 21.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"IBhayibheli lingumlando wasendulo futhi liphelele kunawo wonke umuntu angabanawo. Liphuma lilisha emthonjeni weqiniso eliphakade, futhi ezikhathini zonke isandla esingcwele sithe sagcina ukucweba kwalo. Likhanyisa isikhathi esedlule, lapho ucwaningo lomuntu oluyize luzama ukungenelela. Kusezwini likaNkulunkulu kuphela lapho esibona amandla abeka izisekelo zomhlaba naneka amazulu. Kulapha kuphela sithola ukulandisa okuyiqiniso kwemvelaphi yezizwe. Kulapha kuphela kunikezwa umlando wohlanga lwethu olungangcoliswa ukuzigabisa komuntu noma ubandlululo."-*Education,* p. 173.

"Ingqondo yami ithwele kanzima indaba yokubhala umlando weTestamende Elidala. Kuyangikhathaza ukubona abafowethu nodadewethu beletha nsuku zonke amaqiniso amancane eBhayibheli. Ukuze sibe ngabanqobi kufanele siqonde ukuthi kukhona impi okufanele siyilwe. Masijabulele ukwazi ukuthi ngamandla aqinisayo omusa kaNkulunkulu siqinisekisa ukuthi siyanqoba. UNkulunkulu unamandla ngaphezu kwamandla onke esitha esiwileyo."-*The Bible Training School,* Nhlangulana 1, 1903.

## 3. ISIBONAKALISO ESIYISIPROFETHO SIYAGCWALISEKA

**a. Kuyini okwenzeka ezinsukwini zokugcina ukunyakazisa ukholo lwabaningi-na? 2 Peter 3:3.**

____________________________________________________________________________

"Indlela evamile yokufundisa abasha ayihlangabezani nezinga lemfundiso yangempela. Umuzwa wongakholwa uhlanganiswa nendaba ebekwa ezincwadini zesikole, futhi izibikezelo zikaNkulunkulu zibekwe ekukhanyeni okungabazekayo noma okungamukeleki. Kanjalo izingqondo zabasha ziyajwayelana nemibono kaSathane, futhi uma ukungabaza kuthe kwathokozelwa kanye kuphenduka kulabo abakuthokozelayo, baqinisekisa imicijo, kanye nokucwaninga kwesayensi kwenziwa kudukise ngenxa yendlela okuqanjwa ngayo nokucaciswa kwayo kuyahlanekezelwa. Abantu bazibophezela ekubambeni izwi likaNkulunkulu phambi kwenkantolo yokugcina, futhi isigwebo simenyezelwa ngokufunzelelwa nguNkulunkulu ngokwesilinganiso esingapheli, futhi neqiniso likaNkulunkulu lenziwa libonakale njengento engaqinisekile phambi kwerekhodi lesayensi….Lapho esikhundleni sokufunzelela ukukholwa kulabo abangabazayo, bavuma ukungaqiniseki kwabo ngokuthi izwi likaNkulunkulu noma okutholwe yisayensi, okubizwa ngokungeyikho, kuyiqiniso. Labo abaqaphela ngempela baye babenza ukuba bantengantenge okholweni lwabo ngenxa yokungabaza kwalabo ababethi bangabachasi beBhayibheli lapho besebenzelana nezibikezelo eziphilayo. USathane usebenzise ithuba lokungaqiniseki kwengqondo, futhi ngokusebenzisa izithunywa ezingabonakali, uthe wazigcwalisa ngolwazi lwakhe, futhi wabangela abantu ukuba bakhungatheke kwinkungu yokungabaza."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 329.

**b. Yimuphi umyalo uPawule awusebenzisayo kulendaba namuhla-na? 1 Thimothi 6:20.**

____________________________________________________________________________

"Ukungaguquki kwemvelo kuthe kwagxilwa phezu kwakho, futhi imibono engabazayo ithe yamukelwa kalula yilabo izingqondo zabo zikhetha umoya wokungabaza, ngoba bengavumelani nomthetho kaNkulunkulu ongcwele, isisekelo sombuso Wakhe ezulwini nasemhlabeni. Imikhuba yemvelo yabo ebubini yenza kubelula kubo ukukhetha izindlela zamanga, nokungabaza ukuthembeka kokubili imibhalo yeTestamende Elidala neLisha kanye nomlando. Kunobuthi besiphambeko kubona, bathe babheka wonke amathuba okutshala imbewu yokungabaza ezingqondweni zabo. Imvelo iphakanyiswa ngaphezu kukaNkulunkulu wemvelo, nobulula benkolo buyachithwa; isisekelo sokukholwa senziwa sibonakale njengesi-ngaqondwa kahle. Ukusambathekisa kokungakholwa, izingqondo zalabo abangabazayo zishiywa ukuba ziwele emadwaleni okungathembeki."-Ibid.

## 4. UGQOZI OLUHLOSIWE

**a. Ngaphandle kokubukela phansi igunya Lemibhalo Engcwele, yikuphi okunye agxila kukho ekuhlaseleni okubi kukaSathane-na? Isambulo 12:17; 19:10.**

________________________________________________________________________

"Yicebo likaSathane ukwenza buthakathaka ukholo lwabantu bakaNkulunkulu ebuFakazini. Bese kulandela ukungabaza maqondana nemicijo ebalulekile yokukholwa kwethu, izinsika zokholo lwethu, bese kuba ukungabaza imiBhalo engcwele, bese kuba uhambo oluhlehlayo oluya ekubhujisweni. Lapho ubuFakazi, ababekukholelwa ngaphambili, bungatshazwa futhi buyekwa, uSathane uyazi ukuthi abakhohlisile ngeke bagcine lapha; futhi uphinda phinda imizano yakhe aze abafake ekuhlubukeni okusobala, okungalapheki futhi kuphelele ekubhujisweni."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 211.

"Inkohliso yokugcina kaSathane ukwenza kungaphumeleli ubufakazi boMoya kaNkulunkulu. 'Lapho kungekho-mbono khona, abantu bayadlubulunda.' Izaga 29:18. USathane uzosebenza ngokuhlakanipha, ngezindlela ezingafani nangezithunywa ezahluka-hlukene, ukuyaluzisa ithemba labantu abayinsali bakaNkulunkulu ebufakazini beqiniso. Uzoletha imibono yamanga, ukudukisa nokuxubanisa amanga neqiniso, futhi acunule abantu ukuba babheke yonke into bathwele igama lemibono, njengohlobo lokuzenzisa; kodwa ukuthembeka kwemiphefumulo, nokulinganisa amanga neqiniso, ukunika amandla okuhlukanisa phakathi kwabo."-*The Faith I Live By,* p. 296.

**b. Kuyini okwenzeka kulabo abakholwa yisigijimi sengelosi yesithathu beqala ukungabaza UBufakazi-futhi ngokuvamile, kungani bekwenza lokhu-na? Johane 3:19, 20.**

________________________________________________________________________

"Ngiyayazi ingozi yakho. Uma ulahlekelwa ithemba ebufakazini uzosuka eqinisweni elivela eBhayibhelini. Ngiyesaba ukuthi abaningi bazoba nombuzo, isimo sokungabaza, futhi ekudidekeni kwabo ngenxa yemiphefumulo yenu ngiyanixwayisa. Bangaki abazoqaphela isixwayiso-na? Njengoba namuhla ubambelela ebufakazini, ingabe kufanele unikezwe ukuwela, ukulungisa amaphutha, ungazizwa ukhululekile ukwamukela noma ukwenqaba noma iyiphi ingxenye noma yonke-na? Lokho othambekela ukukuthola iyona kanye ingxenye edingeka kakhulu. UNkulunkulu noSathane abakaze basebenze ngokubambisana. Ubufakazi bunophawu lukaNkulunkulu noma olukaSathane. Umuthi omuhle ungathela isithelo esibi, nomuthi omubi isithelo esihle. Niyakubazi ngezithelo zabo. UNkulunkulu ukhulumile. Ngubani othuthumela ngezwi Lakhe-na?"-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 98.

## *Ngolwesine* **Mandulo 5**

## 5. UKULONDOLOZA IZIGIJIMI ZANAMUHLA

**a. Kungani kubalulekile ukulalela ubufakazi uNkulunkulu abuthumela kubantu Bakhe ngoMoya wesiprofetho, kakhulu ezinsukwini zokugcina-na? Izaga 29:18 (inxenye yokuqala); Hoseya 12:13; 2 Izikronike 20:20 (inxenye yokugcina).**

"INkosi Ibiza ukuvuselelwa kobufakazi obuqondile obanikezwa eminyakeni edlule. Ubiza ukuvuselelwa kokuphila kwesimoya. Sekuyisikhathi eside amandla esimoya sabantu Bakhe andikindiki, kodwa kuzoba novuko ekufeni okusobala. Ngomkhuleko nokuvuma izono kufanele sivule indlela yeNkosi. Njengoba sikwenza lokho, amandla oMoya azokuza. Sidinga amandla epentekoste. Lokhu kuzokuza; iNkosi ithembesile ukuthumela uMoya Wayo njengamandla onke anqobayo.

"Izikhathi eziyingozi kakhulu ziphambi kwethu. Wonke onolwazi lweqiniso kumele avuke, azibeke endaweni, umzimba, umphefumulo, ngaphansi kwempatho kaNkulunkulu. Isitha sisendleleni yethu. Kufanele siphaphame, kumele sisiqaphele. Kufanele sihlome ngazo zonke izikhali zikaNkulunkulu. Kufanele silandele imiyalo enikezwe nguMoya wesiprofetho. Kufanele sithande futhi silalele iqiniso lanamuhla. Lokhu kuzosisindisa ekwamukeleni izinkohliso ezinamandla. UNkulunkulu ukhulumile kithi ngezwi Lakhe. Ukhulumile kithi ngobufakazi ebandleni, nangezincwadi ezisisizayo ukwenza kubesobala umsebenzi wethu nendawo okumele manje siyigcwalise. Izixwayiso zithe zalethwa, umugqa phezu komugqa, isimiso phezu kwesimiso, kufanele ziqashelwe. Uma singazinaki, kuzithethelela kuni esingakuletha?

"Ngincenga labo abasebenzela iNkosi ukuba bangamukeli amanga ngenxa yeqiniso. Ungavumeli umcabango womuntu ubekwe lapho iqiniso elingcwelisayo okumele libekhona. UKristu ulindele ukokhela ukholo nothando ezinhliziyweni zabantu Bakhe. Makungabikho imibono ephambukile ezothola ukubukwa ngabantu abathi bemi beqinile endaweni yeqiniso laphakade. UNkulunkulu uyasibiza ukuba sibambe ngokuqinile izimiso eziqavile ezisekelwe phezu kwegunya elingenakuphikiswa."-*Gospel Workers,* pp. 307, 308.

## *Ngolwesihlanu* **Mandulo 6**

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Yiziphi izinkumbulo engigxila kuzo lezo okumele zisuswe kungene ezingcono-na?**
2. **Ngingalungiselela ngcono kanjani isilingo esikhulu esizayo ngibhekane naso ngokuqina-na?**
3. **Yiziphi izimpawu zemfundo yami ezisebenza ngokuphambene nenkolo yami-na?**
4. **Kungani isitha semiphefumulo sizimisele ukwenqaba UBufakazi-na?**
5. **Kungani kufanele ngichithe isikhathi esiningi futhi ngithokozele ukuzifunda-na?**

# Isikhathi Esingeziwe Ngenjongo

**"IVESI LEKHANDA: "INkosi ayilibali ngesithembiso sayo, njengalokhu abanye bathi kungukulibala, kepha iyanibekezelela, ingathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni" (2 Peter 3:9).**

"Lapho thina, kanye nabo bonke abahlengiweyo, sizokuma phezu kolwandle lwengilazi, siphethe amahabhu egolide nemiqhele yenkazimulo, naphambi kwethu ubukhulu baphakade, khona-ke sizobona ukuthi isikhathi sokulinda sokuhlolwa sifushane kangakanani."*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 485.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 183-199.

## *NgeSonto* *Mandulo 8*

### 1. SIBONANI-NA?

**a. Kuyini abeyisayo abavame ukuyisho njengezaba zokungabaza kwabo-futhi lesimo sibathinta kanjani abaningi abalindele iNkosi-na? 2 Peter 3:4; Isaya 56:12.**

__________________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________________

"Ukuthanda ilizwe kugcwalise imicabango yethu kangangokuthi amehlo ethu awabheki phezulu, kodwa abheke phansi emhlabeni. Siyaphuthuma, sihlanganyela ngentshiseko nokukhuthala kumabhizinisi ehlukene, kepha uNkulunkulu simkhohliwe, nengcebo yasezulwini ayaziswa kakhulu. Asikho endaweni yokulinda, nokubheka. Uthando lwezwe kanye nenkohliso yengcebo kudlula ukholo lwethu, futhi asikulangazeleli, nothando, lokubonakala koMsindisi wethu. Sizama kakhulu ukuzinakekela. Asikhululeki futhi kukhulu ukuntula kwethu ukwethemba ngokuqinile uNkulunkulu. Futhi iNkosi ayibenzeli okuningi, ngoba bengayiniki ithuba. Bazenzela okuningi kakhulu, bakholelwa futhi bathemba kancane kuNkulunkulu. Ukuthanda ilizwe kubambe kanzima abantu iNkosi ebayalile ukuthi balinde futhi bakhuleke bangaphezi. Funa ifike ngokuzumayo ibafumane belele."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 195, 196. 16

## 2. EKUGCINENI…NOMA MADUZE NJE?

**a. Chaza ukuthi ukweyisa kuvame kangakanani ukwenzeka ngisho naphakathi kwalabo abazibiza amakholwa angamaAdventist. Mathewu 24:48-51; Izaga 26:20-22; Roma 1:29-32.**

_______________________________________________________________________________

"Kodwa uma leyonceku embi ithi enhliziyweni yayo, 'INkosi yami ilibele.' Ayisho ukuthi uKristu angeke abuye. Ayideleli umbono wokubuya Kwakhe okwesibili. Kodwa enhliziyweni yakhe nangezenzo zakhe namazwi akhe amemezela ukuthi iNkosi ilibele. Uxosha ezingqondweni zabanye ukukholelwa ukuthi iNkosi iyabuya masinyane. Umfutho Wakhe uholela abantu ekungabazeni, nokugabadela ngokunganaki. Bayavuma ekuthandeni kwabo ilizwe kanye nokundweza. Ukuthanda ilizwe, umcabango owonakele, kuthatha indawo engqondweni. Inceku embi iyadla futhi iphuza nezidakwa, ihlangane nelizwe ukufuna injabulo. Iqale ukushaya izinceku ezikanye nayo, isole futhi ilahle labo abathembekile eNkosini yabo."-*The Desire of Ages,* p. 635.

**b. Sizokuma kanjani sihlukile kulabo ababheka ukubuya kukaKristu njengento ekude yesikhathi esizayo-na? Kolose 3:1-4.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Lapho ukunaka nokuthanda ilizwe kuphendukela kumabhizinisi ahlukahlukene, okwethu ukuba sibheke okwasezulwini; ukholo lwethu kufanele lufinyelele kude kwizimfihlakalo ezijabulisayo zengcebo yasezulwini, ludonse okuyigugu, imisebe engcwele yokukhanya okuvela kwitabanakeli lasezulwini kukhanye ezinhliziyweni zethu, njengoba kukhanya ebusweni bukaJesu. Abeyisayo baklolodela abalindile, nababhekile, bayabuza, siphi isithembiso sokufika Kwakhe. Udangele, hlanganyela nathi manje, futhi uzophumelela ezintweni zezwe. Zuza, thola imali, futhi uhlonishwe ngumhlaba. Abalindeli babheka phezulu baphendule. Sibhekile, futhi ngokufulathela injabulo yasemhlabeni nodumo lwezwe, nasekukhohlisweni ingcebo babonakalisa ukuthi bakulesosimo. Ngokubheka bathola amandla; banqoba ubuvila nokuthanda ukunethezeka, izinhlupheko zivutha umlilo phezu kwabo, nesikhathi sokulinda sibonakala siside. Kwesinye isikhathi bayadabuka, nokho amehlo abo abheke njalo ezulwini, bathi kwabamelene nabo. Ngibhekile, Ngilindele ukubuya kweNkosi yami. Ngizothokoza ezinhluphekweni, nasekusweleni."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 194, 195.

## 3. UKWAHLULELA KUSEBENZISA IZINTO ZEMVELO

**a. Yisiphi isehlakalo esibalulekile kakhulu emlandweni welizwe ngokuvamile obhekwa ngokunganakwa-na? Genesis 6:5-8; 7:23; 2 Peter 3:5, 6.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Ngaphambi kokubhujiswa komhlaba omdala ngozamcolo, kwakukhona amadoda anamathalenta, amadoda anamakhono nanolwazi. Kodwa bagcina ukonakala emicabangweni yabo, ngoba bamshiya uNkulunkulu kumacebo nezeluleko zabo. Babehlakaniphile ukwenza lokhu uNkulunkulu angazange abatshela ukuthi bakwenze, behlakaniphile ekwenzeni okubi. INkosi yabona ukuthi lesibonelo sizolimaza labo abazozalwa kamuva, ngakho yathathela lendaba ezandleni Zayo. Iminyaka eyikhulu namashumi amabili wabathumela izixwayiso ngenceku Yakhe uNowa. Kodwa basebenzisa lomusa omkhulu abanikwe wona ukweyisa uNowa. Bahlekisa ngaye futhi bemgcona. Babemhleka ngenxa yobuqotho bakhe obungavamile nomuzwa ojulile maqondana nezahlulelo amemezela ukuthi uNkulunkulu uzozifeza ngokuqinisekile. Babekhuluma ngesayensi nemithetho elawula imvelo. Base benza umkhosi ngaphezu kwamazwi kaNowa, bembiza ngokuthi uyahlanya. Ukubekezela kukaNkulunkulu kwase kuphelelwe ngamandla."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 1, p. 1090.

**b. Kuyini okulindelwe kulomhlaba ekugcineni-na? 2 Peter 3:7; Amahubo 11:6; 59:13.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Emathunjini omhlaba yilapho iNkosi igcina khona izikhali, yilapho yakhipha khona izikhali eyazisebenzisa ukubhubhisa umhlaba omdala. Amanzi asemathunjini omhlaba agqabuka, futhi ehlangana namanzi avela eZulwini, ukuphelelisa umsebenzi wokubhubhisa. Kusukela esikhathini sikazamcolo, uNkulunkulu uthe wasebenzisa kokubili amanzi nomlilo emhlabeni njengezithunywa zakhe ukuze abhubhise amadolobha onakele."-*Spiritual Gift,* vol. 3, p. 82.

"Umsebenzi wonke woyise wamanga ubhaliwe ezincwadini zasezulwini, futhi nalabo abazinikela enkonzweni kaSathane, ukuze baveze futhi balethe kubantu amanga kaSathane ngesimiso nangezenzo zabo. Impande negatsha kuzobhujiswa ngomlilo wezinsuku zokugcina. USathane, umongameli omkhulu wohlubuko, uyimpande, nazo zonke izisebenzi zakhe, ezifundisa amanga maqondana nomthetho kaNkulunkulu, zingamagatsha."-*SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 4, p. 1184.

## 4. UNKULUNKULU WAPHAKADE OWESABEKAYO

**a. Ukunikeza abantwana bakaNkulunkulu ukuthembela ezithembisweni Zakhe nethemba laphakade, ingabe ububanzi obungenamkhawulo boMdali wethu bufinqwa kanjani-na? Amahubo 90:4; 2 Peter 3:8.**

______________________________________________________________________

"Ifa lelo uNkulunkulu alithembise abantu Bakhe alikho kulomhlaba. UAbrahama akamnikanga ifa kulo, 'cha, ngisho nelingangonyawo.' Izenzo 7:5. Wayenemfuyo eningi, futhi wayisebenzisela inkazimulo kaNkulunkulu nokulunga kwabanye abantu; kodwa akazange abheke lomhlaba njengekhaya lakhe. UJehova wambiza ukuba aphume ezweni lakhe ashiye abantu bakubo abakhonza izithombe, wamthembisa ilizwe laseKhanana njengefa lakhe laphakade; kodwa yena noma indodana yakhe noma indodana yendodana yakhe abalamukelanga. Lapho uAbrahama efuna indawo yokumbela ofileyo wakhe, kwadingeka athenge umhlaba kumaKanani. Indawo yakhe kuphela eZweni Lesithembiso kwakuyithuna eliqoshwe edwaleni emhumeni waseMakhaphela.

"Kodwa izwi likaNkulunkulu alizange lihluleke; futhi alizange lihlangabezane nokugcwaliseka kwalo emsebenzini wokugcina ekuhlaliseni eKanana abantu bamaJuda. 'Manje-ke izithembiso zanikwa uAbrahama nenzalo yakhe' Galathiya 3:16. UAbrahama ngokwakhe wayezokwabelana nalelifa. Ukugcwaliseka kwesithembiso sikaNkulunkulu kungabonakala kwephuza-ngoba 'usuku lunye eNkosini lunjengeminyaka eyinkulungwane nokuthi iminyaka eyinkulungwane injengosuku lunye' (2 Peter 2:8); singabonakala sephuza; wulindele, ngokuba uyakufika nokufika 'awuyikwephuza' Habakuki 2:3."-*Patriachs and Prophets*, pp. 169, 170.

**b. Kuyini esingakuqaphele ngokubuya kukaKristu-na? 2 Peter 3:9; Nahume 1:3.**

______________________________________________________________________

"Ukubekezela kade kukaNkulunkulu kuyamangalisa. Ukulunga kuyalinda isikhathi eside, kuyilapho umusa uncenga isoni….

"Umhlaba unesibindi sokwephula umthetho kaNkulunkulu. Ngenxa yokubekezela Kwakhe isikhathi eside, abantu balinyathelele phansi igunya Lakhe. Beqinisa omunye komunye ukucindezela nangonya efeni lakhe, bathi, 'UNkulunkulu wazi kanjani-na? Imbala kukhona ukwazi koPhezukonke-na?' Amahubo 73:11. Kodwa kukhona umugqa ongaphezu kwalokho abangeke bakweqa. Isikhathi sesisondele lapho bazobe sebefinyelele kumkhawulo onqunyiwe. Ngisho namanje cishe sebedlule imikhawulo yokubekezela kade kukaNkulunkulu, umkhawulo womusa Wakhe, umkhawulo wobubele Bakhe. UJehova uzongenelela ukuphindisela udumo Lwakhe, akhulule abantu Bakhe, acindezele ukukhukhumala kokungalungi."-*Christ's Object Lessons,* p. 177.

*Ngolwesine* ***Mandulo 12***

## 5. ITHUBA LOKUPHENDUKA OKUJULILE

**a. Kungani kufanele sibonge kakhulu ngokubekezela kukaNkulunkulu-na? Amahubo 86:12-15.**

---

"INkosi iyathanda ukusisiza, ukuze isiqinise futhi isibusise; kodwa kufanele sidlule ohlelweni lokuhlanzwa kuze kufinyelele lapho konke ukungcola kwesimilo sethu kuyachithwa ngokuphelele. Wonke amalunga ebandla azoba ngaphansi kwesithando somlilo, kungesikho ukuba ashiswe, kodwa ukuze ahlanzwe."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 485.

"Ungabheki abantu noma ubeke amathemba akho phezu kwabo, unomuzwa wokuthi abanakuduka; kodwa bheka kuJesu njalo-njalo. Ungasho lutho okuzoletha ukusola enkolweni yethu. Vuma izono zakho ezifihlakele uwedwa phambi kukaNkulunkulu wakho. Vumela inhliziyo yakho izulazule Kuye owazi ngokuphelele ukuthi angaphatha kanjani udaba lwakho. Uma uthe waphatha kabi umakhelwane wakho, vuma kuye isono sakho ubonise isithelo esifanayo sokwenza ukubuyisana. Bese ubiza izibusiso. Woza kuNkulunkulu njengoba unjalo, futhi vuma ukuba elaphe bonke ubuthakathaka bakho. Cindezela udaba lwakho esihlalweni somusa; vuma ukuba umsebenzi upheleliswe. Qiniseka uma usebenza noNkulunkulu kanye nomphefumulo wakho. Uma uza Kuye ngenhliziyo ezisolayo ngempela, uzakunika ukunqoba. Kanjalo uzothwala ubufakazi obumnandi benkululeko, ulethe phambili ukubonga Kuye okubizile ukuba uphume ebumnyameni ungene ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo. Akasoze angaqondi noma akwahlulele ngokungafanele. Abangani bakho abasoze bakuxolele esonweni noma bakuhlanze ekungcoleni. UJesu Nguye kuphela ongakupha ukuthula. Uyakuthanda futhi wazinikela ngenxa yakho. Inhliziyo Yakhe enothando olukhulu 'ithintwa umuzwa wobuthakathaka bethu? 'Yiziphi izono ezinkulu kakhulu angeke azithethelela-na? Yimuphi umphefumulo omnyama kakhulu nesono esicindezelwa kangaka Kuye ukuba angasisindisi-na? Unomusa, akalindeli ukufaneleka kithi, kodwa ubuhle Bakhe obungenamkhawulo okwelapha ukuhlehlela nyovana kwethu futhi esithanda ngokukhululeka, lapho siseyizoni. Uyephuza ukuthukuthela, futhi ugcwele umusa;' 'uyasibekezelela, engathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke bafinyelele ekuphendukeni."-Ibid., p. 649.

***Ngolwesihlane*** ***Mandulo 13***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Yiziphi izici zelizwe ezingangiphazamisa ngisuke kuNkulunkulu-na?**
2. **Ngingaba necala kanjani lokushaya izinceku engikanye nazo, uma ngikhuluma ngokwesimoya-na?**
3. **Kungani kufanele ngihlakulele ukuqaphela okujulile ngesehlakalo somlilo ozayo-na?**
4. **Chaza ngefa likaAbrahama nabantwana bakhe (Galathiya 3:29).**
5. **Kungani kufanele ngibonge ngalesikhathi esincane esengeziwe futhi ngingasisebenzisa kanjani-na?**

# Abantu Abanjani-na?

**IVESI LEKHANDA: "Njengokuba konke kuyabhidlika kanjalo, kumelwe ukuba nibe-ngabantu abanjani ekuhambeni okungcwele nasekumesabeni uNkulunkulu" (2 Peter 3:11).**

"Ukushintshana esikwenzayo kokudela izifiso zokuthambekela nobugovu kulushintsho lwezinto ezingenamsebenzi nezidlulayo ukuze sithole okuyigugu nokuhlala njalo. Lokhu akuwona umhlatshelo, kodwa inzuzo engapheli….Noma yini uKristu asicela ukuba siyilahle, usinika okungcono kakhulu esikhundleni salokho."-*Education*, p. 296.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Early Writings,* pp. 52-54.
*The Great Controversy,* pp. 662-673.

## *NgeSonto* *Mandulo 15*

### 1. ABANGENAKUGWENYWA, BENGENAKUDAMBISWA

**a. Siboniswa kanjani ukwahlulela kokugcina okuphakeme-na? 2 Peter 3:10.**

__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________
__________________________________________________________________________

"Izulu elisha, nomhlaba omusha, (Isambulo 21:1. Isaya 65:17. 2 Peter 3:13.) Angeke kubonakale, kuze kube semva kokuthi ababi abafileyo bavusiwe, babhujiswe futhi, ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane (1000). Ngabona ukuthi uSathane 'ukhululiwe etilongweni lakhe,' ekupheleni kweminyaka eyinkulungwane (1000), futhi ngaleso sikhathi ababi babevusiwe; nokuthi uSathane uzakubadukisa ngokubenza bakholwe ukuthi bangawunqoba umuzi ongcwele wabangcwele. Ababi bonke bahamba balizungeza ikamu labangcwele,' noSathane ekhanda labo; futhi lapho sebelungele ukwenza umzamo wokuthatha umuzi, uSomandla waphefumulela phezu komuzi esihlaweni Sakhe sobukhosi esiphezulu, umoya womlilo oqothulayo, owehlela phezu kwabo, wabaqeda, 'impande negatsha.'

"Futhi ngabona, ukuthi njengoba uKristu engumvini, nabantwana Bakhe amagatsha: kanjalo uSathane 'uyimpande', nabantwana bakhe 'bangamagatsha;' futhi ngembhubhiso yokugcina 'uGogi noMagogi,' ibutho lonke lababi lizoshiswa, 'impande negatsha, futhi bayeke ukubakhona."-*A Word to the Little Flock*, pp. 11, 12.

## 2. UMHLABA UYAHLANJULULWA

**a. Abaprofethi beTestamende Elidala babonelela ngaphambili kanjani ukubhujiswa kokugcina kobubi nokuhlanzwa komhlaba-na? Isaya 34:8-10; Hezekeli 28:16-19.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Umlilo wehla uvela ezulwini. Umhlaba uphukile. Izikhali ezithukuswe ekujuleni kwawo zikhishiwe. Amalangabi omlilo ashwabadela kuwo wonke umhosha ozamulayo. Wona kanye amadwala ayavutha. Ngokuba bheka luyeza usuku, luvutha njengeziko. Kuyakusha konke, kubhidlike, nomhlaba nemisebenzi yawo kuyakusha. Malaki 4:1; 2 Peter 3:10. Ubuso bomhlaba bubonakala bufana nenqwaba encibilikisiwe, ichibi lomlilo elikhulu, elivuthayo. Kuyisikhathi sokwahlulela nokubhubha kwabantu abangamesabi uNkulunkulu'….

"Ababi bathola umvuzo wabo emhlabeni. Izaga 11:31. Bayakuba 'ngamabibi: luyakubashisa lolosuku oluzayo, usho uJehova-Sebawothi.' Malaki 4:1. Abanye babhujiswa ngokushesha, kanti abanye bahlupheka izinsuku eziningi. Bonke bajeziswa njengokwemisebenzi yabo, izono zolungileyo zidluliselwa kuSathane, akahlupheki ngenxa yezakhe kuphela kodwa nangenxa yezono zonke onisa ngazo abantu bakaNkulunkulu. Isijeziso sakhe sizoba sikhulu kunesabanye labo athe wabadukisa. Lapho bonke sebebhujisiwe abawe ngenxa yenkohliso yakhe, usazophila futhi ahlupheke. Ngamalangabi ahlanzayo ababi ekugcineni bayabhujiswa, impande negatsha-uSathane impande, abalandeli bakhe amagatsha. Isijeziso esiphelele somthetho sithe sahanjelwa; izimfuno zobulungisa zifeziwe; futhi izulu nomhlaba, bheka, zimemezela ukulunga kukaJehova."-*The Great Controversy*, pp. 672, 673.

**b. Chaza ubuhle benyathelo elilandelayo likaNkulunkulu-na? Isambulo 20:7-10, 15; 21:1, 2.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Lapho uNkulunkulu esehlanze ngokuphelele umhlaba, uzobonakala njengechibi lomlilo elingenamkhawulo. Njengoba uNkulunkulu alondoloza umkhumbi phakathi kwesiyaluyalu sikazamcolo, ngoba uqukethe abantu abayisishiyagalombili abalungile, uzolondoloza iJerusalema Elisha, eliqukethe abathembekile bezikhahi zonke, kusukela kuAbela olungileyo kwehlela kongcwele wokugcina ophilayo. Noma umhlaba wonke, ngaphande kwenxenye lapho kuhlezi khona umuzi, uzobe wembozwe ulwandle lwechibi lomlilo, kodwa umuzi uzogcinwa njengoba kwakunjalo emkhunjini, ngesimanga sikaSomandla. Uzakuma ungonakaliswa phakathi kwezinto ezishwabadelayo."-*Spiritual Gifts,* vol. 3, p. 87.

## 3. OKUNGOKOQOBO OKUSANGULUKISAYO

**a. Kuyini okufanele kube-yiqiniso lokugcina, neliwujuqu elizofikela abakhileyo emhlabeni okungasenza sikucabange-na? Amahubo 139:23, 24; 2 Peter 3:11.**

________________________________________________________________________

"Lapho iqiniso liba ngumfutho ongcwelisayo ezinhliziyweni zethu, singanikela kuNkulunkulu inkonzo eyamukelekayo futhi simdumise Yena emhlabeni, njengoba singabahlanganyeli bemvelo engcwele futhi sithe sabalekela ukonakala okukhona emhlabeni ngezinkanuko.

"Maye, bangaki abazotholakala bengalungile lapho iNkosi ibuya ukubalisana nezinceku Zayo! Abaningi banamacebo amakhulu okuthi kuyini okwakha uMkrestu. Ukulunga kwethu angeke kwasisiza ngalutho. Kuphela labo abazomelana nesilingo abazotholakala benokulunga kukaKristu, abathelwe ngomoya Wakhe, futhi bahamba njengoba aHamba, ngokuhlanzeka kwenhliziyo nokuphila. Inkulumo kufanele ibengcwele, kanjalo namazwi azonandiswa ngomusa."-*Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 317, 318.

**b. Chaza ukuzinikela okujulile esikudingayo ngokushesha. 1 Johane 2:6.**

________________________________________________________________________

"Wonke umphefumulo ngempela okholwa yiqiniso uzoba nemisebenzi evumelanayo. Bonke bazokhuthala futhi babenesizotha, futhi bengakhathali emizamweni yabo yokuzuza imiphefumulo kuKristu. Uma iqiniso liqala litshalwe ngokujulile emiphefumulweni yabo, khona-ke bazofuna ukulitshala ezinhliziyweni zabanye. Iqiniso eligcinwe kakhulu kwigceke elingaphandle. Lilethe ngaphakathi kwethempeli lomphefumulo, libeke ebukhosini benhliziyo, futhi ulenze lilawule ukuphila. Izwi likaNkulunkulu kufanele lifundwe futhi lilalelwe, bese inhliziyo ithola ukuphumula nokuthula nenjabulo, nokufunzelelwa kuzoqonda ezulwini; kodwa uma iqiniso ligcinwa lehlukene nokuphila, lingaphandle kwegceke, inhliziyo ayifudumali ngomlilo okhazimulayo wobuhle bukaNkulunkulu.

"Inkolo kaJesu, kwabaningi, igcinelwa izinsuku ezithize, noma izikhathi ezithize, futhi ngezinye izikhathi ibekelwa eceleni futhi ayinakwa. Isimiso esimiyo seqiniso akusona samahora ambalwa nje ngeSabatha, noma izenzo ezimbalwa zozwelo, kodwa kufanele ifakwe enhliziyweni, ukucwengisisa futhi ukungcweliswa kwesimilo. Uma kubakhona isikhathi lapho umuntu ephephile ngaphandle kwalokhu kukhanya okukhethekile namandla avela ezulwini, khona-ke angase ahlukane neqiniso likaNkulunkulu. IBhayibheli, izwi likaNkulunkulu elihlanzekile, nelingcwele, kufanele libe ngumeluleki nomholi, amandla alawula ukuphila kwakhe. Lisinika izifundo zalo uma sizozifaka enhliziyweni."-Ibid., vol. 5, p. 547.

## 4. OKUNGENAKUVINJELWA

**a. Chaza icebo likaNkulunkulu ngabantu Bakhe-futhi kungayiphi indlela labo abanenhliziyo encane abagxile kulomhlaba abaphatha ngalo icebo lalabo abafuna ukuphila ngalo-na? Tithu 2:11-14; Duteronomi 26:18.**

________________________________________________________________________________

"Isikhathi sifikile lapho inxenye enkulu yalabo abathe bathokozela futhi bamemeza ngenjabulo umbono wokuza masinyane kweNkosi, besezindaweni zamabandla kanye nomhlaba othe wabanquma ekukholweni ukuthi uJesu uyabuya, futhi basakaza yonke inhlobo yamanga ukuze bakhulise ubandlululo kubo futhi bacekele phansi umfutho wabo. Manje, noma ngubani olangazelela uNkulunkulu ophilayo, elambele futhi omele ukulunga, uNkulunkulu uzakumnika ukuba ezwe amandla Akhe, futhi asuthise ukulangazela komphefumulo ngokuthulula uthando Lwakhe enhliziyweni yakhe, futhi uma ekhazimulisa uNkulunkulu ngokumdumisa, uzakuba, yinxenye yalabo abakholelwa ekubuyeni kweNkosi masinyane, ngokuvamile bebhekwa njengabadukile, futhi bebekwa icala lokuzicwilisa noma lokuba nomoya omubi.

"Abaningi balabo abathi bangamaKrestu bagqoka, bakhuluma, futhi benza njengelizwe, into kuphela abaziwa ngayo ukuzisho kwabo. Noma befakaza ukuthi balindele uKristu, ukukhuluma kwabo akuveli ezulwini, kodwa ezintweni zomhlaba. 'Kumelwe ukuba nibe ngabantu abanjani ekuhambeni okungcwele nasekumesabeni uNkulunkulu,' nibheka nilungiselela ukufika kosuku lukaNkulunkulu.' 2 Peter 3:11, 12. Bonke abanalo lelothemba bayazihlambulula, njengokuba yena ehlambulukile.' 1 Johane 3:3. Kodwa kusobala ukuthi abaningi abanegama lobuAdventist bafunda kakhulu ukuhlobisa imizimba yabo nokubonakala bebahle emehlweni elizwe kunokuba bafunde ezwini likNkulunkulu ukuthi bangavunyelwa kanjani Nguye."-*Early Writings,* p. 108.

**b. Ngokwehlukile, kufanele sigxile kokuphi-na? 2 Korinte 4:18.**

________________________________________________________________________________

"Yeka kuze kube phakade ukukhononda kwakho maqondana nalempilo empofu, kodwa vumela umphefumulo wakho ukuthwale, ukuthi ngingathola kanjani indlela yokuphila okungcono kunalena, igama kwizigodlo ezilungiselwe labo abaqotho nabathembekile kuze-kube sekupheleni. Uma wenza iphutha uselapha, konke kulahlekile. Uma unikela isikhathi sonke ukubuthela ingcebo yasemhlabeni, futhi ulahlekelwe eyasezulwini, uzothola ukuthi wenze iphutha elesabekayo. Awukwazi ukuzuza yomibili imihlaba."-*Testimonies for the Church*, vol. 1, p. 706.

## *Ngolwesine* ***Mandulo 19***

## 5. UKUBHEKA PHEZULU

**a. Sixwayiswa kanjani ngokuthembela kubumpumputhe bobuthakathaka bomuntu kwabaholi nabanye esibambisene nabo abaseduze abangase benze iphutha-na? Isaya 3:11, 12; Amose 2:4; 4:12.**

"Kukhona labo, okuthi noma kucatshangwa ukuthi bakhonza uNkulunkulu, babhinca ngokushesha ukungathembeki. Kubo izindlela eziyizigwegwe zibonakala ziqondile, baphila ngokuqhubeka ukwephula umthetho kaNkulunkulu; izimiso ezikhohlakele zihlangene nomkhuba wabo wokuphila, futhi nomaphi lapho beya khona bahlwanyela imbewu yobubi. Esikhundleni sokuholela abanye kuKristu umfutho wabo ubenza babenombuzo futhi bangabaze."-*Testimonies to Ministers,* p. 281.

"Qaphelani labo abashumayeza abanye izwi lokuphila kodwa bona ngokwabo bengathokozeli umoya wokuthobeka nowokuzidela okungeniswa enhliziyweni. Abantu abanjalo angeke wathembela kubo lapho kunesimo esibucayi. Badelela izwi likaNkulunkulu ngokushesha njengoba kwenza uSawule, futhi njengaye abaningi bakulungele ukuthethelela inkambo yabo. Uma esolwa iNkosi ngokuthumela umprofethi Wakhe, uSawule ngesibindi waqinisa ukuthi ulilalele izwi likaNkulunkulu; kodwa ukukhala kwezimvu nokuhewula kwezinkabi kwakufakazela ukuthi akalilalelanga. Ngendlela efanayo abaningi benza kona lokho bavuma ukuthembeka kwabo kuNkulunkulu, kodwa izenzo zabo neminye imihlangano yokuzijabulisa, ukuzihlanganisa kwabo nelizwe, ukuzidumisa kwabo, ukufisa kwabo udumo konke kufakazela ukuthi abalilaleli izwi Lakhe. 'Abantu bami, izingane ziyakubacindezela, nabesifazane bayababusa.'

"Leli izinga eliphakeme ivangeli elisibeka phambi kwethu. UMkrestu ongaguquki akasona nje isidalwa esisha kodwa esinesithunzi kuJesu Kristu. Ungukhanya okungahluleki okubonisa abanye indlela eya ezulwini nakuNkulunkulu. Lowo odonsa ukuphila kwakhe kuKristu angeke abe nesifiso sokuzijabulisa, okunganelisi komhlaba."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 88.

## *Ngolwesihlanu* ***Mandulo 20***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Chaza iqiniso leBhayibheli lalokho ngokuvamile okubizwa ngokuthi isihogo somlilo.**
2. **Yiziphi izimangaliso uNkulunkulu azenzayo phakathi kumalangabi angacimekiyo-na?**
3. **Amava ami obuKrestu angajula kanjani, futhi kungani lokhu kudingekile-na?**
4. **Chaza izingozi zokufunda engalweni yenyama maqondana nensindiso.**
5. **Manyathelo-mani okufanele ngiwathathe ukuze ngigxile kakhulu ephakadeni-na?**

# Ephikelela Kuze Kube Sekupheleni

**IVESI LEKHANDA: "Ngakho, bathandekayo, njengoba nazi lokhu ngaphambili, xwayani, ukuze ningadukiswa ngokukhohlisa kwabangenamthetho, niwe ekuqineni kwenu, kepha khulani emseni nasekwazini iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. Inkazimulo mayibe-kuye namanje nakuze kube-lusuku lwaphakade" (2 Peter 3:17, 18).**

"Akukho ukungcweliswa kweBhayibhelini kulabo abalahla inxenye yeqiniso emva kwabo."-*SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments], vol. 7, p. 947.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Acts of the Apostles,* pp. 557-567.

## *NgeSonto* ***Mandulo 22***

### 1. UKUQHUBEKA UKUSHESHISA IJUBANE

**a. Ngenxa yomlilo omkhulu, sibizelwa ukwenzani-na? 2 Peter 3:12.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Manje, ngaphambi kokuza kweNdodana yomuntu, ivangeli laphakade lizoshunyayelwa 'ezizweni zonke, imindeni, nezilimi, nabantu.' Isambulo 14:6, 14. UNkulunkulu 'njengokuba umisile usuku, azakwehlulela ngalo izwe.' Izenzo 17:31. UKristu uyasitshela ukuthi lolosuku luzongeniswa nini. Akasho ukuthi umhlaba wonke uzoguqulwa, kodwa ukuthi 'ivangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke; andukuba kufike ukuphela.' Ngokunikeza ivangeli emhlabeni kusemandleni ethu ukusheshisa ukubuya kweNkosi. Akufanele sibheke nje kuphela kodwa sisheshise ukufika kosuku lukaNkulunku. 2 Peter 3:12, isiphetho. Uma ibandla likaKristu lenze umsebenzi walo elimiselwe wona iNkosi, wonke umhlaba ubuzobe uxwayisiwe ngaphambi kwalokhu, futhi neNkosi uJesu ngabe ifikile emhlabeni ngamandla nenkazimulo enkulu.

"Labo abalindele iNkosi bahlanza imiphefumulo yabo ngokulalela iqiniso. Ngokuqaphela okuphapheme bahlanganisa ukusebenza ngokuzimisela. Ngoba bayazi ukuthi iNkosi isemnyango, ukushisekela kwabo kuyashesha kubambisana nezihlakaniphi ezingcwele ekusebenzeleni ukusindiswa kwemiphefumulo."-*The Desire of Ages,* pp. 633, 634.

## 2. KUYILUNGELO ELINGAKANANI

**a. Umuntu ngamunye angasheshisa kanjani ukubuya kukaKristu-na? Umshumayeli 11:1, 2, 6.**

"UKristu unikeze ibandla Lakhe umthwalo ongcwele. Ilunga ngalinye kufanele libe umzila lowo uNkulunkulu angadlulisela ngawo emhlabeni ingcebo yomusa Wakhe, ingcebo kaKristu engafilnyeleleki. Ayikho into uMsindisi ayifisa kakhulu njengezithunywa ezizomela emhlabeni uMoya Wakhe nesimilo Sakhe. Akukho okudingwa umhlaba kakhulu njengokwembulwa kobuntu bothando loMsindisi. Lonke izulu lilindele abesilisa nabesifazane uNkulunkulu angembula ngabo amandla obuKrestu.

"Ibandla liyisithunywa sikaNkulunkulu sokumenyezelwa kweqiniso, Nguye olinike amandla okwenza umsebenzi okhethekile; futhi uma lithembekile Kuye, lilalela yonke imithetho Yakhe, kuzohlala ngaphakathi kwalo ubuhle bomusa ongcwele. Uma ligcina ukuthembeka kwalo, uma lidumisa uJehova uNkulunkulu kaIsrayeli akukho mandla azomelana nalo.

"Ukushisekela uNkulunkulu nomsebenzi Wakhe kwashukumisa abafundi ukuba bafakaze ngevangeli ngamandla amakhulu. Akufanele yini intshiseko efana nalena ivuse izinhliziyo zethu ngokuzimisela ukuxoxa indaba yothando oluhlengayo, lukaKristu Yena owabethelwa esiphambanweni-na? Kuyilungelo lawo wonke uMkrestu, ukungabheki nje kuphela, kodwa ukusheshisa ukufika koMsindisi."-*The Acts of the Apostles,* p. 600.

**b. UNkulunkulu uchaza kanjani inhloso Yakhe ngathi-na? Isihlabelelo Sezihlabelelo 6:10; Amahubo 60:4.**

"Iqiniso nokuphambuka kusondela kwimpi yazo yokugcina. Masihambe ngaphansi kwebhanela elinindwe ngegazi leNkosana uEmanuweli, ngoba iqiniso lizonqoba."-*Christian Service,* p. 77.

"Uma ibandla lizokwembatha ingubo yokulunga kukaKristu, lizohoxa kubo bonke ubudlelwano balo nelizwe, kukhona phambi kwalo ukusa kosuku olukhanyayo nolukhazimulayo. Izithembiso zikaNkulunkulu kulo zizoma ziqinile ingunaphakade. Uzolenza libe yinkazimulo yaphakade, injabulo yezizukulwane zezizukulwane. Iqiniso, elidlula labo abalidelelayo nabalenqabayo, lizonqoba. Noma ngezinye izikhathi libonakala libambezelekile, ukuthuthuka kwalo akukaze kuhlolwe. Lapho isigijimi sikaNkulunkulu sihlangabezana nokuphikiswa, sisinika amandla engeziwe, ukuze sibe nomfutho omkhulu. Elinikezwe amandla angcwele, lizonqamula imigoqo enamandla kakhulu futhi linqobe zonke izithiyo."-Ibid., p. 601.

## 3. AMANDLA NETHEMBA

**a. Kuyini okunikeza amandla kuwo wonke okholwayo olangazelela ukufeza umsebenzi wokusindisa umphefumulo-na? Isaya 53:11; 2 Korinte 5:14, 15; 12:9.**

"Kukhona ukukhandleka nezingxabano, ukuzidela nezilingo zenhliziyo eziyimfihlo, ukuze sonke sihlangane nazo futhi sizibekezelele. Kuzobakhona usizi nezinyembezi ngenxa yezono zethu; kuzobakhona imizabalazo nokubukwa njalo, kuhlangene nokuzisola namahloni ngenxa yokusilela kwethu….

"Uthando lukaKristu malusicindezele ukuba sibenozwelo futhi sibenomusa, ukuze sikhale ngenxa yabaphambukayo nangenxa yalabo abahlubukela uNkulunkulu. Umphefumulo unenani elingenamkhawulo. Ukubaluleka kwawo kulinganiswa kuphela ngentengo eyakhokhwa ukuze uhlengwe. I Khalvari! Khalvari! Khalvari! Lizochaza ukubaluleka ngempela komphefumulo….

"Ngaphandle kwamandla omusa phezu kwenhliziyo, asiza imizamo yethu nangcwelisa imisebenzi yethu, sizohluleka ukusindisa imiphefumulo yethu nokusindisa imiphefumulo yabanye. Uhlelo nokuhleleka kubalulekele kakhulu, kodwa makungabikho onombono wokuthi laba bazokwenza umsebenzi ngaphandle komusa namandla kaNkulunkulu asebenza engqondweni nasenhliziyweni. Inhliziyo nenyama zizohluleka ngesikhathi sezinkonzo. Nasekufezeni amacebo ethu, ngaphandle kwamandla kaNkulunkulu akhuthazayo futhi anikeza isibindi sokwenza umsebenzi."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, pp. 187, 188.

**b. Kungani ithemba elingunaphakade likhuthaza kangaka-na? 2 Peter 3:13; Amahubo 149:4.**

______________________________________________________________________________

"Abamnene 'bazakudla ifa lomhlaba.' Kwakungenxa yesifiso sokuziphakamisa isono esangena ngayo emhlabeni, nabazali bethu bokuqala balahlekelwa umbuso walomhlaba omuhle, umbuso wabo. Kwakungenxa yokuzidela ukuthi uKristu ahlenge lokhu okulahlekile. Uthi yibani ngabanqobi njengalokhu Nami nganqoba. Isambulo 3:21. Abathobekileyo nabazinikelayo bazakuba izidlalifa kanye Naye 'kepha abathobekile bazakulidla ifa lomhlaba.' Amahubo 37:11.

"Umhlaba othenjiswe abamnene angeke wafana nalona, ombozwe yithunzi lokufa kanye nesiqalekiso. "Thina, ngokuya ngesithembiso Sakhe, sibheke amazulu amasha nomhlaba omusha, lapho kuhlala khona abalungileyo….

"Akukho ukudumazeka, usizi, nesono, akekho ozothi, ngiyagula; alukho uhide lwemingcwabo, akukho ukukhala, ukufa, akukho ukwahlukana, azikho izinhliziyo eziphukile; kodwa uJesu ukhona, ukuthula kukhona."-*Thoughts from the Mount Blessing,* p. 17.

## 4. UBIZO OLUNZIMA

**a. UPeter ugcizelela kanjani encwadini yakhe-futhi kungani-na? 2 Peter 3:14.**

"Asazi ukuthi ngolunye usuku izinselela zizobanamandla kangakanani ngokulandelayo. USathane uyaphila, futhi ukhuthele, futhi nsuku zonke sidinga ukukhala ngobuqotho kuNkulunkulu ukuze sicele usizo namandla okumelana naye. Inqobo nje uSathane esabusa kufanele sinqobe umina, izithiyo okumele sizinqobe, futhi ayikho indawo yokuma, alikho iphuzu esifika kulo sithi sesilizulile ngokugcwele.

"Filiphu 3:12; 'Kungesikho ukuthi sengibambile nokuthi sengiphelelisiwe: kepha ngijonga ukuba kumbe ngingakubamba yini lokho nami engabanjelwa khona nguKristu Jesu.'

"Ukuphila koMkrestu kuluhambo oluqhubekela phambili. UJesu uhlezi njengomcwengi nomhlanzi wabantu Bakhe; futhi lapho umfanekiso Wakhe ubonakaliswa ngokuphele kubo, baphelele futhi bangcwele, futhi balungele ukuguqulwa. Umsebenzi omkhulu uyadingeka kumKrestu. Siyanxuswa ukuba sizihlanze kukho konke ukungcola kwenyama nokomoya, siphelelisa ubungcwele ngokumesaba uNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 340.

**b. Kuyini ukubekezela kubalulekile ekungcwelisweni kwethu-na? 2 Peter 3:15, 16; Luka 21:19.**

______________________________________________________________________

"Kukhona eMibhalweni izinto ezinzima ukuba zingaqondwa futhi, ngokuya ngenkulumo kaPeter, ongafundile nomanqikanqika olwela ukubhujiswa kwakhe. Asisoze, kulokhu kuphila, sikwazi ukuchaza incazelo yomusho ngamunye weMibhalo; kodwa ayikho imicijo ebalulekile yeqiniso elisebenzayo elizombozwa ngemfihlakalo. Uma isikhathi sifika, ngokulondoloza kukaNkulunkulu, ukuba umhlaba uvivinywe ngeqiniso lanamuhla, izingqondo zizosetshenziswa ngoMoya Wakhe ukuhlola imiBhalo, ngisho nokuzila nangomkhuleko, kuze kufinyelele lapho umudwa emva komudwa uyahlolwa uhlanganiswe ube yiketanga elilodwa eliphelele. Wonke umcijo ohlangene masinyane nokusindiswa kwemiphefumulo uzokwenziwa sobala ukuze kungabikho noyedwa okumele aphambuke noma ahambe ebumnyameni.

"Njengoba silandela uchunge-chunge lweziprofetho, iqiniso elambuliwe ngesikhathi sethu liye labonakala ngokucacile futhi lachazwa. Sizoziphendulela ngamathuba esiwajabulelayo nangokukhanya okukhanya endleleni yethu."-Ibid., vol. 2, p. 692.

"'Ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu, ukungcweliswa kwenu,' 1 Thesalonike 4:3. Ingabe kuyintando yakho nawe-na?"-*The Acts of the Apostles,* p. 566.

## *Ngolwesine* ***Mandulo 26***

### 5. NIGXILILE ETHEMBENI

**a. UPeter usinxusa kanjani ukuba siqinisele ekubeni nesineke-na? 2 Peter 3:17.**

"Iziqondiso ezibekwe ezwini likaNkulunkulu azishiyi indawo yokuvumelana nobubi. INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ukuze idonsele Kuyo bonke abantu. Ayizelanga ukulalisa umhlaba ebuthongweni, kodwa ukukhomba indlela engumncingo leyo okufanele bonke bahambe ngayo ekugcineni bafinyelele emasangweni oMuzi kaNkulunkulu. Abantwana Bakhe kufanele balandele lapho evule khona indlela; nganoma yimuphi umhlatshelo wokunethezeka noma ukuzitika kobugovu, nganoma yiziphi izindleko zomsebenzi noma ukuhlupheka, kufanele bagcine impi eqhubekayo yokulwa nomina."-*The Acts of the Apostles,* p. 566.

**b. Ekuvaleni incwadi yakhe, siyini isikhalo sokugcina sompostoli-na? 2 Peter 3:18.**

"Izono zakho zingaba njengentaba phambi kwakho; kodwa uma uthobisa inhliziyo yakho uvume izono zakho, uthembe ekufanelekeni koMsindisi owabethelwa esiphambanweni wabuye wavuka, uzokuhlanza kukho konke ukungalungi. UNkulunkulu udinga ukuzinikela okuphelele emthethweni Wakhe. Lomthetho wenanela izwi Lakhe ethi kuwe, Ungcwele, yebo, ungcwele kakhulu. Langazelela ukugcwala komusa kaKristu. Inhliziyo yakho igcwaliswe ngokulangazela ukulunga Kwakhe, umsebenzi lowo izwi likaNkulunkulu eliwushoyo kungukuthula, nomphumela wawo nethemba elingapheliyo. Njengoba umphefumulo ulangazelela uNkulunkulu, nizakufumana ingcebo eningi engaphenyisiseki yomusa Wakhe. Njengoba uzindla ngalengcebo uzothola ukwembulwa kokufaneleka komhlatshelo woMsindisi, isivikelo sokulunga Kwakhe, ukugcwala kokuhlakanipha Kwakhe, namandla Akhe okuniletha phambi kukaYise 'ningenabala, ningenasici."-Ibid., pp. 566, 567.

## *Ngolwesihlanu* ***Mandulo 27***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kuyini okunikeza ubufakazi bokuthi ukushiseka kwethu kuyasheshiswa ngempela-na?**
2. **Yimaphi amanyathelo ngempela engingawathatha ukusheshise ukubuya kweNkosi-na?**
3. **Naphezu kwakho konke ukuxhashazwa, ngubani ozodla ifa lalomhlaba-na?**
4. **Kungani kufanele ngizimisele kakhulu indlela yokungcweliswa-na?**
5. **Njengoba ngibona ukujula kobubi bami obukhulu, kufanele ngenzeni-na?**